asedabuka, avuleka amangcwaba, labafileyo ababekuwo baphuma, abanye babo bethabile kakhulu bekhangale phezulu, abanye bedinga ukuzifihla phansi kwezintaba. Ngasengibona lowomuntu ohlezi phezu kweyezi evula ugwalo, esithi awusondele umhlaba. Kodwa ngenxa yelangabi elibukhali elaphuma livela phambi kwakhe, kwabakhona ibanga elilingeneyo phakathi kwakhe labo, njengaphakathi kothetha amacala labemi phambi kwakhe. Ngezwa njalo kumenyezwa kulabo abamphahlileyo lowo ohlezi phezu kweyezi kuthiya: Buthani umfaba lamakhoba lamahlanga, likuphose echibini elivuthayo.

Kwasekuvuleka umgodi ongelamkhawulo eduze lalapha engangimi khona, emlonyeni waho kwaphuma intuthu enengi kakhulu lamalahle avuthayo lomsindo owesabekayo. Kwathiwa njalo kulabobantu: Buthelelani amabele ami esiphaleni sami. Ngasengibona abanenginengi behluthunwa besiwa emayezini, kodwa mina ngatshiywa. Lami ngazama ukuzifihla kodwa ngingekwenze lokhu ngoba lowoMuntu ohlezi phezu kweyezi wangijolozela; ngakhumbula izono zami, lesazela sami sangicala nhlangothi zonke. Ngasengiphaphama ebuthongweni bami.

UMk.: Kodwa wakwesabelani lokhu?

Umntu wathi: Kwathi sekufika usuku lokugweba kanti ngangingakalulungeli. Kodwa lokhu kwangesabisa kakhulu ukuthi izingilosи zibuthe abanengi zingitshiye mina. Njalo umlomo womgodi wesihogo wavula umlomo waho lapho engangimi khona. Isazela sami laso sangihlupha, kwathi njalo, njengokubona kwami, uMgwebi wangijolozela elolaka ebusweni bakhe.

Wathi uChasisela kuMkristu: Usuziqaphelisisile zonke lezizinto yini?

UMk.: Yebo! zingimisa ekuthembeni lasekwesabeni.

UChas.: Pho-ke, zilondoloze lezizinto zonke engqondweni yakho ukuze zibe njengezincijo ezizakuhlabu ukukuqhabela phambili endleleni ozahamba ngayo.

UMkristu waseqala ukuzibopha ukhalo lwakhe esezathatha indlela yakhe.

Wathi uChasisela: UMduduzi kabe lawe kokuphela, Mkristu omuhle, akuhole endleleni eya kulowomuzi!

UMkristu wayihamba indlela yakhe ethi:

Lapha ngibonile izinto ezingavamile, ezsizayo;  
 Ezimnandi ezesabekayo; okokungimisa isibindi,  
 Kulokho engiqala ukukuphatha.  
 Angiziqonde-ke, ngazisise ukuthi  
 Ngiziboniselweni.

Ngibonge kuwe, Chasisela omuhle.

## 6. Isiphambano

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi indlela uMkristu azahamba ngayo iphahlwe yimthangala izinhlangothi zombili; imithangala le kuthiwa luSindiso. UMkristu ethwele wasegijima, ekhwela ngaleyondlela, kodwa wakhwela ngokulukhuni ngenxa yomthwalo osemhlane wakhe. Wagijima njalo waze wafika endaweni eyayingathi iyenyuka. Kuleyondawo kwakumi isiphambano, ngaphansi kancinyane kwakukhona ingcwaba.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi kwathi esesondele uMkristu kulesosiphambano, umthwalo wakhe waxegiswa emahlombe akhe wawa usuka emhlana wakhe waqala ukugiqika, wagiqika waze wafika emlonyeni wengcwaba, wawela kulo, angizange ngibe ngisawubona njalo.

Ngakho uMkristu wasethaba ethokoza wathi ngenhlizyo ejabulayo:

‘Yena unginike ukuphumula ngosizi lwakhe,  
Wangipha ukuphila ngokufa kwakhe’.

Wema kancinyane ekhangela emangala; ngoba kwammangalisa kakhulu ukuzwa ukuthi ngokubona nje isiphambano wakhumuka umthwalo wakhe. Ngakho wakhangela, wakhangela futhi waze wakhala inyembezi zehla ezihlathini zakhe.

Kwathi esamile ekhangela ekhala, kwavela abathathu abakhazimulayo beza kuye bembingelela bethi: Ukuthula akube kuwe!

Owokuqala wasesithi kuye: Zithethelelwizono zakho!

Owesibili wamhlubula amadabudabu akhe wamembathisa ngengubo ezintsha.

Owesithathu wambeka uphawu ebusweni, wamnika ugwalo olulophawu phezu kwalo wathi kalukhangele esagijima, lokuthi aluse esangweni lasezulwini. Basebehamba-ke.

UMkristu weqa kathathu ethokoza waya phambili ehlabelela esithi:

Ngize ngafika lapha ngithwele izono zami;  
Kwakungekho lutho olwalungasusa okwami ukuhlupheka  
Ngaze ngeza lapha. Hawu, kulindawo!  
Lapha kuyaqala ukuthokoza kwami!  
Lapha umthwalo uwe emahlombe ami!  
Lapha kuqamuke intambo ebeziwubophele kimi!

Siphambano esibusisiweyo, ngcwaba elibusisiweyo!  
 Yebo, kodwa ubusisiwe kakhulu lowoMuntu  
 Owayangiswa lapho ngenxa yami!

Khona ngabona ephutsheni lami ukuthi wasehamba kanjalo waze wafika esihotsheni, lapha abona khona amadoda amathathu eduze kancinyane kwendlela, ebanjwe yibuthongo, elamaketane ezinyaweni. Ibizo lomunye linguSiphukuphuku, omunye kunguVila, owesithathu kunguZitshele. Wasesithi uMkristu, ewabona elele kanjalo, waya kuwo ethi mhlawumbe angawavusa. Wamemeza wathi: Lina lifanana lalabo abalele phezu kwensika yomkhumbi, ngoba ulwandle olufileyo lungaphansi kwenu, lomgodi ongelakucina! Vukani phela! Wozani! Vumani ngilisize, ngilikhulule amaketane enu. Wabatshela njalo wathi: Nxa kudlula lowo ohambahamba njengesilwane esibhongayo; sibili lizabanjwa ngamazinyo akhe.

Bamkhangela baqala ukumphendula ngalamazwi.

Wathi uSiph.: Angiboni ingozi.

Wathi uVila: Ake ngilale kancinyane njalo.

Wathi uZitshele: Ngoba ilesa laleso isiqholo sizihlalele endaweni yaso.

Basebelala njalo, uMkristu wahamba ngendlela yakhe.

Kodwa wadubeka ekhumbula ukuthi abantu abakuleyongozi bangadelela umusa wakhe oze kubo ngobuhle ebavusa, ebaahlakaniphisa, ethanda ukukhulula amaketane abo. Wathi esahlutshwa yilokho, wabona abantu ababili besehla ngokuwa emthangaleni, ngasekhohlo kwendlela encinyane; baphangisa basondela kuye. Omunye ibizo lakhe lalinguGcinumthetho njе elomunye lalinguMzenzisi. Ngakho njengokutsho kwami, basondela kuye, waqala ukukhulumisana labo ngalamazwi.

UMk. wathi: Makhosi, livela ngaphi? Liya ngaphi?

Bathi: Sazalelwа elizweni lasekuZigqajeni, siyakubonga entabenи eZiyoni.

UMk.: Kungani lingangenanga ngesango elisekuqaleni kwendlela? Kalazi lokhu okulotshiweyo okuthi, 'Ongangeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa ekhwela ngenye indawo, ulisela lomphangi. "

Bathi abantu bakibo ukuyangena ngesango kuthiya kukhatshana; ngakho babejwayele ukuquma indlela beqe-ke umthangala njengoba bekwenzile.

UMk.: Angithi kambe kuthiya kuyikona eNkosini yomuzi esiya kuwo, ukuphambana ngokunjalo lentando yakhe evuliweyo?

Bamtshela ukuthi angazihluphi ngalokho ngoba ababekwenzile kungumkhuba. Bethi bangaveza ubufakazi obungakufakazela okweminyaka

engedlula ezinkulungwane.

UMk. wathi: Kambe linto eliyenzileyo ingema uba libuzwa emthethweni?

Bathi: Lowomkhuba osumi okwedlula iminyaka ezinkulungwane usuza kuvunywa sibili langumgwebi ongakhethi nhlangothi! Basebesithi futhi: Uba sithola indlela akulamsebenzi ukuthi singene njani. Nxa singenile singenile. Wena usendleleni nje ungene njengokubona kwethu, ngesango; lathi -ke sisendleleni, esingene sathi ntshobe kuyo emthangaleni. Isimo sakho singcono kulesethu ngani?

UMk.: Mina ngihamba ngokwatshiwo yiNkosi yami; lina lihamba ngokuthanda langokubona kwenu. Ngalokhu iyatsho iNkosi yendlela ukuthi lingamasela. Ngakho ngiyathandabuza ukuthi lizakubonakala libahle ekupheleni kohambo. Lizingenele ingatshongo yona; lizaphuma lize lingelamuswa wayo.

Baphendula ngokufitshane kuye kanjalo, bathi kuye: Zibonele.

Ngasengibona ukuthi basebehamba kungulowo lalowo ehamba ngeyakhe indlela, bengasakhulumisani omunye lomunye, ngaphandle kokuthi lababantu bamtshele uMkristu besithi ngokomthetho langezimiso kabathandabuza kodwa bayalingana laye ngokuyenza. Ngakho kasiboni ukuthi wehlukene lathi ngani, ngaphandle kwangesembatho osembetheyo osinikwe ngabanye abakhelene lawe befihla inhloni yokuhambaze kwakho UMk. wathi: Ngemithetho lezimiso aliyikusindiswa, ngoba alingenanga ngesango. Kodwa mayelana lesembatho lesi engisembetheyo ngasinikwa yiNkosi yaleyondawo engiyakuyo, ngisinikwe, njengelikutshoyo, ukufihla ubuze bami ngaso. Ngithi mina lumphawu lomusa wayo kimi ngoba ngangingelalutho kuqala kuphela kwamadabudabu nje. Njalo ngizithokozisa ngalamazwi nxa ngihamba – Isibili nxa ngifika esangweni lomuzi iNkosi yawo izangazi ngokuhle ngoba ngembethe isembatho sayo. Ngitsho isembatho eyanginika sona ngesihle mhla ingambula amadabudabu ami. Njalo ngilophawu ebusweni bami elingalunanzeleliyo lina, olwabekwa lapha ngenye ingilosu yeNkosi yami, mhla umthwalo wami usiwa emahlombe ami. Ngizalitshela njalo ukuthi ngaphiwa ugwalo olunanyekiweyo ukuze lungiduduze nxa ngilubala ngihamba endleleni. Kwathiwa lapho ngifika esangweni lezulwini kufuneka ngilutshiye khona, lokho kutshengisa ukuthi ngeqiniso lami ngizangeniswa emva kwayo. Konke lokho ngithi, liyakuswela lina, liyakuswela ngoba lingangenanga ngesango. Kabamphendulanga kulokho; bakhangelana nje, bahleka. Ngasengibona behamba bonke, kodwa uMkristu ehamba phambili, engasakhulumi lamuntu, esezikhulumela yedwa nje, ngesinye isikhathi ngokububula,

ngesinye isikhathi ngokuthokoza, njalo ebala kanengi encwadini ayeyinikwe ngomunye wabakhazimulayo, ethokoziswa yiyo.

## 7. Intaba yaseBunzimeni

Ngasengibabona besiya phambili bonke baze bafika phambi kwentaba yeBunzimeni, ngaphansi kwayo kwakulomthombo wamanzi. Kuleyondawo kwakukhonha njalo izindlela ezinye ezimbili, ngaphandle kwaleyo eyayiqondile iphuma esangweni; enye isiya ngakwesokhohlo, lenye isiya ngakwesokunene ngaphansi kwentaba. Kodwa indlela encinyane yayikhwela entaben, ibizo laleyondawo yokukhwela kuleyontaba kuseBunzimeni. UMkristu wasesiya emthonjeni, wanatha kuwo ukuze athole amandla, waseqala ukukhwela entaben esithi:

Lintaba lanxa inde, ngifisa ukukhwela kuyo;  
 Ubunzima bayo abuyikungiduba lakanye;  
 Ngoba ngiyabona ukuthi indlela eya ekuphileni ilapha.  
 Woza-ke, mana-ke nhlizayo yami! kasingadinwa, singesabi!  
 Kuhle, loba kunzima ukuhamba ngendlela elungileyo,  
 Kulokuhamba ngengeyisiyo, lanxa kulula, eya osizini.

Abanye labo ababili bayo labo phansi kwentaba. Bathi sebebone ukuthi intaba ithe nqo inde, njalo kukhona ezinye izindlela ezimbili zokuhamba, njalo becabanga ukuthi lezonidlela ezimbili zingahlangana emuva kwalintaba akhuphuka ngayo uMkristu, bazimisela ukuthi bahambe ngalezondlela. Kodwa ibizo lenye yalezondlela lalithiwa yiNgozi; ibizo lenye lalithiwa yikuBhubheni. Kwanjalo omunye wahamba ngendlela okuthiwa yiNgozi, eyamngenisa ehlathini elikhulu. Omunye waqonda wakhuphuka ngendlela eya ekuBhubheni: eyamngenisa emangweni obanzi olezintaba ezinengi, ezimnyama, wakhubeka wawa, kabesavuka njalo.

Ngasengikhangela uMkristu, ukumbona ekhwela entaben. Ngananzelela ukuthi wasuka ekugijimeni wahamba nje, njalo wasuka ekugijimeni wabuya wagaqa ngamadololo langezandla ngenxa yokwenyuka kwalindawo. Kodwa ekukhweleni, phakathi kwentaba, kwakukhonha idumba elihle elakhiwa yiNkosi yentaba leyo ukuze abahambi abakhatheleyo baphumule kulo. UMkristu esefinyelele khona, wahlala phansi ethi uyaphumula, wasekhupha ugwalo lwakhe esifubeni, wabala kulo eziduduza. Waseqala ukukhangela ijazi kumbe isembatho ayesiphiwe esemi ngasesiphambanweni. Esezithokozisile okwesikhatsana, wasewozela, waze wajunywa yibuthongo, obambandezela kuleyondawo kwaze kwaphosa kwahlwa. Kwathi ekulaleni

kwakhe ugwalo lwakhe lwawa esandleni sakhe. Kodwa esalele, kweza kuye umuntu othile wamvusa esithi: Hamba uyebunyonyweni, wena vila, ubone indlela zabo uhlakaniphe!

Ngalokho uMkristu wahle waphaphama wavuka, waphanga endleleni yakhe, watshitsha waze wafika phezulu entaben.

Wathi esefike phezu kwentaba, kweza abantu ababili begijima ngesiqubu behlangabezana laye. Ibizo lomunye linguSaba, elomunye linguNgathembi.

UMkristu wathi kubo: Makhosi, kwenze njani? Ligijima ngendlela engeyisiyo!

Waphendula uSaba wathi: Besisiya emzini weZiyoni sasesifika kukulindawo enzima, kodwa wathi: Nxa siqhubeka sihlangana lengozi ezinengi. Ngakho saphenduka, sesibuyela emuva.

‘Yebo-ke’, wathi uNgathembi, ‘ngoba khonapha eduze phambi kwethu zikhona izilwane ezimbili endleleni! Loba zilele loba zikhangele, kasazi; sesabile sathi nxa sisondela kuzo, zizasidabula masinyane.

Wathi uMk.: Liyangasabisa! Kodwa ngizabalekela ngaphi ukuze ngiphephe? Nxa ngibuyela elizweni lakithi, elilungiselwe umlilo lesibabule - isibili ngizabhubhela khona! Nxa ngifinyelela emzini wasezulwini, ngiyazi sibili ukuthi ngizavikeleka khona. Kungcono ngiqhubeke. Ukubuyela emuva kuyikufa nje; ukuya phambili yikwesaba ukufa, kanti ukuphila okungapheliyo kulaphaya. Ngoba kunjalo, ngizakuya phambili!

Ngakho uSaba loNgathembi bobabili bagijima behla entaben; uMkristu-ke wahamba ngendlela yakhe. Kodwa esakhumbula lokhu akuzwileyo kulabobantu, waphumputha esifubeni sakhe, edinga ugwalo lwakhe ukuze alufunde aduduzeke. Kodwa waphumputha, kalutholanga.

Ngakho wabuyela emuva ekhangela indawo zonke ngapha langapha, indlela yonke esahamba ethi kumbe angaluthola ugwalo lwakhe, ugwalo lolo lwalumthokozisa izikhathi ezinengi ehambeni lwakhe. Kwabanjalo waze wafika kulelodumba ahlala kulo waze walala ubuthongo, kodwa ukulibona kwengezelela ukudabuka kwenhlizayo yakhe, kwamkhumbuza njalo kwandisa okubi kwakhe kokulala ubuthongo. Wasekhala njalo ngokulala okubi kwakhe ubuthongo, ethi: Hawu, mina muntu olusizi! Ngokulala kwami emini! Ngokulala kwami ngiphakathi kobunzima! Ngenze okuthandwa yinyama; ngiphumuze umzimba wami kulindawo iNkosi yentaba eyayakhela ukuphumuza inhlizayo zabahambi! Ngihambe kangaka kwabalize! Kwabanjalo lakubaIsrayeli; ngokona kwabo babuyiselwa emuva ngendlela yolwandle oluBomvu. Lami-ke sengihamba ngokuhlupheka, lokhu bengizakuhamba ngokuthokoza, nxa bekungayanga ngokulala kwami okubi.

UMkristu wasedubeka kakhulu engazi ukuthi angenzani ngoba eswela lokho okwakukade kumthokozisa, obekuyakuba yisibonakaliso sokuthi uzakungena emzini wasezulwini. Waseqala ukudideka kakhulu engazi ukuthi uyakwenzani, waze wakhumbula ukuthi ulele ubuthongo kulelodumba eliphakathi kwentaba; waseguqa phansi ngamadolo wacela uNkulunkulu ukuthi amthethelele ukwenza kwakhe lokho okobuthutha, wasebuyela emuva ukuyadingisisa ugwalo lwakhe. Kuyo yonke leyondlela yokubuyela emuva ngubani ongananzelela ukudabuka kwenhliziyi kaMkristu? Ngesinye isikhathi wabubula, ngesinye wakhala; kanengi wazisola ngoba eyisithutha ngokunjalo ngokulala ubuthongo kuleyondawo eyayakhelwe ukuze aziphumuze okwesikhhatshana ekukhathazekeni kwakhe. Ngakho-ke wabuyela emuva ekhangelisisa ngapha langapha kwendlela hlezi angaluthola ugwalo lwakhe olwaluyindudu zo yakhe izikhathi ezinengi ohambeni lwakhe. Wahamba njalo waze wafika edumbeni ahlala walala khona. Kodwa ukulibona kwavuselela usizi lwakhe kakhulu ngokumkhumbuza ngitsho langobubi bokulala kwakhe. Ngakho ngaleyondlela waqhube ka evisola ngokulala kwakhe okubi esithi: O muntu olusizi oyimi, ukuthi ngilale emini! Lokuthi ngilale phakathi kobunzima! Ukuthi ngenze okuthandwa yinyama ukuze ngisebenzise lokho kuphumula ukwenwabiso inyama yami, iNkosi yentaba eyayakhela kuphela ukuphumuza izihambi! Ungakanani ummango engiwuhamble ize! (Kwenzeka njalo kuIsrayeli – ngenxa yesono sabo babuyiselwa futhi emuva ngendlela yoLwandle oluBomvu.) Sengenziwe ngahamba lowomango ngosizi ebengifanele ngiwhuhambne ngentokozo kungesi lokhukulala okubi. Ngabe sengikhhatshana kangakanani ngalesi sikhathi! Sengenziwe ukuhamba kathathu kanti bengingabe ngihambe kanye nje! Hawu, khathesi ubusuku buzangithola, ngoba ilanga selizatshona. Hawu, kanti ngabe kanganalanga!

Wasefika njalo edumbeni, wahlala phansi kancinyane, wakhala. Emva kwasikhathi (ngomusa kaNkulunkulu) ekhangela ngosizi phansi kwesihlalo, walubona ugwalo lwakhe! Waluhluthuna ethuthumela ephangisa, walufaka esifubeni sakhe. Kambe ngubani ongalandisa ukuthokoza kwalumuntu eselutholile ugwalo lwakhe futhi! Ngoba lolugwalo yiloni olokuqinisa ukuphila kwakhe lokuvunywa kwakhe endaweni ayifisayo. Waselubeka esifubeni sakhe, wabonga uNkulunkulu ngoba eqondise ilihlo lakhe endaweni olwaluweli khona; wathi ejabula elezinyembezi waphinda wahamba ngendlela yakhe njalo. Yeka ukugijima kwakhe kulelobanga entaben! Kodwa engakadundubali, ilanga laselimitshonela uMkristu. Lokhu

kwamenza ukuthi aphinde akhumbule ubuze bokulala kwakhe ubuthongo. Waseqala ukuzisola njalo ngokunjalo ethi: Hawu! Buthongo obubi! Khathesi ngenxa yabo sengizaficwa yibusuku ngihamba! Sekumele ngihambe lingekho ilanga ubumnyama busibekela indlela yenyawo zami, ngizwe umsindo wezinyamazana ezikhala, ngenxa yokulala kwami ubuthongo obubi! Wasekhumbula leyondaba ayitshelwa ngoNgathembi loSaba abathi bethuswe yikubona izilwane. Waphinda wazikhulumela yedwa uMkristu wathi: Lezizilo phela zihamba ebusuku, zifuna ezipakudla. Nxa zingifica emnyameni, ngizazibalekela njani? Ngiphephe ukudatshulwa yizo njani? Wasehamba ngendlela yakhe ngokunjalo. Kodwa esakhala ngosizi lwakhe olubi waqubuka ebona indlu enkulu enhle itheqekele phambi kwakhe, ibizo layo kuse-Ebhulen; imi eceleni ngasendleleni.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi waphangisa waya phambili ethi kumbe angazuza indlu yokulala khona. Kodwa engakadluleli khatshana wangena emkhandlweni omncinyane oseduzane lendlu yomgcini wesango. Wathi ecingisia ngaphambili kwakhe ehamba, wabona izilwane ezimbili endleleni! Wasenakana: Sengibona ingozi lezo uSaba loNgathembi ezababuyisela emuva. (Kanti izilwane lezo zazibotshiwe ngamaketane, kodwa engawaboni amakethane). Wakhumbula laye ukubuyela emuva abalandele ngoba kakhumbulanga lutho kodwa ukufa okwakuphambi kwakhe. Kodwa umgcini wesango, obizo lakhe lalinguMlindi, ebona ukuthi uMkristu umi kungathi uzabuyela emuva, wasemmemeza esithi: Amandla akho macinyane kangaka? Ungazesabi izilwane; zibotshiwe. Zibekwe lapho ukuze zilinge ukholo lomuntu ukuthi lungakanani, lokuveza obala labo abangelakho ukukholwa. Hamba phakathi kwendlela! Kuyikwehlelwa yingozi lakanye.

Ngasengibona ukuthi wahamba ethuthumela ngokwesaba izilwane. Kodwa eqaphela kuhle ayekutshelwe ngumgcini wesango. Wazizwa zibhonga nje kodwa azimlimazanga. Waseqakeza izandla waya phambili waze wema phambi kwesango ayemi kulo umgcinisango.

## 8. Indlu enkulu yase-Ebhuhleni

Wasesithi uMkristu kumlindi ongumgcini wesango wathi: Nkosi, ngekabani indlu le? Ngingalala lapha ngalobubusuku na? Waphendula umgcini wathi: Lindlu yakhiwa yiNkosi yentaba; yayakhela ukusiza abahambi, baphumule kuyo, bathole isivikelo. Wabuza njalo wathi: Uvela ngaphi, uya ngaphi? UMkristu wathi: Ngivela emzini wekuBhubheni, ngiya eNtabeni yeZiyoni. Ngoba ilanga selitshonile, ngithanda ukuthi ngilale lapha ngalobubusuku, nxa uvuma.

UMLindi wathi: Ungubani ibizo lakho?

UMk.: Ibizo lami khathesi nginguMkristu kodwa kuqala lalinguSwelumusa. Ngingowesizwe sakoJafethe, lowo uNkulunkulu ayakumhola ukuthi ahlae emathenteni kaShemu.

UMLindi: Kodwa kwenze njani ukuthi ufile sekuhlwile? Ilanga selitshonile. UMk.: Bengiyakufika kusakhanya kodwa kuyengecala lami, mina muntu olusizi ngalala ubuthongo kuleliyana idumba elimi phakathi kwentaba! Lanxa kunjalo ngangifike lapha ngaphambili kwalokhu kodwa ngithe ekulaleni kwami ngalahlekelwa lugwalo lwami; ngahamba ngaze ngafika phezulu entaben i lungekho. Lapho-ke ngathi phuthaphutha angaluthola ngasengiphenduka ngilosizi enhliziyweni yami, ngabuyela endaweni engalala ubuthongo kuyo; ngasengiluthola lapho; sengifikile lapha khathesi. UMLindi wathi: Yebo, ngizabiza omunye kumantombazana akulindlu, nguye ozakuthi nxa evuma kuhle amazwi akho akungenise endlini njengomkhubo wakhonapha.

UMLindi umgcini wasetshaya insimbi, eyathi ukuthi izwakale kwaphuma emnyango wendlu intombazana ethuleyo enhle, ibizo layo linguHlolqaonde, yabuza yathi: Ngibizelwani?

Waphendula uMlindi wathi: Lumuntu uyahamba uvela emzini wekuBhubheni, uya entaben yeZiyoni. Kodwa ngoba ekhathele ehlwelwe yibusuku, ubuzile wathi angavunyelwa yini ukuthi alale lapha ngalobubusuku. Ngathi-ke ngizakubuza wena khona kuzakuthi nxa usukhulume laye, wenze ngokubona kwakho ngitsho ngomkhuba walapha.

Yambuza ithi: Uvela ngaphi, uya ngaphi? Wayitshela.

Yabuza njalo yathi: Wangena kanjani endleleni? Wayitshela. Yabuza ukuthi uboneni lokuthi uhangene lani endleleni; wayitshela. Yacina ngokubuza ibizo lakhe. Wathi: NginguMkristu njalo ngilesifiso ukuthi ngilale lapha ngalobubusuku ngoba ngokubona kwami lindawo yakhiwe yiNkosi yentaba, yakhelwe ukusiza lokukhusela izihambi.

Njalo yabobotheka, kanti inyembezi zazisenkopheni zayo. Yathula kancinyane yabuya yathi: Sengizabiza abanye abakwethu ababili loba abathathu. Yagijima yaya ngaphakathi yabiza uNonhlakaniph, loKhonzokuhle, loThando. abathi sebekhulumisene laye kancinyane bamusa endlini. Abanengi bamhlangabeza emnyango wendlu bathi: Ngenake wena obusisiweyo yiNkosi!

Indlu le yakhiwe yiNkosi yentaba yakhelwe ukungenisa izihambi ezinjengawe.

Wasebingelela ekhothamisa ikhanda, wabalandela, wangena endlini. Esengenile wahlala phansi, bamnathisa, bavumelana ngokuthi, kuze kulungisiwe ukudla abanye bethu bazabe behkuluma loMkristu, benza lokho kuze bachithe isikhathi, bathi oKhonzokuhle, loNonhlakaniph loThando bazakhuluma laye. Basebeqala-ke ngalokhu:

UKhonzaKuhle wathi: Woza-ke Mkristu omuhle, ngoba sikuthande kangaka sazesakungenisa endlini yakwethu ngalobubusuku, ake sikhulume lawe ngakho konke okwakwehlela ekuhambeni kwakho; mhlawumbe kulokho siyakuzwa okuhle.

UMk.: Yebo, ngiyavuma njalo lami ngiyathokoza ngithi ulomusa.

UKhonz.: Yikuphi okwakuzwisa kuqala ukuthi uzise endleleni yizihambi?

UMk.: Ngaxotshwa elizweni lakithi engazalelwu kulo ngumsindo owesabekayo owaduma endlebeni zami, wokuthi ngizakwehlelwu yikubhubha okungelakuphetshwa, nxa ngihlezi kulindawo engikuyo.

UKhonz.: Kodwa kungani ukuthi uvele ngalindlela uthi uphuma elizwenilakini?

UKristu wathi: Kube licebo likaNkulunkulu ngoba ngangisesaba lokhokubhubha ngangingazi lapha engingaya khona. Kodwa ngiqhuqua ngilila, kwafika umuntu kimi, ibizo lakhe nguNdabezinhle, yena wangiqondisa esangweni elincane, engangingaykulithola lakanye, kungayisuye owangimisa endleleni eqonde nta kulindlu.

UKhonz.: Kambe kawudlulanga endlini kaChasisela?

UMk.: Yebo, lapho ngabona izinto ezinjalo, ukukhumbula zona kuzakunamathela kimi ngisekhona, kukakhulu ezintathu zokuthi: uKristu wondla umsebenzi wakhe womusa enhliziyeweni ngokuphikisana loSathane; lokuthi lowomuntu wayesonile waze walahla ukuthemba konke emuseni kaNkulunkulu; lephupho njalo lalowo owathi elele wacabanga ukuthi usuku lokugweba selufikile.

UKhonz.: Hawu! Wamuzwa ekhuluma iphupho lakhe?

UMk.: Yebo, ngathi liyesabeka; wathi ukulikhuluma lenza inhliziyo yami yaba buhlungu. Kuhle ngoba ngalizwa.

UKhonz.: Kambe yikho lokho kuphela owakubonayo endlini kaChasisela?  
 UMk.: Hatshi. Wangithatha wangisa lapha angitshengisa khona indlu yobukhosi, ngabona khona abantu ababekuyo bembethe igolide. Njalo kweza umuntu olesibindi wangena ngamandla phakathi kwamabutho ayemi emnyango ethi azamvimbela phandle, njalo kwathiwa kangene azuze ubukhosi obumiyo. Konke lokhu kwangithabisa kakhulu enhliziyweni yami. Beningahlala endlini yalowomuntu omuhle umnyaka wonke, aluba kwakungayanga ngokuthi ngiyazi ukuthi sekufanele ukuthi ngedlulele phambili.

UKhonz.: Yikuphi njalo okunye owakubonayo endleleni?

UMk.: Engakubonayo! Ngadlulela phambili kancinyane, ngabona omunye, ngikhumbula enhliziyweni yami, ephanyekwe esihlahleni, esopha igazi; ukumbona nje kwenza ukuthi kuwe umthwalo wami emahlolome ami (ngoba ngangisabubula phansi komthwalo osindayo); kodwa wasuziwela kimi. Kwangimangalisa lokho ngoba ngangingazanga ngikubone okunjalo. Kodwa ngisakhangle phezulu, ngoba ngangingezibambe ngokukhangela, kweza kimi abathathu abakhazimulayo. Omunye wabo wafakaza ukuthi zithethelwe izono zami. Omunye wangambula amadabudabu ami, wanginika isembatho esihle elisibonayo. Omunye wangibeka loluphawu elilubonayo ebusweni bami, wanginika lolugwalo njalo olulophawu.

Waselukhupha–ke ugwalo esifubeni sakhe.

UKhonzo. wathi: Kodwa angithi wabona okunye njalo kulalokho?

UMk.: Yilezo ezinhle kuzo zonke lezi engilitshela zona. Kodwa ngake ngabona okunye njalo. Ngabona abantu abathathu, oSiphukuphuku, loVila, loZitshele, belele ubuthongo eceleni kwendlela engangihamba ngayo; belamaketane ezinyaweni. Kodwa ngehluleka ukubavusa. Njalo ngabona oGcinumthetho loZenzisa besehla ngokuwa emthangaleni, bethi bayu eZiyoni, bezenzisa nje. Kodwa balahlekwa njengokubatshela kwami kodwa abaze bayuma ukukholwa. Phezu kwalokhu ngezwa kunzima ukukhwela kulintaba, kunzima njalo ukudlula ngasemlonyeni wezilwane. Isibili uba kwakungesi ngomuntu omuhle lowo ongumgcini ohlala esangweni, angazi ukuthi emva kwakho ngangizabuyela emuva. Kodwa khathesi ngibonga uNkulunkulu ngoba nanku sengilapha, ngibonga kini njalo ngoba lingenenisile.

UNonhlakanipho wasethanda ukumbuza kancinyane, wancenga esithi kabomphendula.

Wathi: Angithi ngesinye isikhathi uke ukhumbule ngelizwe lelo owavela kulo yini?

UMkristu wathi: Yebo, kodwa ngilenhloni ezinkulu langokulizonda. Uba-ke kambe bengikhumbula kuhle lelolizwe engaphuma kulo ngabe sengake ngaba lethuba lokubuyela; kodwa khathesi-ke ngilangatha elingcono elingezezulwini.

Nonhlak. wathi: Kakukho lanye yezinto owawuzithanda oselayo lakhathesi yini?

UMk.: Yebo! Kodwa angikuthandi lokho lakanye, kakhulu ukukhumbula kwami kwenhliziyo ngezinto zenyama, abathokoziswa yikho bonke abakithi kanye lami. Kodwa khathesi konke lokhu kuyangidabula, alubana bengingazikhethela, bengizakhetha ukuthi ngingabi ngisazikhumbula lezozinto njalo. Nxa ngithanda ukwenza okuhle kakhulu, kanti lokubi kakhulu kukimi.

Nonhlak.: Kakwenzeki kuwe yini ngezinye izikhathi ngokungathi zinqotshiwe sibili lezozinto ezithi kwesinye isikhathi zikukhathaze?

UMk.: Yebo, kodwa kakwandanga lokho, ngoba zinhle izikhathi lezo engizwa lokho ngazo.

Nonhlak.: Uyazikhumbula yini lezozinto ezikukhathazayo ngesinye isikhathi uzizwa kungathi zinqotshiwe?

UMk.: Yebo. Nxa ngikhumbula lokho engakubona esiphambanweni, kuyakwenza lokho; njalo nxa ngibona isembatho sami esihle lokho kuyakwenza lokho; njalo lanxa ngikhangelala ugwalo engiluthwele esifubeni sami, kuyakwenza lokho; lanxa imikhumbulo yami itshiseka ngalapho engiyakhona, kuyakwenza lokho.

Nonhlak.: Kodwa kuyini okwenza ukuthi unxwanele kangaka ukuya eNtabeni yeZiyoni?

UMk.: Lapho-ke ngiyethemba ukuthi ngizambona ephilile lowo owayelenga efile esiphambanweni. Lapho-ke njalo ngiyathemba ukuthi ngizakhululwa kukho konke lokho okukimi lamhlanje okungikhathazayo; bathi lapho akulakufa, lapho ngizahlala lalabo engibathandayo kulabanye bonke. Ngoba nxa ngisitsho iqiniso ngithi ngiyamthanda yena ngoba ngaye ngakhululwa emthwalweni wami, njalo sengidiniwe ngesifo sami esingaphakathi. Ngiyathanda ukuthi ngifinyelele lapho engingesayikufa khona, ngibe ngomunye webandla lalabo abamemeza kokuphela besithi: Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele.

UThando wasesithi kuMkristu: Ulomuzi yini? Uthethe yini?

UMk. wathi: Ngilomfazi labantwana abane.

UThando: Pho kungani ungabuyanga labo?

UMkristu wasekhala wathi: Hawu, ngangithanda ukukwenza ngenhliziyo

yami yonke, kodwa bonke babengafuni kakhulu ukuthi ngihambe loluhambo lwami.

UTHando: Kodwa kwakufanele ukhulume labo, ulinge ukubatshengisa ingozi ezabehlela nxa besele emuva.

UMk.: Yebo, ngakwenza lokho; ngabatshela njalo uNkulunkulu angitshengisa khona ngokubhujiswa komuzi wakithi. Kodwa bangenza umuntu obaklolodelayo abangikholtwanga.

UTHando wathi: Kambe wakhuleka kuNkulunkulu ukuthi abusise iseluleko sakho kibo?

UMk.: Yebo, ngathandaza ngobubele obukhulu, ngoba kumele wazi ukuthi umkami labantwana bami babe ligugu kimi.

UTHando wathi: Pho! Wabatshela ngokudabuka kwakho lokuthi wesaba ukubhubha? Ngoba phela ukubhubha lokho kwakusobala kakhulu kuwe.

UMk.: Yebo, futhifuthi, futhifuthi, futhifuthi! Babengabona njalo ukwesaba kwami ngobuso bami, langezinyembezi zami, langokuthuthumela kwami ngisesaba isigwebo esasilenga phezu kwamakhanda ethu. Kodwa konke lokho kwakungenele ukubavumisa ukuthi babuye lami.

UTHando: Kanti babengathini ngabo ngokwabo ukuthi bangabuyi lawe?

UMk. wathi: Umkami wayesesaba ukulahlekelwa yilumhlaba; labantwabami babezinikele ekuthokozeni okuyize kobutsha; kunjalo-ke omunye ngokunye, omunye ngokunye, bangitshiya ngedwa ukuthi ngihambe ngedwa ngalindlela.

UTHando: Kambe ngempilo yakho eyize kawubulalanga konke wena okwathi ngamazwi wakuphatha uthi uzabavumisa ukuze bahambe lawe?

UMk.: Isibili ngingebonge lokhu kwenza kwami; ngoba ngyiayi ngokwehluleka kwami okunengi. Njalo ngyiayi ukuthi umuntu ngokuhamba kwakhe angaphangisa achithe ngamazwi okuvumisa lawokubonisa abefuna ukukubophelelela kwabanye ukuze kubancede. Kodwa-ke ngingaqinisa kulokhu okokuthi ngananzelela kakhulu ukuthi alubana ngisenza okungafanele bangala ukubayizihambi ngenxa yami. Yebo-ke, langalokho bebezakuthi ngedlule ebangeni elejayelekileyo ngazibopha ngezinto abangaboni ububi kuzo. Njalo ngingathi mina lanxa kwakukhona kimi okwabathintayo, kwaba yibuthakathaka bami obukhulu ngokona kuNkulunkulu kumbe ukuphatha kubi engakhelene laye.

UTHando: Yebo, uKayini wazonda umfowabو ngoba eyakhe imisebenzi yayimibi, eyomfowabو imihle. Aluba umkakho labantwana bakho bathunukala ngalokho, isibili bazibonakalise ngokuthi abalakuvama okuhle. Uyikhulule inhliziyo yakho egazini labo.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi bahlala ngokunjalo kwaze kwalungiswa ukudla. Kwathi sebelungisile bahlala phansi badla Njalo ukudla kwakwande okunonileyo, okwakunathwa okucwengekileyo, lokukhuluma kwabo ekudleni kwakumayelana leNkosi yentaba, kusitsho lokho eyayikwenzile, ngakho-ke yenza lokho eyakwenzayo lokuthi yayiyakheleni leyondlu. Ngalokho-ke abakutshoyo ngabona ukuthi yayiliqhawe elidumileyo yalwa lolamandla okufa, yambulala; kodwa layo yasila kanzima engozini, okwangenza ngiyithande kakhulu.

Bathi-ke yakwenza lokho ichitha igazi elinengi; loMkristu wathi, 'Ngiyakukholwa lokho'. Kodwa eyiyo into eyaletha ubukhosu bomusa kukho konke eyakwenzayo, yikuthi yakwenza konke ngenxa yokulithanda ngokupheleleyo ilizwe lakibo. Njalo kwakukhona abanye balowomuzi abathi bake bayibona bakhuluma layo emuva kokufa kwayo esiphambanweni: Basebequinisa ngokuthi bakuthatha emlonyeni wayo ukuthi izithanda kangaka izihambi eziyangekileyo, okokuthi onje angetholwe kusukela empumalanga kusiya entshonalanga.

Baphinda bayikhuluma lindaba ukuqinisa lokho ababekukhulumile, eyokuthi yazembula ubukhosu bayo ukuze yenzele abayanga lokhu, lokuthi bayizwa ikhuluma iqinisa ukuthi kayiyikuhlala yodwa eNtabeni yeZiyoni. Baphinda bathi isenze izihambi ezinengi zabangamakhosi, lanxa ngemvelo babezelwe beyiziceli ezaphuma esilotheni.

Kunjalo-ke bakhulumisana kwaze kwaba phakathi kobusuku; bathi uba beqeda ukuzibika eNkosini yabo ukuthi ibalondoloze, bayalala phansi. Umhambi bamlalisa endlini ephezulu enkuIu, ifasiteli layo lalikhangele empumalanga. Ibizo laleyondlu laliyikuThula; lapho uMkristu alala khona kwazekwasa. Wasevuka wahlabelela esithi:

Ngingaphi khathesi? Yilolu uthando lonanzelelo  
 LukaJesu ananjelela abantu abayizihambi ngalo!  
 Ngokunakekela okunje? Ngalo ngithethelwe!  
 Sengihle ngahlala eduze lomnyango wezulu.

Basebevuka-ke ekuseni bonke. Ngemva kwenye ingxoxo bamtshela ukuthi angasuki baze bamtshengise okuligugu kwaleyondawo. Kuqala bamusa endlini yezingwalo lapho abamtshengisa khona izindaba ezilotshiweyo zendulo, kulezo, njenge ngikukhumbulayo ephutsheni lami, bamtshengisa usendo lokuqala IweNkosi yentaba, ukuthi uyiNdodana yoMdala

weziNsuku, eyavela ngesizukulwane saphakade. Lapho-ke kwalotshwa ngokugcweleyo kakhulu indaba zalokho akwenzayo, lamabizo alabo abangamakhulu amanengi eyabangenisa emsebenzini wayo, lokuthi wabangenisa njani kulezozindlu okuzakuthi ngobunengi bensuku kumbe ukubola kwemvelo zingedilike.

Basebemfundela-ke ogwalweni ngokudumileyo abakwenzayo abanye babantu bayo, ukuthi banqoba izizwe, benza ukulunga, bazuza izthembiso, bavimba imilomo yezilwane, bacitsha amandla omlilo, baphepha ubukhali bezinkemba, benziwa abalamandla ebuthakathakeni, baba ngamaqhawe ekulweni baxotsha amabutho abezizwe.

Basebephinda bemfundela kwenye yezingwalo zendulo, lapha okulotshwe khona ukuthi iNkosi yabo iyavuma kangaka ukubangenisa embusweni wayo bonke, ngitsho bonke labathi ngesikhathi esidlulileyo beyisa isimo sayo lokwenza kwayo. Lapho kwakukhona lezinye njalo izindaba ezinengi zokunye okudumileyo, uMkristu akubonayo konke, okwezinto ezendulo lezakhathesi, ndawonye lemibiko leziprofetho ngobuqotho bokupheleliswa kwazo zisesabisa njalo zimangalisa izitha kodwa zingezokududuza lokuthokozisa izihambi.

Njalo lakusasa bamthatha bamusa endlini yezikhali zonke zensimbi lapho abamtshengisa khona izinhlobo zezikhali iNkosi yabo eyayizlungisele izihambi, njengomhedla, isihlangu, ingowane yensimbi, isivikelo sesifuba, umkhuleko wonke lamanyathela angagugiyi. Kwakukhona lapha okwaneleyo ukuhlomisa amadoda amanengi behlomele iNkosi yabo ukuyisebenzela, abangangezinkanyezi zezulu ngobunengi. Basebemtshengisa njalo izikhali, abanye babantu bayo ababenze okumangalisayo ngazo. Baveza kuye intonga kaMozisi, isando lensimbi uJayeli abulala uSisera ngakho, lezigxingi lezindweba lezibane uGideyoni axotsha ngakho amabutho aseMidiani. Bamtshengisa njalo induku ecijileyo uShamgari abulala ngayoabantu abangamakhulu ayisithupha. Bamtshengisa njalo ithambo-lomhlathi akhalipha ngalo kakhulu uSamsoni; bamtshengisa isavutha uDavida abulala ngaso uGoliyathi waseGathi, lomhedla weNkosi yabo ezabulala ngawo umuntu wesono ngosuku ezavuka iphume ngalo ukuzaqeda izitha zayo.

Bamtshengisa njalo okunye okunengi okuhle, uMkristu athokoziswa kakhulu yikho. Bathi sebekwenzile lokho bayalala njalo.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi lakusasa wavuka edlulela phambili. Kodwa bamnxusa bathi kahlale labo lakusasa njalo, basebesithi uba libalele

kahle bazamtshengisa Intaba eziNhle, abathi kuzakwengezelela intokozo kuye, ngoba basebeseduze lendawo abayifisayo, kulaleyondawo ayemi kuyo. Wasevuma wahlala. Kwathi sekusile bamkhwelisa phezu kwendlu, bathi kakhangele eningizimu. Wenza njalo wabona likhatshana ilizwe elihle kakhulu elizintaba, elande izihlahla, elilamasimu evini lezithelo zohlobo lonke, lamatuba njalo, lilemithombo lezifudlana; kwakukuhle kakhulu ukukubona. Wasebuza ibizo lalelolizwe.

Baphendula bathi nguMhlaba kaEmanuweli; ulungile kubahambi bonke njengentaba le. Wathi: Lapho usufike khona usuka lapho, bathi: uzabona isango loMuzi weZulwini, njengoba bezakwembulela abelusi abahlala khona.

Wasesithi uzadlulela phambili, labo basebevuma. Kodwa bathi: Kuqala–ke asiphinde siye endlini yezikhali. Benza njalo. Kwathi sebefike khona bamhlomisa, baqala phansi baze bacina ekhanda ngezikhali ezihloliweyo, hlezi mhlawumbe ahlaselwe endleleni. Wathi ukuthi ahloniyiswe ngokunjalo, waphuma lezihlobo zakhe, waya esangweni; wambuza umgcini ukuthi akabonanga kudlula izihambi lapho.

Waphendula umgcini wathi: Yebo.

UMk.: Umazile yini?

UMMlindi: Ngibuzile ibizo lakhe, wangitshela wathi unguThembekile.

uMk.: Ye, ngiyamazi ungumuntu wakithi, sakhelene laye, uvela kuleyondawo engazalelwu kuyo. Kambe sekunini edlule?

UMLindi wathi: Ngalesisikhathi usengezansi kwentaba.

UMk.: Kulungile, mgcini omuhle, iNkosi ayibe lawe yengezelele kakhulu okuhle konke kwakho ngomusa owangenzela wona.

Waseqala ukudlulela phambili. Kodwa uHlolqaonde, loNonhlakanipho, loKhonzokuhle, loThando babethanda ukumphelekezelu bamehlise entaben. Ekuhambeni kwabo bakhulumu lezongxoxo ababeke bazixoxa, baze bafika ekwehleni kwentaba leyo.

Wasesithi uMk.: Njengoba kwakulukhuni ukukhwela, njengengikubonayo, kuyingozi ukwehla.

Wathi uNonhlakanipho: Yebo kunjalo. Ngoba kulukhuni ukuthi umuntu ehlele eSihotsheni sokuZithoba, njengoba usehla lawe khathesi, kulengozi enku lu yokutshelela endleleni.

Basebesithi: Sihamba lawe sikuphelekezelu sikwehlisa entaben.

Waseqala ukwehla, kodwa enanzelela kakhulu, kube kanti watshelela kanye loba kabilu.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi lezozihlobo ezilungileyo zifika ezansi

kwentaba ukuthi uMkristu esefike ezansi kwentaba, zamupha isinkwa leqotshana lewayini, lesigaqa sezithelo zevini ezomileyo wasehamba-ke uhambo lwakhe.

## 9. UApoliyoni

Kodwa kulesoSihotsha sokuZithoba, uMkristu wehlela ebunzimeni. Ngoba uthe esahambe isibangana wethuka ebona umfo omubi esiza emangweni emhlangabeza, obizo lakhe nguApoliyoni (nguBhubhisa). UMKristu waseqala ukwesaba wakhumbula enhlizweni yakhe ukubuyela emuva kumbe ukuya phambili kodwa waphinda wakhumbula, ukuthi kalasigqoko sensimbi emhlana, wasesithi-ke: Aluba ngimfulathela uzasizakala angihlabe kuhle ngemikhonto yakhe, wasezimisela, ukuqhubekela phambili azivikele, ngoba wanakanan: Nxa ngizasilisa umphefumulo, kumele ukuba ngiqhubekele phambili. Ngakho wahamba, uApoliyoni wamhlangabeza.

Kodwa lesosilo sasisabeka ukusikhangel. Sasembethe ingqweqwae ezifanana lezenhanzi (aziqhenya ngazo), sasilempiko njengomgobho, inyawo ezifanana lezebhore; esiswini saso kwaphuma umlilo lentuthu, lomlomo waso unjengomlomo wesilwane. Esefikile kuMkristu wamkhangel ngokumeyisa waseqala ukubuzana laye ngalamazwi.

UApoliyoni wathi: Uvela ngaphi; uya ngaphi?

UMkristu wathi: Ngivela emzini wekuBhubheni oyindawo yobubi bonke; ngyia eMzini weZiyoni.

UApol.: Ngalokhu ngiyabona ukuthi ungomunye wabantu bami. Ngoba lonke lelolizwe ngelami, ngiyinkosi njalo ngingumlimu walo. Kungani-ke ubalekele inkosi yakho? Kungesukuba ngithemba ukuthi uzangisebenzela bengizakukutshaya ngikuweisele phansi.

UMk.: Yebo-ke. Ngazalelw elizweni lombuso wakho, kodwa ukukusebenzela kwakulukhuni, lomvuzo wakho awulingani ukuthi umuntu aphile ngawo, ngoba umvuzo wokona yikufa. Ngakho-ke, sengikhulile ngenza lokho okwenziwa ngabanye abantu abaqqaphelayo, ngadinga indlela yokuzilungisa.

UApol.: Akula inkosi engavuma lula ukulahlekelwa ngabantu bayo, lami-ke angiyikuvuma. Kodwa ngenxa yokuthi usola umsebenzi wakho lomvuzo wakho, vuma ukubuyela emuva; ngithembisa ukukunika lokho ilizwe lakithi elilakho.

UMk.: Kodwa sengizibophele kwenye inkosi, ngitsho eNkosini yamakhosi. Ngingakwenza njani ukubuyela emuva lawe?

UAp.: Wenze njengokutsho kwesaga ukuthi, wakhupha okubi wafaka okubi kulalokho, kodwa lokho kwandile kulabo abathi bazinceku zayo, emva kwesikhathi batshelele, babuye kimi. Yenza njalo lawe, khona konke kuzakulungela.

UMk.: Ngiyithembisile ngafunga ngathi ngizakuyilalela. Ngizakuhlehlela emuva njani, ngingabulawa njengomkohlisi?

UApol.: Wenze njalo lakimi; kodwa ngizavuma ukukuyekela, nxa usuvuma ukufulathela ubuyelete emuva.

UMk.: Engakuthembisa khona ngakuthembisa ngingakazi lutho. Njalo ngithi ukuthi leyoNkosi engimi ngaphansi kwesiboniso sayo khathesi, ilakho ukungikhulula, ngitsho lokungithethelelo lokho engakwenzayo ngokuvumelana lawe. Ngaphandle kwalokhu, wena Apoliyon i obhubhisayo, ngikutshela iqiniso, ngyawuthanda umsebenzi wakhe, umvuzo wakhe, abantu bakhe, umbuso wakhe, ixuku layo lelizwe layo kungcono kulelakho. Ngakho-ke yekela ukungincenga njalo; ngingumuntu wakhe mina, ngizamlandela.

UAp.: Khumbula njalo nxa inhlizyo isibhodlile, ongahlangana lakho endleleni ohamba ngayo. Uyakwazi ukuthi izisebenzi zayo ezinengi zacina ngokubi, ngoba ziphambona lami lezindlela zami. Bangaki kuzo ababulawe ngokulihlazo? Njalo uthi ukuyisebenzela kwedlula ukusebenzela mina, kanti ayikabuyi ivela endaweni yayo izekophula abayisebenzelayo ezandleni zezitha zabo. Kodwa mina sekukanganan ngibabuyisa ngamandla loba ngamacebo labo abangikhonze kuhle ngibasusa emandleni ayo lasemandleni abantu bayo loba sebebanjwe yibo? Lawe ngizakusindisa ngokunjalo.

UMk.: Ukulibala kwakhe ukubakhulula okwakhathesi kungenxa yokuthi ilinge ukuthanda kwabo ukuthi kambe bazakubambelela kuye kokuphela; njalo ukucina ngokubi lokho okutshoyo kuludumo oluhle kakhulu kibo. Ngoba kabalindele ukukhululwa okwakhathesi, kodwa balinnde inkazimulo yabo abazayithola mhla iNkosi yabo isiza leyayo inkazimulo, leyezingilosizenzulu.

UApol.: Sewaba ngongathembekanga ekuyisebenzeleni kwakho! Pho, utsho ngani ukuthi uzazuza umvuzo kuyo?

UMk.: Ngibe ngongathembekanga kuyo ngani, Apoliyon?

UApol.: Waqala waphela amandla ususukile, waphose wahitshwa ludaka echipini leMpelamandla. Wazama ngendlela ezimbi ukuthi ukhunyulwe umthwalo wakho, kanti ubungayilindela inkosi ukuthi ikwethule. Walala ubuthongo obungafanele, walahlal okuligugu kwakho; wathi lapho usubone izilwane waphose wavuma ukubuyela emuva. Uthi nxa ukhulumu ngohambo lwakho ngalokho owakuzwayo lowakubonayo usufisa ngaphakathi kwakho udumo oluyize ngakho konke okutshoyo lokwenzayo.

UMk.: Konke lokho kuliqiniso, lokunye okunengi okutshiyileyo; kodwa iNkosi engiyikhonzayo lengiyihloniphayo, ilomusa njalo ilungele

ukuthethelela. Njalo ububi lobo bangehlula ngiselizweni lakho; ngoba ngilapho ngabunatha ngabubula phansi kwabo, ngazisola ngabo, ngazuza ukuthethelela ngabo eNkosini yami.

Khona uApoliyoni waseqala ukuba lolaka olunzima, wathi: Mina ngiyisitha kuleyoNkosi; ngizonda yona ngokwayo imithetho yayo labantu bayo! Ngize ngabomu ukukuvimbela!

UMk.: Apoliyoni, nanzelela ozakwenza, ngoba ngisendleleni yeNkosi, ngitsho endleleni yokulunga; ngakho-ke zinanzelele!

Khona uApoliyoni wasexamalaza wavimba indlela yonke ububanzi bayo, wathi: Angesabi kulokho mina! Uzakufa wena khathesi! Ngoba ngifunga umhume wami omubi ngithi awuyikwedlulela phambili; khonapha ngizachitha umphefumulo wakho.

Ngakho wasemciba esifubeni ngomtshoko otshisayo, kodwa uMkristu wayephethe isihlangu esandleni sakhe, awubamba ngaso, wasevika ingozi yalokho. Ngakho-ke uMkristu wasekhupha umkhonto wakhe, ebona ukuthi sekuyisikhathi sokuthi akhaliphe; loApoliyoni laye wayikhupha ngokunjalo, eyiciba njengokwehla kwesiqhoho. Ngakho lanxa uMkristu evika ngamaci onke, wahlatshwa nguApoliyoni ekhanda lesandleni lenyaweni. Lokhu kwamenza uMkristu ukuthi ahlehlele emuva kancinyane; uApoliyoni wamlandela ngokuphosa izikhali zakhe, uMkristu wasephinda esiba lesibindi, wamelana laye ngamandla njengendoda. Lokhukulwa okunzima kwaqhube ka okwengxene yosuku, uMkristu waze waphose waphela amandla. Ngoba liyazi ukuthi ngenxa yamanxeba akhe uMkristu wayefanele aye esiba buthakathaka.

Khona uApoliyoni, ebona ithuba, wasesondela kuMkristu wambamba ngamandla, wathi ukubambana laye wamwisa ngokwesabekayo. Ngakho-ke, umhedla kaMkristu waphunyuka esandleni sakhe. Wasesithi uApoliyoni: Sengikutholile khathesi!

Wasembandezela emkhama waze wathamba uMkristu waqala ukuzidela. Kodwa ngokuthanda kukaNkulunkulu, kwathi uApoliyon elungela ukumtshaya okokucina, ngalokho amqedisele umuntu omuhle uMkristu welula isandla sakhe wawuthi hlasi umhedla wakhe, wathi: Ungathokozi ngami, sitha sami! Nxa ngisiwa, ngizavuka. Uthe esetsho njalo wamhlaba ngamandla, okwamenza wahlehlela emuva njengomuntu ohlatshwe inxeba elibi. Ekubona lokho uMkristu wamhlaselwa njalo esithi: Kanti kukho konke lokhu sedlula abanqobi ngaye owasithandayo.

Ngalokho uApoliyoni wasenabisa impiko zakhe, wasebaleka, uMkristu kasambonanga okwesikhathi.

Kakho loyedwa ongacabanga ububi balokhokulwa ngaphandle kokuba ekubonile wakuzwa njengami, ukubovula lokukhonya okwesabekayo akwenzayo uApoliyonu isikhathi sonke sokulwa; yena wakhulumu okwesilo; njalo kungekekwaZiwa lokububula lesi lokozane esafuthelana enhliziyweni kaMkristu. Ngesikhathi sonke leso angizange ngibone encibilika ubuso lakanye, waze wabona ukuthi uhlabe uApoliyonu ngomhedla wakhe osika nhlangothi zombili; wasebobotheka, wakhangelu phezulu; kodwa kwakuyikulwa okwesabekayo kulakho konke engake ngakubona.

Kwathi sekuphelile ukulwa uMkristu wathi: Sengizabonga kuye ongikhuphe emlonyeni wesilwane, kongephule kuApoliyonu. Wasesenza njalo-ke esithi:

UBelezebule omkhulu, umlawuli walesisilo  
 Wenza icebo lokungichitha,  
 Wasithuma esihlomise ngolaka,  
 Silolaka lukamoya omubi, salwa lami kabuhlungu.  
 Kodwa uMikhayeli obusisekileyo wangisiza, njalo mina  
 Ngokukhalipha komhedla, ngamhlaba wabaleka.  
 Ngakho kuye kanginike ukubonga okungapheliyo  
 Ngibabaze ngibonge ibizo lakhe elingewelete kokuphela.

Kwasekusiza kuye isandla esiphethe amahlamvu esihlahla sokuphila; uMkristu wawathatha, wawafaka emanxebeni akhe awahlatshiweyo esilwa, aphola masinyane. Wasehlala phansi kuleyondawo ukudla isinkwa, anathe embodleleni akunikwa yizihlolo zakhe. Esethole amandla amatsha, wabuye wahamba endleleni yakhe, eqaphise umhedla wakhe, ngoba esithi: Kangazi mhlawumbe ngizahlangana lesinye isitha endleleni. Kodwa kasahlangananga njalo loApoliyonu kulesisigodi.

## 10. Isigodi seThunzi loKufa

Ekupheleni kwalesisigodi kwakukhona esinye ngaphambili okuthiwa yiSigodi seThunzi loKufa. Kwakufanele ukuthi uMkristu adabule kuso, ngoba indlela eya eMzini weZulwini yayidabula phakathi kwaso. Kodwa lesishotsha siyindawo eyinhlane kakhulu. Umprofethi uJeremiya usichaza athi: Inhlane ilizwe lamagceke, elilemigodi, ilizwe lokoma lelethunzi lokufa elingahanjwa muntu (kodwa uMkristu) owedlula kulo njalo lingahlalwa muntu.

Lapha-ke uMkristu wahlupheka kakhulu okwedlula ukulwa kwakhe loApoliyoni njengoba lizazibonela ngokulandelayo. Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi uMkristu esefikile ekuqaleni kweSigodi seThunzi loKufa wahlangana labantu ababili, amadodana alabo ababekhulume kubi ngalelolizwe elihle begijima bebuyela emuva; uMkristu akhulumma labo ngalamazwi:

UMkristu: Liya ngaphi?

Bathi: Emuva, emuva! Sithi lawe ungenza njengathi aluba ukuphila lokuthula kuligugu kuwe.

Wathi uMkristu: Kungani? Kwenze njani?

Bathi: Kwenze njani! Besihamba ngalindlela ohamba ngayo, sihambe saze safika endaweni embi kakhulu, siphose sehluleka ukubuyela emuva. Ngoba alubana besike sedlula, kancinyane ngabe kasikho lapha ukukulandisela lindaba.

UMk.: Kodwa lihlangane lani?

Bathi: Besihamba saze saphosa sangena eSigodini seThunzi loKufa: kodwa kwaba kuhle ukuthi sakhangela phambili sabona ingozi singakafinyeleli kiyo.

Wathi uMkristu: Kodwa liboneni?

Bathi: Uthi siboneni? Isigodi ngokwaso esimnyama njengomnyama; lapho-ke njalo sibone imimoya embi yesihogo, lezinto ezimnyama ezesabekayo zomgodi. Njalo sezwa esigodini leso ukukhala lokulila kufanana labantu abehlelwe lusizi olungakhulumekyo, bengathi ngabahlezi khona bebotshiwe enhluphekweni langensimbi. Phezu kwalesosigodi kulengela njalo amayezu anyakazelayo aqeda amandla, njalo lokufa kwanabisa amaphiko akho phezu kwaso. Isibili siyesabeka ngakho konke okwaso, kuyinxakanxaka kakhulu.

UMk.: Angikaboni ngalokho elikutshoyo ukuthi indlela le ayisiyo yokuya endaweni engiyifisayo.

Bathi: Ayibengetyakho indlela, asitsho ukuthi ayibenge yethu.

Basebesehlukana-ke, uMkristu wahamba ngendlela yakhe, esaqaphise umhedla wakhe, ethi mhlawumbe uzafikelwa yisitha. Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi ngakwesokunene kwakukhona udonga olude kakhulu lulingene laso isigodi. Lesosigodi lapho abazimpumpushe bakhokhelela khona abazimpumpushe ngezikhathi zonke, babhubhela khona bonke ngokulusizi. Njalo ngakwesokholo kulexaphozi eliyingozi enku lu kakhulu, okungathi laphakathi kwalo ngitsho lomuntu olunglelo nxa ewela kulo, angebone isiqinti sokuthi abeke unyawo lwakhe kuso. Yilelo xaphozi uDavida inkosi awela kulo ngesinye isikhathi, wayezahitshwa abanjwe kulo alubana bekungayanga ngamandla a lowo owamkhuphayo. Lapho-ke indlela yayiminyene, incinyane kakhulu. Ngakho uMkristu olunglelo wadubeka sibili ehamba ngokulukhuni; ngoba wayengathi ephepha udonga ngapha aphose awele exhaphozini, lapha njalo wayethi ezama ukuphepha ixaphozi uba engananzeleli ubezakuwela edongeni. Ngakho-ke wahambahamba njalo ngasengimuzwa elesilokozane; ngoba ngaphandle kwengozi ezikhulunyiweyo indlela yayimnyama lapho kangangokuthi nxa ephakamisa unyawo ukulubeka phambili wayengazi ukuthi uzalubeka ngaphi, ingabe phezu kwani. Phose phakathi kwalesosigodi ngabona umlomo womlindi otshonayo useduze lendlela. Wasesithi uMkristu: Ngiyakwenza njani khathesi? Izikhathi ngezikhathi, amalangabi lentuthu kwakuthunqa ngamandla, lenhlansi, lemisindo eyesabekayo, (izinto ezazingelalutho lokwenza lomhedla kaMkristu njengakuApoliyon). UMkristu wasebuyisela umhedla, wakhupha esinye isikhali esithiwa 'ukukhuleka konke'. Wasekhala ngimuzwa, wathi: Nkosi, ngiyakuncenga khulula umphefumulo wami!

Wenza njalo isikhathi eside; kodwa amalangabi elengela ngakuye. Wezwa njalo imisindo eyesabekayo, lamazwi ayo esiya emuva laphambili wacabanga ukuthi kumbe ngesinye isikhathi uzakudatshudatshulwa kumbe anyathelelwé phansi njengodaka ezindleleni. Lo umbono owesabekayo wabonwa lalimsindo eyesabekayo yeziwi nguye, okomango omude. Wathi ukuthi afike endaweni ethile, kwezwakala imisindo yebandla lemimoya emibi limhlangabeza, wema waqala ukukhumbula azakwenza. Ngesinye isikhathi wayenhlizyo mbili enye yathi kabuyele emuva; enye yathi sekukhatshana emuva kulaphambili.

Wakhumbula njalo ukuthi usenqobe ingozi ezinengi, lokuthi ingozi yokubuyela emuva ingaba nkulu kuleyokuya phambili. Wasezimisela ukuya phambili. Kube kanti imimoya emibi yabonakala angathi lokhu isiya isondela. Wathi isiseduza kwakhe wakhala ememeza nelizwi elilamandla

wathi: Ngizahamba emandleni eNkosi uNkulunkulu. Yasihlehlela emuva, kayiphindanga isondele.

Kodwa kulento eyodwa engingathandi ukuyilibala, yokuthi ngananzelela ukuthi uMkristu uphambene ingqondo ngangokuthi wayengesalazi ilizwi lakhe. Ngayibona linto ngokuthi esifinyelele phezu komlomo womgodi ovuthayo, omunye wabomoya ababi weza ngemva kwakhe, wamnyenyezela emtshela amazwi amanengi ayinhlamba, akhumbula ukuthi sibili avela enhlizyweni yakhe. Lokhu kwamhlupha uMkristu kulakho konke okunye ake ahlangana lakho, lokuthi anakane ukuthi usezamthuka lowo amthandayo mandulo uba kusiya ngaye ubengayikukwenza lokho; kodwa wayengelakho ukwehlukanisa ukuthi kumbe avimbe indlebe zakhe lokuba azi ukuthi inhlamba ivela ngaphi.

Wathi uMkristu esehambe isikhathi eside ekuhluphekeni okunjalo, kwangathi uzwa ilizwi lomuntu kungathi uhamba phambi kwakhe lisithi: Loba nighamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi, ngoba wena ulami.

Wasethokoza-ke ngalawo amazwi amathathu: Elokugala ngelokuthi ngoba wananelela ukuthi kwakukhona kulesosigodi abanye abamesabayo uNkulunkulu njengaye ngokwakhe.

Elobubili ngelokuthi wabona ukuthi uNkulunkulu ulabo, lanxa bekulesosigodi esimnyama lesokuhlupheka, wathi: Kambe angebe lami njalo? Lanxa ngenxa yokuvimbeleyo okukulindawo ngingekubone?

Elobuthathu, ngelokuthi wathemba ukuthi nxaxebathole ahambe labo endleleni okwesikhhatshana. Wahamba-ke wabiza ongaphambili, kodwa kwamsinda laye azakuphendula ngokuba wayesithi laye uyedwa. Njalo emva kwalokho kwakhanya, wasesithi uMkristu: Uphendule ithunzi lokufa laba yikusa.

Kwathi sekusile wakhangela emuva, kungesukuthi eloyisa ukubuyela emuva, kodwa ukubona ukukhanya emini lezongozi ayedlule kuzo kumnyama. Wasebona kusobala udonga olwalungakolunye uhlangothi lechibi elalingakolunye uhlangothi lendlela leyo ephakathi kwakho kokubili ukuthi yayincinyane kangakanani. Wasebona-ke njalo imimoya emibi lezilo ezimbi zomgodi kodwa konke kukhatshana laye (ngoba nxaxekusile kwakungesondele kuye); kodwa kwabonakaliswa kuye njengokulotshiweyo kokuthi, “Ubonakalisa okujulileyo ebumnyameni, aveze ukukhanya ethunzini lokufa

Ngakho uMkristu wathaba kakhulu ngokukhululwa kwakhe kuzo zonke izingozi ayehambe kuzo, ehamba yedwa; lezongozi kambe, loba wayezesaba kakhulu kuqala kodwa khathesi wazibona sobala, ngoba ukukhanya kwelanga kwaziveza obala kuye. Njalo ngalesisikhathi laseliphuma, kwaba ngumusa omunye lokho kuMkristu ngoba kuhle ukuba lazi ukuthi lanxa ekuqaleni kweSigodi seThunzi loKufa kwakulengozi, kube kanti ingxenye yesibili ayezangena kuyo, kwakulengozi ezidlula ezakuqala. Ngoba kusukela kuleyondawo ayemi kuyo kuze cube sekucineni kwesigodi, indlela yonke yayithiyiwe igcwele izifu, ingoda, imigenquko, lembule zazikhona lapho, kugcwele lendonga ezimbi inxa zonke, lamagodi atshonayo lamagebe ngokuba aluba bekumnyama khathesi njengokuba kwakumnyama esahamba esigidini, loba ngabe wayelemiphefumulo ezinkulungwane wayezakufa sibili angasili. Kodwa njengokutsho kwami, khathesi ilanga laseliphuma. Wasesithi: Isibane sakhe sikhanyisa phezu kwekhanda lami, njalo ngalokhukukhanya nighamba phakathi kobumnyama.

Ngalokhukukhanya-ke wafika ekucineni kwesigodi. Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi ekucineni kwalesisigodi kwakulegazi, amathambo, umlotha lezidumbu zabantu ezidlavuzekileyo ngitsho leyabahambi ababehambe ngalindlela mandulo. Ngisakhumbula isisusa salokho ngabona eduzane lami ngaphambili ubhalu lapho kwakwakhe khona ekadeni iziqhwaga ezimbili, uPopo loMhedeni, okwathi ngamandla azo lobuqholo bazo zabulala ngesihluku esikhulu labobantu abalamathambo, legazi lomlotha okukhonapha. Kodwa uMkristu wadlula kuleyondawo, kungelalutho olumhluphayo, lokhu kwangimangalisa. Kodwa ngemva kwalokho ngezwa ukuthi uMhedeni selensuku wafa, esinye, lokuthi sisekhona kodwa ngeminyaka yaso langokulwa okunengi okunzima esakwenzayo sisesitsha, sesixega, lamadolol aselukhuni, ngokuthi singelakwenza okunye khathesi ngaphandle kokuhlala emnyango wobhalu simangele sisazisa izihambi ezidlulayo, siluma inzipho zaso, ngoba singaselakusondela kuzo.

Ngasengibona ukuthi uMkristu waqhubeka endleleni yakhe. Kanti ebona lowomuntu omdala ehlezi emnyango wobhalu, kwamsinda azakukutsho ikakhulu ngoba wakhuluma laye lanxa wayengelamandla okumsukela, esithi: Alisoze lilunge kuze kutshiswe abanye abakini!

Kodwa uMkristu wathula wamkhangela ngesibindi, wasesedlula kungelangozi. Wasehlabela esithi:

Hawu! mhlabab wemimangaliso! (angilakutsho okunye),  
Ukuthi ngophulwe kulobubunzima  
Engihlangene labo lapha! Kasibusiswe  
Lesosandla esangophula kubo!  
Ingozi emnyameni, imimoya emibi, isihogo, lesono,  
Kwangihanqa, ngisesekulesosigodi:  
Yebo-ke, imijibila, lemigodi, lezifu, lamambule, kwaphahla  
Idlela yami, mina sithutha esingafanele  
Kwangathi ngabe ngabanjwa ngathandelwa ngaphoswa phansi.  
Kodwa selokhu ngiphila uJesu kathwale umqhele!

## 11. UMkristu loThembekile

Kwathi ekuhambeni kwakhe, uMkristu wasefika endaweni eyenyukayo, eyenzelwa izihambi ukuze zibe lokubona phambili. Wasehamba uMkristu phezu kwayo ekhangela phambili, wambona uThembekile, esendleleni phambi kwakhe. Wamemeza uMkristu wathi: "Mana Sihambi! Mana sizahamba sobabili." Waphenduka, uThembekile ekuzwa lokho, wakhangela emuva. Wabuye waphinda wamemeza uMkristu wathi. "Mana, mana, ngize ngifike kuwe lapho." Wezwakala ethi uThembekile: "Hayi, mina ngingenze njalo ngoba ngibalekela ukufa, umphindiseli wegazi uyangixotsha!"

Wamangala uMkristu ukuzwa lokho; wasesuka, wafaka wonke amandla akhe, wagijima, waze wayafika kuThembekile, watshaya wedlula kuye. Manje owokucina waba ngowokuqala. Wasebonakala ebobotheka ngokuzidla uMkristu ngoba emtshiyile umfowabo lowo, kwathi engakhangelisisi ukunyathela kwakhe, wakukhangela wawa phansi; wasesehluleka ukuvuka, kwaze kwafika uThembekile wamvusa.

Ngasengibona ephutsheni lami lawomadoda womabili ehamba indlela eyodwa ngothando, ekhuluma kamnandi ngezinto zonke ezenzakala kuwo ekuhambeni kwavo. Kwaqala uMkristu ukukhuluma wathi: "Mfowethu, Thembekile, obongwayo lothandwayo kakhulu, ngiyajabula kakhulu ngoba ngikutholile lokuthi uNkulunkulu ezisebenzile izinhlizyo zethu sobabili, ngendlela yokuthi sihambe ngobuhlobo kulindlela enhle kangaka."

UThembekile: "Ngangithembe mhlobo othandekayo ukuhamba lawe sisuka emzini wethu, kodwa ekuphumeni kwakho kuqala, wangitshiya emuva. Yikho ngiyihambe ngedwa lindlela kuze kube lapha."

UMkristu: "Wahlala isikhathi esingakanani emzini wekuBhubheni phambi kokuthi ungilandele mina ekuhambeni uhumbo lwakho?"

UThemb: "Ngahlala ngaze ngabona ukuthi angiselakho ukuhlala khathesi, ngoba emuva kokuhamba kwakho, kwaba khona izinkulumo ezinengi zokuthi umuzi wethu lowana uzatshiswa ngomlilo ovela ezulwini kungakabi zinsuku ezinengi."

UMkristu: "Hawu! Uthini bo! Omakhelwane bakho bakhuluma izinkulumo ezinjalo?"

UThemb: "Yebo kwakusemilonyeni yabantu bonke okwesikhathi."

UMkristu: "Hawu! Akubanga labanye babo abaphumayo, ngaphandle kwakho, ukuphepha kuleyongozi?"

UThemb: "Loba kwakukhulunya kakhulu ngayo leyonto kube kanti kangikhumbuli ukuthi bakukholwa ngeqiniso. Ngoba ekutshiseni

kwenkulomo yabo ngaleyonto, ngabezwa abanye bekhuluma besenza inhlekisa ngawe ngohambo lwakho lobuwula, ngoba balubiza njalo uhambo lwakho. Mina lokho ngakukholwa, lamanje ngisakholwa, ukuthi umuzi wethu lowo, uyakuphelela ekutshisweni ngomlilo lesibabule okuvela ezulwini; ngakho-ke sengibalekile."

UMkristu: "Wake wezwa bekhuluma ngomakhelwana uVumakonke yini?"

UTHemb: "Yebo, Mkristu, ngezwa ukuthi wakulandela waze wafika eChibini leMpelamandla, lapho, njengoba abanye abantu besitsho, wawela khona; kodwa yena wayengafuni kwaziwe ukuthi wenza njalo. Kanti ngithi kuliqiniso ngoba waze wathelwa kakhulu ludaka lwakhona."

UMkristu: "Bathini-ke kuye omakhelwane bakhe?"

UTHemb: "Selokhu wabuyela khona, uyinhlekisa kuzinhlobo zonke zabantu; abanye bamhleka usulu bamdelele; kakho ongamnika umsebenzi. Uthole ububi manje ngokuphindwe kasikhombisa abengasoze abuthole aluba wayengazange aphume kulowomuzi."

UMkristu: "Kodwa kungani ukuthi bamphathe kubi kangaka, kanti labo beyidelela leyondlela ayiyekelayo?"

UTHemb: "Bathi: Kaphanyekwe, ungumaguquka. Kabanga yilokhu abethe uyikho! Ngithi mina uNkulunkulu usuke wavusa ezakhe izitha ukuthi zimncifele, zimenze isaga sobubi, ngoba uylahlile indlela eyiyo."

UMkristu: "Awuzange ukhulume laye ungakasuki ukuza lapha yini?"

UTHemb: "Ngahlangana laye kanye endleleni; kodwa yena waphambuka wahamba kolunye uhangothi lwendlela, njengolenhloni ngalokho akwenzayo. Ngakho angimkhulumisanga."

UMkristu: "Isibili mina, ekusukeni kwami, lumuntu ngangilethemba ngaye; kodwa khathesi ngiyesaba ukuthi uzabhubha ekuchithweni komuzi. Ngoba sekwenzakele kuye njengokuqinisa kwesaga esithi: "Inja ibuyele emahlanzweni ayo, lengulube ehlanziweyo ibuyele ekugiqikeni odakeni."

UTHemb: "Lami ngiyesaba ukuthi kuzakwenzakala njalo kuye. Kodwa ngubani ongavimbela into ezakuba khona?"

UMkristu: "Ngakho mngane Thembekile, kasimyekele khathesi, sibe sesikhuluma ngezinto zethu, eziqondene lathi kakhuku. Akungitshile izinto ohlangane lazo endleleni usiza; ngoba ngiyazi ukuthi uhlangene lokuthile; uba kungenjalo kuyisimangaliso esikhulu ngeqiniso!"

UTHemb: "Ngaphepha mina exaphozini, lapho engibona ukuthi wena wawela khona; ngakhuphuka ngaze ngafika esangweni kungabanga lengozi kodwa ngahlangana lalowo obizo lakhe nguLondindwa, owayethanda ukungenzela okubi."

UMkristu: "Kulungile ngoba usindile emgibeni wakhe, uJosefa wahlutshwa

kakhulu nguye kodwa waphepha njengawe; kodwa waphose walahlekelwa yimpilo yakhe ngakho. Kodwa wenzani kuwe?"

UThemb: "Ngeke uqonde ngaphandle kokuthi wazi ulutho, ulolimi oluyengayo kangakanani! Wazama kakhulu ukungiphambukisa nighambe laye, engithembisa ukwanelala konke."

UMkristu: "Hatshi! Kakuthembisanga ukwanelala kwesazelala esihle."

UThemb: "UYakwazi engikutshoyo, ukwanelala ngenkanuko zonke zenyama."

UMkristu: "Makabongwe uNkulunkulu ngokuphepha kuye. Labo abanengwa yiNkosi, bazawela emgodini wakhe oyintolongo yakhe."

UThemb: "Ayi-ke! Kangazi mina loba ngisindile yini ngokupheleleyo kuye."

UMkristu: "Utsho ngani phela! Ngithi, awuvumelananga leziloyiso zakhe?"

UThemb: "Atshi. Kangivumanga ukuzingcolisa; ngoba ngakhumbula umbhalo omdala engawubonayo othi: "Izinyathelo zakhe zibambelela esihogweni." Ngakho ngacimeza amehlo ami ngoba bengingayikuvuma ukwehlulwa yikubukeka kwakhe. Manje yena wangithethisa, kodwa mina ngazihambela?"

UMkristu: "Awuhlangananga lokunye ukuhlaselwa yini ekuzeni kwakho?"

UThemb: "Ngithe nxo ngifika phansi kwentaba ethiwa eBunzimeni, ngahlangana lexhegu eligugileyo elangibuza ukuthi ngingubani, ngiya ngaphi. Ngalitshela ukuthi ngingumhambi oya eMzini weZulwini. Laselisithi ixhegu, "Ukhangeleka njengomuntu othembekileyo. Unganeliswa yini, yikuhlala lami ngomvuzo engingakunika wona?" Ngasengilibuza ibizo lalo lalapho elihlala khona. Lathi ibizo lalo linguAdamu wakuqala; lokuthi lihlala emzini weNkohlakalo. Ngasengibuza ukuthi umsebenzi walo uyini. Lomvuzo elizanginika wona uyini? Langitshela ukuthi umsebenzi walo zinjabulo; lomvuzo walo yikuthi ngibe yindalifa yalo ekucineni. Ngaphinda ngabuza ukuthi injani indlu elihlala kuyo, lezinye izisebenzi elalilazo. Ukungiphendula kwalo lathi, endlini yalo kakulalutho olungekho ezintweni zonke ezimnandi ezomhlabo. Lokuthi izisebenzi zalo ziinzalo yalo. Ngaphinda ngabuza ukuthi bangaki abantwana balo. Lathi lona lilezintombi ezintathu kuphela: uNkanukoyenyama, uNkanukoyamehlo, loNokuzidlwempilo. Labuye lathi ngingaganwa yizo zontathu, uba ngifuna. Ngabuza ukuthi singaba side kangakanani isikhathi ebelingathanda ukuthi ngisihlale lalo: Lathi lona kimi ingqe lisaphila."

UMkristu: "Yebo-ke, laseliphetha ngani?"

UThemb: "Kwathi ngoba lalingathi likhuluma kuhle ekuqaleni ngafuna ukuhamba lalo. Kodwa kwathi uba ngilikhangela ebunzini lalo ngisakhuluma lalo, ngabona kulotshiwe khona ukuthi: 'Lahlani umuntu omdala lemisebenzi yakhe.'

UMkristu: "Kwasekusenze njani?"

UThemb: "Kwasekungena engqondweni yami njengento etshisayo ukuthi loba belisithini kimi lingiyenga kangakanani nxa selifika lami endlini yalo, lizangithengisa ngibe yisigqili. Ngasengisithi kaliyekele ukukhuluma ngoba ngingeke ngisondele emnyango wendlu yalo. Lasuka lapho langithethisa laselisithi lona lizathuma lowo ozangilandela ozakwenza indlela yami ibabe emphefumulweni wami. Ngasengisuka ngalifulathela ukulitshiya. Kodwa ngathi ngitshibilika ukuthi ngihambe, ngalizwa lingidonsa, enyameni yami liyithi dlu, ngaze ngacabanga ukuthi lizasuka lengxenye yenyama yami. Lokhu kwangenza ngakhala ngathi: Maye, mina muntu olusizi! Ngasengihamba-ke ngisenyuka intaba. Ngithe sengenyuke ingxenye yentaba, ngakhangela emuva ngabona umuntu engilandela elesiqubu njengomoya wangifica duze lendawo elesihlalo."

UMkristu: "Kulapho kanye engahlala khona phansi ukuthi ngiphumule. Kwaze kwathi ngenxa yokwehlulwa yibuthongo, ngalahlekelwa yincwadi yami le ehlala esifubeni sami."

UThemb: "Ake ungilalele mfowethu, ngize ngiqede ukukutshela lindaba. Uthe esefike kimi lowomuntu wakhuluma izwi lalinye wangitshaya, wangikhahlelela phansi, ngawa ngalala njengofileyo. Ngithe uba ngiqala ukuvuka futhi, ngambuza ukuthi kungani engenza kubi kanje. Wathi kungenxa yokuthi mina ngike ngafuna ukulandela uAdamu wokuqala. Esetshilo lokho wasuka wangitshaya futhi kanzima esifubeni ngawa ngomhlana; ngasengilala enyaweni zakhe ngifile njengakuqala. Kodwa sengiphaphamile futhi ngakhalela isihawu kuye; kodwa wathi: 'Kangikwazi ukuphatha ngesihawu. Esetsho njalo wabuya wangikhahlelela phansi. Kakuthandabuzeki wayezangiqeda uba kungezanga omunye eduze owathi kuye kaxole.

UMkristu: "Ngubani lowo owathi kaxole?"

UThemb: "Kangizange ngimazi ekuqaleni kodwa kwathi esedlula, ngabona amanxeba ezandleni zakhe, lehlangothini lwakhe; ngasengiqonda ukuthi lumuntu yiNkosi yethu. Emva kwalokho ngayenyuka intaba."

UMkristu: "Leyondoda eyakuficayo kwakunguMozisi. Kayekeli muntu njalo kakwazi ukutshengisa umusa kulabo abeqa umthetho wakhe."

UThemb: "Ngiyakwazi kakhulu lokho ngoba wayengaqlali ukuhlangana lami. Nguye phela lo owarfika kimi ekhaya nighlezi ngithokozile owathi uzatshisa indlu yami phezu kwekhanda lami uba ngisahlezi khona."

UMkristu: "Kodwa awuyibonanga indlu eyayakhiwe phezu kwaleyontaba owahlangana loMozisi eceleni kwayo?"

UThemb: "Yebo, ngayibona lezilwane phambi kokuba ngifike kuyo. Kwathi

ngoba kusemini enkulu ngafica izilwane lazo zilele; ngadlula eceleni koMgeciniwesango, ngehla entaben i ngoba kusasele isikhathi eside phambi kokuthi litshone."

UMkristu: "Isibili, uMgciniwesango wangitshela ngawe ukuthi ukubonile usedlula. Akwaba wangena kuleyondlu, wawuzatshengiswa izinto eziligugu ongasoze uzikhohlwe uze ufe. Kambe awuzange uhlangane lomuntu eSigodini seKuzithobeni?"

UThemb: "Yebo, ngahlangana lothiwa nguMsoli owayefuna ukungivumisa ukuthi ngibuye leye; isizatho sakhe ngesokuthi isigodi sasingeladumo. Wangitshela lokuthi ukudlula phakathi kwasso kuyikungazilaleli izihlobo zami ezinjengoKuziqhenya, loZikhukhumeza, loKuziyenga, loDumolwezwe lezinye abazaziyo. Wathi uyazi ukuthi lezozihlobo zami zizacunuka kakhulu uba ngizenza isiwula esingako ngokudlula kulesisigodi."

UMkristu: "Wamphendula wathini wena?"

UThemb: "Ngamtshela ukuthi labo bonke ayekhulumia ngabo ngamabizo bangatsho ukuthi bangabakithi beginisile ngoba isibili ngokwenyama bayizihlobo zami kodwa lapho sebebonile ukuthi ngihamba uhambo lomhambi, bangilahla, njengoba lami ngibalahlile. Manje-ke kimi bafana lokungathi abazange babe ngabakithi. Ngabuye ngamtshela maqondana lalesisigodi ukuthi kakhulumi iqiniso ngoba udumo lulandela ukuzithoba lomoya ozikhulisayo wandulela ukuwa. Ngasengisithi kungeono ukwedlula kulesosigodi ukuthola udumo olwakhulunywa ngabahlakaniphileyo kakhulu kulokukhetha lokho abekutsho yena ukuthi kufanele ukuthandwa."

UMkristu: "Awuhlangananga lenye into kulesosigodi yini?"

UThemb: Yebo ngahlangana loManhloni; kodwa kubo bonke abantu engihlangene labo ekuhambeni kwami ngicabanga ukuthi nguye organikwanga ibizo elimfaneleyo. Abanye bona bebeyekela ukuphika inkani emuva kwesikhathi esithile sekukhulunywe labo, kodwa luManhloni olobuso obuqine kakhulu kazange avume ukuyekela."

UMkristu: "Utsho ngoba ekhulumeni kuwe yini?"

UThemb: "Wathini! Wasola ukukhonza uNkulunkulu uqobo. Wathi yena kuyinto embi engafanele ukuba indoda ikhathalele ukukhonza uNkulunkulu. Wathi ukuba lesazela esithambileyo kuyikungabi yindoda, ngoba ukuthi indoda ikhathalele amazwi lendlela zayo ukuze izibophelele kuzo ingahambi njengabantu abakhulu abangakhathaleli lutho, indoda leyo izakuba yinhlekisa ezikhathini lezi. Wasola njalo ukuthi balutshwana abantu abalamandla abanothileyo kumbe abahlakaniphileyo, abake bavumelana lami ngalezozinto zokukholwa; lokuthi akukho lamunye wabo owaba yikho lokho, engaphendukanga isiwula kuqala, abe ngofisa

ukulahlekelwa yikho konke ngenxa yokuzuza okungaziwa langoyedwa ukuthi kuyini. Wasola futhi isimo esiphansi salabo ababengabahambi ngesikhathi sabo, ukuthi ngesingelamandla, esobumpofu; futhi wasola, ukuswela kwabo ingqondo lokungaqondi kwabo ukwazi kwelizwe kokuhlakanipha. Waqhubeke wangitshela ngokunjalo ngezinye izinto ezinengi engingelakho ukuzibala khathesi. Wathi kuyayangisa ukuthi umuntu nxa kutshunyayelwa abonakale eqala ukukhala elila, aze athi loba esuka ahambe ebubula ekhefuzela. Wathi kuyayangisa ukucela umakhelwane ukuthi akuthethelele iziphosiso ezincane osuke uzenzile kuye; lokubuyisela okuthethayo emuntwini. Watsho lokuthi ukukholwa kuNkulunkulu kwenza ukuthi umuntu abe ngowemzini kuzikhulu zomhlaba ngenxa yemikhuba emibi emilutshwana engalunganga (lokho uManhloni akubiza ngamabizo okuhlonipha) aze ahloniphe abancane, ngenxa yabampofu abakholwa uNkulunkulu njengaye. Wathi: Kambe kakuyangisi lokhu?"

UMkristu: "Wathini wena kuye?"

UThemb: "Ngathini! Ngangingazi ukuthi ngizakuthini ekuqaleni. Yebo wangiphikelela ngaze ngaba bomvu zinhloni. LoManhloni wakuvusa, waphose wangehlula sibili. Kodwa emva kwesikhathi ngabona ukuthi kanje leyonto ebukwa ngabantu yiyo ezondwa nguNkulunkulu. Ngakhumbula futhi ukuthi uManhloni ungitshela ukuthi abantu banjani kodwa kangitsheli lutho ngoNkulunkulu, kumbe ngelizwi likaNkulunkulu. Ngasengikhumbula futhi ukuthi ngosuku lokulahlwa kasiyikwahlulelwu ukufa loba ukuphila ngokubona kwabayizikhulu zalelilizwe, abahamba ngokwabo ukuthanda; kodwa sizakwahlulwu ngokwazi langomthetho walowo ophezu konke. Ngakho ngathi lokho akutshoyo uNkulunkulu kulungile, isibili kulungile lanxa kuzondwa ngabantu bonke bomhlaba. Njengalokhu-ke uNkulunkulu ethanda inkonzo yakhe, uNkulunkulu uthanda isazela isithobekileyo; njengoba labo abazenza izithutha ngenxa yombuso wezulu bahlakaniphe kakhulu; lalovo ongumyanga othanda uKristu unothile kulesikhulu sezikhulu salumhlaba esimzondayo: Manhloni suka, uysitha sosindiso lwami. Ngingavumelana lawe ngilwe leNkosi yami enguMbusi omkhulu? Uba ngenze njalo, ngizayikhangelu njani ebusweni ekuzeni kwayo? Kambe ngizayikhangelu njani ngezindlela zayo, langenceku zayo, ngingasilindela njani isibusiso kuyo? Kodwa mpela uManhloni, wayeyisoni esilesibindi; kwaba nzima ukwahlukana laye. Yebo wayengikhathaza ngokungavumi ukungiyekela, elokhu enyenyeza endlebeni yami njalo ngenye yezinto ezingalungile kubo abakholwa kuNkulunkulu. Ngathi kuye emuva kwesikhathi kakusizi ukuqhubelela phambili kwakho, ngalokho okwenzayo

kimi, ngoba mina ukujabula kwami kuyizo lezozinto yena angafuni lokuzikhangle. Ngokunjalo-ke manje, ngaphumelela ukwahlukana lalindoda ehluphayo. Ngithe sengimsusile ngahlabelela ngathi:

Izilingo lawo madoda bahlangana lazo,  
 Labo abalalela ubizo lwasezulwini.  
 Zinengi njalo, njalo zilungele umzimba,  
 Njalo ziyeza, zize, zibuye zize;  
 Khathesi, kumbe ngesinye isikhathi thina ngazo singa-  
 Thathwa, sehlulwe silahlwe.  
 O! kwangathi izihambi, izihambi-ke  
 Zilinde, ziqine, zikhaliphe njengamadoda."

UThemb: "Kungathi kimi ngaba sikhala kuye lowo ofisayo ukuthi sikhaliphe ekulilweleni iqiniso emhlabeni, ukuze asisize singabi lamanhloni."

UMkristu: 'Ngiyajabula kakhulu mfowethu ngoba umelene lalesisoni ngesibindi esikhulu. Ngoba kubo bonke, njengokutsho kwakho ngicabanga ukuthi ulebizo eliangamfanelanga, ngoba ulesibindi sokusilandela ezindleleni. Sigangile kangangoba sisilandela ezindleleni sizame ukusiyangisa phambi kwabantu bonke ukusenza sibe lenhloni ngokuhle. Kodwa uba besingelasibindi uqobo Iwaso, besingasoze sikwenze lokho esakwenzayo. Kodwa kasiqhubeke silwe laso ngoba lanxa sizenza esikhulu singayenga izithutha zodwa. USolomona uthi: "Abahlakaniphileyo bazalidla ilifa lobukhos, kodwa izithutha zizakuba lenhloni."

UThemb: Kungathi singamecela yena ukusisiza simelane loManhloni ukuze sikhaliphe ekulilweleni iqiniso emhlabeni.

UMkristu: "Uqinisile, kodwa awuhlangananga lomunye umuntu kulesosigodi yini?"

UThemb: Hatshi mina: ngoba emva kwalokho ngahamba yonke indlela yami likhanya ilanga, ngaze ngaphuma kuso iSigodi seThunzi loKufa.

UMkristu: "Wena uhambe kuhle kakhulu lapho. Ngeqiniso akubanga njalo kimi. Ngithe okwesikhathi eside sengingenile kulesosigodi ngalwa kakhulu lesilo esibi uApoliyoni. Khona-ke ngathi uzangibulala kakhulu nxo esengiwisele phansi, wangibandzelala phansi kwakhe kwangathi uzangicobodisa. Ngoba wathi engiwisa, waphunyuka umhedla wami esandleni sami. Wangitshela ukuthi usengitholile. Kodwa ngathandaza kuNkulunkulu laye wezwa wangikhulula kuzo zonke izinhlupheko zami. Ngithe sengisuke kulokho, ngangena kuso isigodi sethunzi lokufa, lapho engahamba kuso ingxenyenye yendlela kumnyama. Lapho ngacabanga

futhifuthi ukuthi ngizakufa. Kodwa emva kwesikhathi kwasa laphuma ilanga yaze yathi indlela ebengingakayihambi ngayihamba kalula kakhulu ngingahlutshwa ngingethuswa.

## 12. UMalawula

Ngabuye ngabona ephutsheni lami ukuthi wathi uThembekile, nxa behamba, ethole ithuba lokukhangela kolunye uhlangothi, wabona indoda ethiwa nguMalawula ihamba ibangana ilinganisane labo, ngoba lapha kwakubanzi ukuthi bahambe ndawonye. Wayeyindoda ende, engathi inhle nxa ikhatshana, okwedlula iseduze. Wakhulumma laye uThembekile wathi: "Sihlobo uya ngaphi? Uya elizweni lezulwini yini?"

UMalawula: "Yebo, ngiya kuleyondawo."

UThemb: "Kuhle lokho, ngiyethemba sizahambisana."

UMala: "Ngivuma ngokuthokoza ukuhambisana lani."

UThemb: "Woza-ke sihambisane sikhathi sixoxa ngezinto ezilusizo kithi."

UMala: Ukuxoxa ngezinto ezilungileyo kuhle lanxa ngikhulumma lani loba ngikhulumma lomunye kuhle kakhulu. Ngiyathokoza ngokuthi ngihlangene lalabo abadonsekela emsebenzini omuhle ngokunjalo ngoba kuliqiniso ukuthi balutshwana abalesineke sokuchitha isikhathi ngokunjalo (besekuhambeni kwabo). Kodwa-ke bakhetha ukuxoxa ngezinto ezingasizi lutho; iyangihlupa mina linto."

UThemb: "Leyonto ngeyokukhalelw sibili ngoba yiyiphi into efanele ukuphathwa lulimi lomlomo womuntu emhlabeni, njengezinto zikaNkulunkulu wezulwini?"

UMal: "Ngiyakuthanda kakhulu okumangalisayo ngoba okutshoyo kungelandulwe. Ngengezelele-ke ngithi yikuphi okulungileyo, yikuphi okusizayo, njengokuxoxa ngezinto zikaNkulunkulu? Yikuphi okulungileyo? Lokho kuyikuthi nxa umuntu ethabela izinto ezmangalisayo. Ngingalinganisa lapho: uba umuntu ethanda ukukhulumma ngezindaba loba ngokufihlakeleyo kwezinto, kumbe mhlawumbe athande ukukhulumma ngezimangaliso langezenzo ezinkulu langezibonakaliso angathola ngaphi indawo lapho izinto ezibekwe zalotshwa kamnandi khona njengeMibhalweni eNgcwele?"

UThemb: "Kuliqiniso lokho; kodwa ukusizwa yizinto ezinjalo ekukhulumeni kwethu, yikho esifanele sikhazi."

UMala: "Bengikhulumma lokho lami. Ngoba kuyasiza kakhulu ukukhulumma ngezinto ezinjalo, ngoba ngokwenza lokho umuntu angathola ulwazi ngezinto ezinengi njengokungabi lasizo kwezinto zaledilizwe, lenzozo ngezinto zaphezulu. Kodwa ngokukhethekileyo umuntu angafunda ngokusweleka kokuzalwa kutsha, lokungeneli kwemisebenzi yethu,

lokusweleka kokulunga kukaKristu, njalo njalo. Njalo futhi ngalokhu umuntu angafunda ukuthi kuyini ukuphenduka, ukukholwa, ukuthandaza ukubekezelela ububi lezinye izinto ezifanana lalezo. Ngalokho umuntu angafunda ukuthi zingakanani izithembiso lenduduzo zevangeli ukuze asizakale. Futhi ngalokhu umuntu angafunda ukuphikisa amazwi angasilo iqiniso afakazele iqiniso, njalo afundise abangelalwazi."

UThemb: "Yonke leyonto oyikhulumayo iliqiniso. Ngiyajabula ukukuzwa ukhuluma njalo."

UMala: "Kuyesabeka ukusweleka kwalokhu yikho okubangela ukuthi babe balutshwana abakwaziyo ukusweleka kokukholwa lokusweleka komsebenzi womusa emphefumulweni wabo ukuze bathole ukuphila okuphakade kodwa bephila ngokungazi emsebenzini yomthetho kanti akulamuntu ongangena embusweni wezulu ngayo."

UThemb: "Kodwa ungakwazi okuhle ngalezozinto: ukwazi okuvela ezulwini ngalezizinto, kuyisipho sikaNkulunkulu. Kakulamuntu ofinyelela kuzo ngokukhuthala kwakhe, langokukhuluma ngakho kuphela."

UMala: "Ngiyakwazi konke lokho kuhle, ngoba umuntu angezuze lutho engaluphiwanga luvela ezulwini; konke kuya ngomusa, akuyi ngemisebenzi. Ngingakutshela amavesi alikhulu aseMibhalweni aqinisa ngalokhu."

UThemb: "Yebo-ke, yikuphi esizakhuluma ngakho kube yinhloko yendaba yethu khathesi?"

UMala: "Sizakhuluma ngalokhu okuthandayo. Mina ngizakhuluma ngezinto zezulwini kumbe ngezinto zemhlabenzi; izinto zomthetho wokulunga kumbe izinto zevangeli, izinto ezingcwele kumbe izinto ezingalunganga, izinto ezedlulileyo kumbe izinto ezizayo; izinto zamanye amazwe kumbe izinto zekhaya, izinto esingelakho ukuphila ngaphandle kwazo kumbe izinto ezincane esilakho ukutekula ngazo; aluba konke lokho kuzakwenzelwa ukusizwa kwethu."

UThemb: UThembekile waqala ukumangala, wathi tshampu waya kuMkristu ngoba wayehamba yedwa sonke lesikhathi, wathi kuye ngelizwi elincane: "Lindoda ehamba lathi inhle njalo yisihambi esilesibindi isibili. Iqiniso lumuntu uzakuba yisihambi esihle isibili."

UMkristu: UMkristu wabobotheka ngokuthokoza wathi: "Lumuntu othatheke kangaka ngaye angakhohlisa ngolimi lwakhe abantu abangamatshumi amabili abangamaziyo ngenkulumo yakhe.

UThemb: "Uyamazi wena yini?"

UMkristu: "Ngiyamazi? Ngiyakutshela akazazi laye uqobo njengokuba ngimazi mina."

UThemb: "Ngitshele ungubani-ke?"

UMkristu: Ibizo lakhe nguMalawula. Uhlala emzini wakithi, ngiyamangala, ukuthi kawumazi, kuphela sengicabanga ukuthi kwensiwa yikuthi umuzi wakithi mkhulu."

UThemb: "Uyindodana kabani? Uhlala ngaphi?"

UMkristu: "Uyindodana kaKhuluma Kuhle, owakhe endleleni yekuLandiseni. Bonke labo abamaziyo bamazi ngokuthi nguMalawula wendleleni yekuLandiseni. Loba elolimi olumnandi, uyindoda engalunganga."

UThemb: "Kodwa kungathi ngumuntu omuhle."

UMkristu: "Yebo, kulabo abangamejwayelanga kakhulu, ngoba yena muhle ekhatshana, kodwa eduze lekhaya mubi sibili. Lokhu kungikhumbuza engakunanzelela emsebenzini womcombi wemifanekiso, omifanekiso yakhe ibonakala imihle ihatshana; kodwa nxa iseduze uyibone ingemihle kangaka."

UThemb: "Kodwa ngithi uyangisomela ngamazwi akho ngoba uyabobotheka."

UMkristu: "Hatshi, kangisomi ngalokhu! Lanxa ngibobotheka, ngingeke ngihibe umuntu ngamanga. Ngizabuye ngikutshele okunye ngalindoda. Ngumuntu wabantu bonke lo lowenkulomo yonke. Njengoba ekhuluma lawe khathesi, uzakhuluma ngokufananayo letshwaleni. Kuthi-ke njengokunatha kwakhe kube njalo lokukhuluma kwakhe, anganatha kakhulu, ukhuluma kakhulu. Ukuhonza uNkulunkulu kakukho enhliziweni yakhe, endlini yakhe, kumbe empilweni yakhe; konke alakho kusemlonyeni wakhe, ukukhonza kwakhe ngokomsindo kuphela.

UThemb: "Kanti utsho njalo? Pho! Isibili ngikhohlisekile kakhulu kulumuntu.

UMkristu: "Ukhohlisekile! Yebo ukhohlisekile sibili. Khumbula isaga esithi: Bayakhuluma bangenzi lutho, kanti umbuso kaNkulunkulu awuyi ngelizwi, kodwa ngamandla. Ukhuluma ngomthandazo, ngophenduko, ngokholo, ngokuzalwa kutsha, kodwa wazi ukukhuluma ngakho kuphela. Ngake ngaya emzini wakhe; ngamqaphela ekhaya lakhe, ngamqaphela lanxa engaphandle; ngiyazi ukuthi ngikhuluma iqiniso ngaye. Endlini yakhe ukukholwa kakukho njengokumhlophe kweqanda okunganambithekiyo. Kakukho ukuthandaza, kakubonakali ukuphenduka esonweni lakancane. Yebo, uNkulunkulu izinyamazana zimkhonza ngcono kulaye. Ngenxa yakhe isibili kukhulunywa kubi ngenkonzo kaNkulunkulu, kuleyondawo yonke yomuzi ahlala kuyo. Abantukazana abamaziyo bathi ngaye: "Ngaphandle unjengoyingewe, ekhaya unguSatane." Abomuzi wakhe lezisebenzi zakhe zithola kunjalo sibili; ungumuntu ophangisa ukuzonda lothukayo,

kalangqondo ezisebenzini zakhe kangangokuba kazisakwazi ukuthi zenze njani kumbe zithini kuye. Abantu abasebenzelana laye bathi kungcono ukusebenza lomhedeni kulokusebenza laye ngoba lomhedeni kalakho ukukhohlisa abantu njengoba uMalawula ebakhohlisa. UMalawula lo, nxa kungenzeka, angenza okwedlula lokho, abaqilibezele, abakhohlise, abacuphe abehlule. Phezu kwalokhu amadodana akhe uwafundisa ukuthi amlingisele, uba ewabona etshengisa ukwesaba okubi, (ngoba yena utsho njalo ngokubonakala kokuqala kwesazela esibuthakathaka) ubabiza ngokuthi bayiziwula leziphukuphuku, angeke abathume emsebenzini omkhulu engeke akhulume kuhle ngabo phambi kwabanye. Mina ngicabanga ukuthi ngendlela yakhe embi, ukhubekise wawisa abanengi; futhi uzawisa labanye abanengi nxa enganqatshelwanga nguNkulunkulu." UThemb: "Yebo, mflowethu, ngifanele ngikukholwe, kungengenxa yokuthi uthi uyamazinje, kodwa ngenxa yokuthi njengoMkristu wenza imibiko yakho ngabanye abantu. Ngoba kangicabangi ukuthi lezizinto ungazikhuluma ngenhlizyo embi. Uzikhuluma ngoba zinjalo."

UMkristu: "Yebo, aluba bengifanana lawe ngokungamazisisi, mhlawumbe lami ngabe ngicabange lokho okucabange ngaye wena kuqala. Yebo, aluba lezizindaba bezikhulunywe yilabo abayizitha zokukholwa, bengizacabanga ukuthi bayamhleba (ngoba lokho kuyenzeka ukuthi emlonyeni yababi kuphume okonakalisa izimo zabantu abalungileyo kanye lemisebenzi emihle). Kodwa mina ngokwami ngingabonisa ukuthi zonke lezizinto, yebo lezinengenengi ezimbi njengazo, lindoda iyazenza. Kwezinye indawo, balenhloni ngaye abantu abalungileyo. Labantu abalungileyo balenhloni ngaye, bangembize ngokuthi mflowethu kumbe mngane; nxa kukhulunywa ngaye phakathi kwabo bakhangela phansi ngenxa yenhloni, nxa bemazi."

UThemb: "Ngiyabona sibili ukuthi ukukhuluma lokwenza kwehlukene ngakho sengizakuqaphela ukukwehlukanisa lokhu.

UMkristu: Zimbili lezizinto, njalo zehlukene njengoba umphefumulo wehlukene lomzimba. Njengoba umzimba ongelamphefumulo uysisidumbu nje, ukukhuluma komuntu okuyize kunjengesidumbu lakho. Inhlizyo yokukhonza iyikwenza. "Ukukholwa okucwebileyo okungangecolanga phambi kukaNkulunkulu loYise yilokhu, kuyikuhambelo intandane, labafelokazi osizini lwabo lokuzilondoloza ungabi lacala kokomhlaba." Kakwazi lokhu uMalawula; ucabanga ukuthi ukuzwa lokukhuluma kwenza ukuthi umuntu abe ngumKristu olungileyo, ngalokho ekhohlisa owakhe umphefumlo. Ukulalela kunjengokuhlanyelwa kwenhlanyelo; ukukhuluma kodwa akutshengisi ukuthi enhliziyweni lenhlalweni yomuntu kulezithelo zokulunga. Kasiqinisekiswe lathi ngokwethu ukuthi ngosuku lwencithakalo

abantu bazagwetshwa ngokwezithelo zabo. Akuyukubuzwa ngaleyomini ukuthi: "Lakholwa yini? Kodwa lalingabenzi kumbe abakhulumayo kuphela yini?" Njalo bazagwetshwa ngokufaneleyo. Ukuphela komhlaba kufananiswa lokuvuna kwethu. Njalo liyakwazi ukuthi ekuvuneni abantu abazihluphi ngalutho ngaphandle kwezithelo. Ngeqiniso ngiyazi ukuthi akulalutho oluzakwamukelwa olungayisilo lokholo, kodwa ngikhuluma lokhu ukukutshengisa ukuthi kaluyikunanzelwa kangakanani uvumo lukaMalawula ngalolosuku."

UTHemb: "Lokhu kungikhumbuza ukukhuluma kukaMozisi ebonisa inhlobo zenyamazana ezingangcolanga ukuthi ziylezo ezehlukanisa amangqina njalo zentshise. Hatshi lezo ezehlukanisa amangqina kuphela; kumbe ezentshisayo kuphela. Umvundla uyentshisa kubekanti ungcilile ngoba ungehlukanisi amangqina. Wona ufanana kakhulu loMalawula: uyentshisa, uyadinga ulwazi, uyaletshisa ilizwi kodwa kehlukanisi amangqina, kehlukani lezindlela zezoni; kodwa njengomvundla ulamangqina afanana lawenja kumbe ibhere: ngalokho ungcilile."

UMkristu: "Ngikholwa ukuthi ngalokhokukhuluma kwakho usukhulume iqiniso levangeli. Ngizakwengeza okunye futhi: kukhona abantu abakhuluma sonke isikhathi, athi uPawuli ngabo bayizinsimbi ezincencethayo, bangamathusi akhencezayo; lokhu kuyikuthi, njengoba etsho kwenye indawo, bayizinto ezhilokomayo, kodwa ezingelakho ukuphila. Izinto ezingelakho ukuphila, lokho kuyikuthi ezingelakho ukukholwa okuliqiniso, lomusa wevangeli. Ngalokho ziyyizinto ezingasoze zibekwe embusweni wezulu phakathi kwalabo abangabantwana bokuphila, lanxa inhlokomo yazo, lokukhuluma kwazo, kufanana lolimi lelizwi lengilos."

UTHemb: "Kuqala bengingakuthandi ukuhlangana laye kodwa khathesi sekuyisifo kimi. Pho sizakwenza njani ukuze sehlukane laye?"

UMkristu: "Thatha iseluleko sami, wenze lokho engizakutshela khona, uzabona ukuthi laye uzaphangisa anengwe yikuhlangana lawe ngaphandle kokuthi uNkulunkulu ahlabe inhliziyo yakhe ayiphendule."

UTHemb: "Uthi ngenze njani?"

UMkristu: "Ngithi, yana kuye, umkhulumise ngamazwi ngendaba yamandla elizwi likaNkulunkulu; (kuthi nxesa esekuvumile lokho, ngoba uzavuma sibili) uze ubuze ngokusobala ukuthi likhona yini sibili, ilizwi lelo enhliziyweni yakhe lendlini yakhe, kumbe lempilweni yakhe."

Waqhubekela phambili uThembe kile wafika wathi kuMalawula: "Sekunjani khathesi?"

UMalawula: "Kusalungile kimi. Bengithi ngasesikhulumile kakhulu."

UThemb: "Yebo-ke, kulungile sesizangena kukho ukukhuluma kwethu. Njengoba uthe yimi engizakubuza, sengibuza-ke: Umusa kaNkulunkulu osindisayo, nxa usenhliziyweni yomuntu, uzibonakalisa njani?"

UMala: "Ngiyabona-ke ukuthi inkulumo yethu kufanele ibe mayelana lamandla ezinto. Umbuzo lowo ulungile kakhulu; ngizawuphendula ngokujabula. Yizwa-ke impendulo yami ngalamazwi angemade. Okokuqala, nxa usenhliziyweni yomuntu umusa, kaNkulunkulu, ubanga ukuthi kube khona ukukhala okukhulu ngezono. Okwesibili . . . ."

UThemb: "Mana siphendule into ibenyе kuqala; ngithi mina ngabe uthi: Uziveza ngokudonsela inhliziyu ukuthi izonde isono."

UMala: "Pho, ukukhala ngezono lokuzizonda uthi kwehlukene ngaphi?"

UThemb: "Kwehlukene kakhulu. Umuntu angakhala kakhulu ngesono esenza ngobuqili, kodwa engeke asizonda kuphela nxa ephiwa inhliziyu nguNkulunkulu yokusinenga. Sengizwe abanengi bekhala ngezono endaweni zokutshumayela, kanti enhliziyweni, lasesimilweni bahlezi lazo lezozono. Inkosikazi kaPotifari inkosi kaJosefa, yakhala kakhulu, kwangathi ingcwele; kanti loba kwakunjalo, yayithanda ukwenza okungcolileyo laye. Abanye bayamemeza ngezono kanti bafanana lonina okhalimela umntanakhe esithi mubi, uyintombazana ehluphayo, kanti uyayanga ayisingathe ngasikhathi sinye."

UMala: "Uzama ukungibamba ngecebo, ndoda."

UThemb: Hatshi, kangikwenzi lokho. Ngilungisa ukuma kwezinto kuphela. Kanti eyesibili into yiyphe, ongawutshengisa ngayo umsebenzi womusa kaNkulunkulu enhliziyweni yomuntu?"

UMala: Yikwazi okunengi ngemfihlo yeziNdaba eZinhle."

UThemb: Ngabe, uqale ngaso lesosibonakaliso kodwa lokhu ukuthi ngesokuqala, kumbe ngesokucina, akulaqiniso. Ngoba ulwazi, yebo ulwazi olukhulu lwemfihlakalo zevangeli lungatholwa, kube kanti umsebenzi womusa kawukho enhliziyweni. Yebo umuntu angaba lolwazi lonke, kodwa angabi yilutho, ngalokho angabi nguye umntswana kaNkulunkulu. Lapho uKristu wathi kubafundi bakhe: "Liyazazi zonke lezizinto yini?" Bona bathi: "Yebo." Waphinda wathi: "Libusisiwe nxa lizenza." Kakhangelanga isibusiso ekuzazini kodwa ekuzenzeni. Ngoba kukhona ukwazi okungelazenzo, njengokwazi kwesigqili, esaziyo intando yenkosi yaso, njalo singayenzi. Umuntu angaba lolwazi olufanana lolwengilos i kanti engasuMkristu. Ngalokho isibonakaliso sakho kasilaqiniso. Isibili ukwazi yinto ethokozisa abalawulayo labaziqhenyayo kodwa kuthokozisa uNkulunkulu. Angitsho ukuthi inhliziyu ingalunga ngaphandle kolwazi, ngoba ngaphandle kwalokho inhliziyu ayilalutho. Ukwazi lokhu, kuyizinhlobo ezimbili.

Kukhona ukwazi okuma ngokukhuluma okucatshangwayo kodwa. Kukhona lokwazi okuhamba lesipho sokholo lothando, okumenza umuntu enze intando kaNkulunkulu ngenhliziyi. Okokuqala ukwazi kufanele abantu abalawulayo, kodwa yena onguMkristu isibili akeneliswa engelakho ukwazi kwesibili. "Ngipha ukuqonda, khona ngizalonda umthetho wakho; ngizowulonda isibili ngenhliziyi yonke eyami."

UMal: "Uphinda ufuna ukungibamba ngecebo. Linkulomo ayilalutho olusizayo lapha."

UTHemb: "Nxa uthanda ngitshela esinye isibonakaliso somsebenzi womusa, esibonakalisa ngawo nxa usenhliziyweni yomuntu."

UMal: "Hatshi mina! Ngoba ngiyabona ukuthi asiyikuvumelana kuhle."

UTHemb: "Pho uyangivumela mina ukuthi ngikutshele?"

UMal: "Yenza lokho okuthandayo."

UTHemb: "Umsebenzi womusa emphefumlweni uyazibonakalisa ngokwawo, kungaba kuye olawo, loba kwababukelayo. Kulowo olawo ngalindlela: uyamhlaba ngokona kwakhe, kakhulu ngokungcola kwemvelo yakhe, lesono sokungakholwa okuzakuthi ngenxa yaso alahlwe phakade uba engatholi umusa kaNkulunkulu ngokukholwa kuye uJesu Kristu. Lokhu kubona lalokhukuqonda kwalezizinto kusebenza kuye aze abe losizi lenhloni ngenxa yezono zakhe. Uthola njalo ukuthi uJesu Kristu wambulwe enguMsindisi welizwe, lokuthi kufanele sibili avumelane laye ukuze athole impilo. Esekubonile lokhu uzizwa emlambela emkhwabitha; ngenxa yalokhukumlambela lokunye kwensiwa isithembiso. Manje ukujabula lokuthula kwakhe lokubuthanda kwakhe ubungcwele lesifiso sakhe sokumazisa uMsindisi, lokufuna kwakhe ukumkhonza kulo lelilizwe, kulingana lamandla okukholwa kwakhe kuye uMsindisi. Kodwa lanxa ngisithi wenza lokho umusa kaNkulunkulu ukuzibonakalisa kwawo kuye, akwandanga ukuthi umuntu abone ukuthi lowo ngumsebenzi womusa. Izinto ezbanga lokho kuyibubi benhliziyi yakhe lomcabango wakhe owonakaliswe yisono. Lokhu kwenza ukuthi aphosise ukwazi kwakhe lindaba; ngalokho-ke umuntu ufanele ukuthi abe lengqondo yokuqonda kuhle elungleleyo, ephilileyo phambi kokuthi abe lakho ukuqonda ngequiniso ukuthi lowo ungumsebenzi womusa kaNkulunkulu. Kwabanye abantu kubonakala lumsebenzi womusa kuye. 1) Ngokuqala ukuvuma kwakhe ukukholwa kwakhe kuKristu. 2) Ngenhlalo evumelana lalokhokuvuma kwakhe okokuthi ahlale ngobungcwele: ubungcwele benhliziyi, ubungcwele bemuli (nxa elemuli), lobungcwele ekuhambeni kwakhe phambi kwelizwe. Lokhu kumfundisa ukuzonda isono phakathi kwakhe ngasese ngenxa yalezozono; kuzamfundisa ukuxotsha izono kubantwana bakhe, lokwandisa

ubungcweli elizweni, kodwa angakwenzi lokho ngomlomo wodwa njengomzenzisi lomuntu olawulayo. Uzakukwenza ngokulithobela ngothando langokukholwa amandla elizwi likaNkulunkulu. Sengiphendule, nkosi ngokufitshane ngomsebenzi womusa lokubonakala kwavo enhliziwensi; nxa kukhona ongakuphikisa kuphikise; uba kungenjalo ngivumela ngikubuze umbuzo wesibili.

UMala: Hatshi, khathesi mina angisaphikisi; sengilalela kuphela; ubuze lowombuzo wakho wesibili.

UTHemb: "Kuyilokhu: uyakuzwa yini lokho engiqale ukukuphendula? Ukwenza lokukhulumu kwakho kuyakubonakalisa yini? Ukukhonza kwakho kumi emazwini lelimini kungemi ekwenzeni leqinisweni yini? Ngiyakuncenga nxa uthanda ukungiphendula kulokho okwaziyo ukuthi loNkulunkulu ophezulu angakuvuma ukuthi kuliqiniso; yebo lalokho kuphela okwaziyo ukuthi isazela sakho silakho ukukuvumela ukuthi kulungle. Ngoba kakusuye ozibongayo ovunyelwayo, kodwa ngobongwa yiNkosi. Njalo aluba umuntu esithi ngiyilokhu lalokhu, kanti ukukhulumu kwakhe labomakhelwane bakhe bathi ngamanga, kuyibubi obukhulu lobo."

Ekuqaleni uMalawula wacatshisa amehlo, kodwa wabuya wazibamba, wezwakala esephendula esithi: "Usuphatha okuzwileyo lesazela loNkulunkulu, uthi kakubekwe kuye afakaze okukhuluniweyo ukuthi kuliqiniso. Inkulumo enje bengingayilindele njalo kangibanjwa ngamandla ukuyiphendula ngoba ngithi kangifanele ukwenza njalo, kuphela wena uenza umhloli. Kanti lanxa usenza njalo ngingevume ukuthi wena ube ngumahluli wami, kodwa ake ungitshelle ukuthi ukwenzelani ukungibusu imibuzo enjalo?"

UTHemb: "Ngoba mina ngibone ukuthi ulamawala okukhulumu langenxa yokuthi bengingazi ukuthi kukhona okunye kuwe ngaphandle kokucabanga kwakho nje. Phela ake ngikutshelle iqiniso, ngizwile ukuthi wena uyindoda ekukholwa kwayo kusekukhulumeni kodwa loba ukuhamba kwakho kuphikisana lokukhulumu komlomo wakho. Bathi ulibala elibi phakathi kwamaKristu lokuthi ngokuhamba kwakho okubi iLizwi likaNkulunkulu alihlonitshwa. Sekwenzekile ukuthi bakhubeke abanye ngokubona ukuziphatha kwakho lezindlela zakho ezimbi, labanye basengozini yokonakaliswa ngazo. Ukukholwa kwakho kumi ndawonye ngokuthanda kwakho utshwala lokuhawukela kwakho impahla yabanye lokungcola kwakho lokuthuka kwakho lokuqamba kwakho amanga, lokujayelana kwakho labangalungle. Iqinisile ngawe linkulumo ekhuluma ngesifabe ngokuthi: 'Silihlazo kubo bonke abesifazana.' Wena lawe ulihlazo kubo bonke abakholwayo."

UMal: "Ngoba phela uphangisa ukuvuma amazwi okuhleba, langenxa yokuthi umuntu uyamlahla ungakhangelisisanga, ngicina ngokuthi uyindoda etshetshe icunuke, elenhliziyo elenzondo okungafanele ukuthi umuntu akhulume layo. Sesisehlukana khathesi ndoda."

UMkristu: Wasesondela uMkristu wathi kumzalwane wakhe: "Ngikutshelile obekuzakwenzeka! Amazwi akho awalakho ukuvumelana lezinkanuko zakhe. Bekungcono kuye ukuthi ehlukane lawe kulokuthi alungise ukuhlala kwakhe. Kodwa uhambile njengokutsho kwami: myekele ahambe; kakho olahlekelwayo ngaphandle kwakhe. Futhi yena usisizile ngokuhamba kwakhe ngoba kasiselakho ukwahlukana laye, ngoba esahlala kuleyonhlalo njengoba ngisithi uzahlala kuyo, ubezakuba libala elibi kithi. Futhi lomphostoli uthi: "Yehlukanani labanjalo."

UThemb: "Kodwa ngiyathokoza ukuthi sesike sakhulumma laye: mhlawumbe uzacabanga ngayo leyondaba ebesiyyikhuluma. Loba kunjalo ngimphethe ngeqiniso. Kangilacala egazini lakhe, lanxa ebbubha."

UMkristu: "Wenze kuhle ukungamfihleli lutho. Balutshwana abaphatha abantu ngobuqotho lezinsuku; ngenxa yalokho ilizwi likaNkulunkulu lisuka libe liphunga elibi linuke kubantu abanengi. Ngoba ngabayiziwula abalawulayo abakholo lwabo lusemlonyeni kuphela, abahamba ngokonakala behkuluma okuyize (ngokuvunyelwa ukudlelana laMakristu eqiniso) bakhubekisa ilizwe, balone ilizwi likaNkulunkulu, badabukise abaqotho ngenhlizyo. Sengathi bonke abantu bangenza njengawe kubantu abanjalo, khona bezavumelana leqiniso, loba bafice ukuthi ukuhlangana labantu abangcwele kuyatshisa kulabangakuthwala." Khona uThembekile wathi:

"Yeka ukuzikhukhumeza kukaMalawula kuqala!  
 Yeka ukukhuluma kwakhe ngesibindi lokuzitshela kwakhe!  
 Ukuwisela phansi bonke abaphambi kwakhe! Khonokho-nje  
 Esakhuluma uThembekile ngokwenza kwenhlizyo njengenyanga  
 Esuka ekugcwaleni isiya ekuncipheni,  
 Bazakuba njalo bonke, kuphela kowazi ukwenza kwenhlizyo."

Bahamba njalo behkuluma ngezinto abazibonileyo endleleni. Lokhu kwenza ukuhamba kwabo kube mnandi, okwakuzakuba nzima ngoba khathesi basebedabula inhlane.

## 13. Umdlalo woMuzi-oze

Bathi sebezayidlula inhlane leyo, wakhangela emuva nje uThembekile, wabona kukhona umuntu obalandelayo, wamazi. Wathi uThembekile kuMkristu: "We! Ngubani lowo ozayo?" Wakhangela laye uMkristu wathi: "Ngumhlobo wami omuhle uNdabezinlle." "Yebo lowami umhlobo omuhle", kwallsho uThembekile, "ngoba nguye owangitshengisa indlela eya esangweni." UNdabezinlle wasefika kubo, wababingeleta wathi: "Zithandwa, ukuthula kakube kini, lakwabalisizayo."

UMkristu: "Siyajabula kakhulu, siyajabula ukukubona Ndabezinlle wami omuhle. Ukubona ubuso bakho kungikhumbuza ububele bakho ngesikhathi esidlulileyo lemisenbenzi owangenzela yona, lokungakhathali ukungisiza kuze kube phakade."

Wabuza uNdabezinlle wathi: "Kwaba njani kini bafowethu, emva kokwehlukana kwethu? Lahlangana lani? Laziphatha njani?" Bamtshela oMkristu loThembekile zonke izinto ezabehlela endleleni lokufika abafika ngakho kuleyondawo abafice kuyo, lokuthi bafika kanzima kangakanani kuleyondawo.

UThem: "Yebo lami kangitsho kankulungwane ukuthi siyajabula. Ubukhona bakho, Ndabezinlle omuhle buyadingeka kithi sibili, thina abahambi ababuthakathaka."

UNdabezinlle: "Yebo-ke, ngiyajabula, kungesikuthi ngoba lihlangene lokuhlupheka okunjalo, kodwa ukuthi lehlule lanqoba, phezu kobuthakathaka obunengi, liqhubelekile endleleni kuze kube lamuhla. Yebo ngithi mina ngihlanyele lina lavuna, ngiyajabula sibili ngalokhu ngenxa yenu langenxa yami uqobo. Usuku luyenza okuzakuthi ngalo ohlanyelayo athokoze kanye lovunayo; uba likhuthazele, lizakuvuna ngesikhathi esifaneleyo, nxa lingadangali. Umqhele uphambi kwenu, njalo ngongabuniyo; gjimani ukuze liwuthole. Bakhona abanye abasuka bejahe wona lowomqhele; kuthe sebegijime ibanga elikhulu, kufike omunye abathatthele; ngakho-ke bambisisani lokho elilakho ukuze kungabikho olamuka umqhele wenu, lakhona lapha lingahlangana lombhobho kaSatane. Alikaqinisi kuze kube segazini ngokulwa lesono. Hlalani licabanga ngombuso, likholwa linganyikinyeki kuzo izinto ezingabonwayo. Akuthi izinto ezinganeno kwelizwe elizayo zingangeni kini. Ngaphezu kwezinto zonke, qaphelani izinhliziyo zenu lezinkanuko zazo ngoba inhliziyo yomuntu iyakhohlisa kulakho konke, yonakele kakhulu. Qinisani ubuso bube zinhlendla, ngoba wonke amandla avela ezulwini lemhlabeni

angawenu."

UMkristu wasembonga ngokweluleka kwakhe wacela njalo ukuthi engezelele amazwi kubo azabasiza besiya phambili; kakhulu-ke ngoba babemazi ukuthi yena ungumprofethi olakho ukubatshela izinto ezingabehlela; lokuthi bangalwa njani lazo baze bazinqobe. LoThembekile wavumelana lesicelo sakhe.

Njalo babengethendule ngoba babesazi ukuthi balecalaa. Isiqhwaga sabaqhuba phambi kwaso sabangenisa enqabeni yaso, emgodini wakhe oyintolongo omnyama, onuka kubi enhliziyweni zalamadoda. Balala lapho kusukela ngolweSithathu ekuseni kwaze kwaba nguMgqibelo ebusuku. Bengelakudla, kumbe ithonsi lamanzi, kumbe ukukhanya, kungekho muntu owababuza ukuthi banjani. Sibili babehlezi kubi lapho; bekhatshana lezihlobo labejayelene labo. Kulindawo uMkristu waba lokuthandabuza okulusizi ngoba kwaba ngokuphangisa kwakhe okungaqondile ukuthi behlelwe lusizi olunjeya.

USiqhwaga uPhelithemba wayelomfazi. Ibizo lakhe lalinguThandabuza. Wathi eseyelala, uPhelithemba wamtshela umkakhe akwenzileyo; ukuthi ubambe abantu ababibili wababopha wabafaka emgodini wakhe oyintolongo ngokudabula emasimini akhe. Wabuza kumkakhe ukuthi kufanele abenze njani; umkakhe wabuza ukuthi bangobani, bavela ngaphi, bayo ngaphi; yena wamtshela. Wasemeluleka esithi: "Uzakuthi nxa uvuka ekuseni, ubatshaye ungabi lesihawu." Kwathi evuka, wathatha induku eyesabekayo, wehlela emgodini oyintolongo, waya kubo, waqala ukubahlambaza kwangathi yizinja lanxa bengaphendulanga lutho olubi; wasebatshaya okwesabekayo baze behluleka lokuzisiza lokuphenduka phansi. Wathi nxa eseqedo ukwenza lokho, wabatshiya khona lapho, bekhalelana ngosizi lwabo belila ngobuhlungu babo. Lonke lelolanga latshona bebubula, behkala kanzima.

Ngobusuku obulandelayo, uThandabuza ephinda ekhulumu lendoda yakhe ngabo; ezwile ukuthi basekhona, wayitshela wathi: "Ubobeluleka uthi kabazibulale." Kwathi sekusile waya kubo enyukumele uPhelithemba njengakuqala. Ebona ukuthi iyachinca imvivinya abatshaye yona izolo, wathi kubo: "Ngoba lingayikuphuma kulindawo, kunye elingakwenza, yikuthi lizibulale, kungaba ngengqamu, intambo, kumbe itshefu. Kungani ukuthi likhethe ukuphila, khona kuhlangene lobunzima obunengi kangaka?" Bamncenga bona ukuthi abayekele bahambe. Wasebakhangela ebajamele, wasuka waya kubo, wayesemisele ukubaqedo ngabe kawiswanga yisithuthwane. Ngoba ngesinye isikhathi nxa libalele

wayewiswa yisithuthwane. Okwesikhathshana wehluleka ukusebenzisa izandla zakhe. Wasephuma ebatshiya njengakuqala, esithi abake banakane ukuthi bazakwenza njani.

Ababotshiwego base beselulekana, bebuza na ngokuthi: "Kambe senze akutshoyo yini?" Baqala-ke ukukhuluma ngalamazwi:

UMkristu: "Mfowethu, sizakwenze njani? Lohukuhlala esikuhlezi khathesi kulusizi. Ngokwami angazi ukuthi kuhle ukuthi sihlale ngaloluhlobo, loba ukuthi sife. Inhlizyo yami ikhetha ukukhanywa kulokuphila. Kimi ithuna lilula kulalumgodi oyintolongo; kambe sizabuswa yiSiqhwaga yini?

UBekithemba: "Isibili isimo sethu siyesabeka; lokufa kungcono kulokuhlala lapha; kodwa asikhumbule ukuthi iNkosi yelizwe esiya kulo yathi: "Ungabulali." Ithi lingabulali omunye umuntu; kukangakanani-ke ukuthi silalele ilizwi lokweluleka kwakhe esithi sizibulale? Futhi obulala omunye umuntu, angabulala umzimba kuphela; kanti ozibulalayo, ubulala umzimba lomphefumlo. Futhi mfowethu wena ukhuluma ngokuphumula ethuneni: kodwa ususikhohliwe yini isihogo abaya kuso ababulalayo? Ngoba kakho umbulali olokuphila okuphakade. Kasikhumbule futhi ukuthi umthetho wonke kawukho ezandleni zeSiqhwaga uPhelithemba. Ngithi labanye, ngokwazi kwami, sewake wababamba njengathi, kodwa sebaphunyuka ezandleni zakhe. Ngubani owaziyo ukuthi uNkulunkulu owenza umhlaba angenze ukuthi afe uSiqhwaga uPhelithemba, kumbe kwesinye isikhathi akhohlwe ukusikhiyela phakathi, kumbe awiswe yisithuthwane phambi kwethu, kuqine imisipha yakhe? Nxa lokho kungenzeka futhi mina ngokwami ngizimisele ukuqinisa inhlizyo njengendoda; ngizame ngakho konke engilakho ukuzikhulula ezandleni zakhe; ngibe yisithutha ukungakuzami lokho ekuqaleni; kodwa mfowethu, loba kunjalo asibekezele sizwe ubunzima, siyekele okwesikhathshana. Sizafika isikhathi sokuthi sikhululwe kuhle. Asingazibulali thina ngokwethu.

Ngalamazwi uBekithemba wathobisa inhlizyo yomngane wakhe ngalesosikhathi. Baqhube ka bendawonye (ebumnyameni) ngalelolanga, besosizini olunzima olukhalisayo. Kwathi lapho sekuhlwile, uSiqhwaga waphinda waya endlini yalezozibotshwa efuna ukubona ukuthi zikulalele ukweluleka kwakhe. Wathi nxa efika khona, wazithola zisaphila. Kwasekusele ukuphefumula kodwa ngenxa yokuswela ukudla lamanzi, langenxa yamanxeba ayezitshaye wona. Kodwa uPhelithemba wazifica zisaphila; lokho kwamthukuthelisa kakhulu, wazitshela wathi njengoba zingakulalelanga ukweluleka kwakhe, kuzakuba kubi kuzo ngangokuthi kwakungaba ngcono ukuthi azizalwanga. Zathuthumela kakhulu ngalokho;

ngithi uMKristu wawa waqaleka; kodwa esephapheme, baphinda bakhuluma ngokweluleka kukaSiqhwa besithi: "Kambe kuhle ukuthi sikulalele loba hayi?

UMkristu kwangathi angathanda ukwenza lokho; kodwa uBekithemba waphendula okwesibili wathi:

UBekithemba: "Mfowethu, awukhumbuli ukuba yindoda kwakho owawulakho kuqala? UApoliyonи wehluleka ukukucoboza, lakho konke okunye owakuzwayo, wakubona, wakuphatha esigodini sethunzi lokufa. Hawu! Inhlupheko, lovalo, lokwethuka owedlule kukho! Khathesi uyesaba kuphela? Uyabona, mina ngilapha kanye lawe, emgodini oyintolongo, mina engibuthakathaka kulawe. LalesiSiqhwa singlimazile kanye lawe. Sisusile emlonyen i wami ukudla lamanzi. Mina lawe silila singelakukhanya. Kodwa asizame ukubekezelu. Khumbula ukuthi wenza ubudoda eMdlalweni weZe. Wawungesabi amaketane kumbe izongo, ngitsho lokufa okulegazi. Ngakho kasibekezele, senze ngokwamandla ethu, ukuze siphephe ihlazo elingafanelanga umuntu ongumKristu."

Kwathi sekuhlwile futhi uSiqhwa wayalala kanye lomkakhe owabuza mayelana lezibotshwa ukuthi zilalele yini ukweluleka kwakhe; waphendula wathi bangamahlongandlebe, bakhethe ukuthwala ubuhlungu bonke kulokuzibulala. Wasesithi uThandabuza: "Bathathe ubase egcekeni kusasa, ubatshengise amathambo lenkakhayi zalabo owababulalayo kuqala, ubenze bakholwe ukuthi kusizaphela iviki uzabadabula babe yiziqa njengokuthi wenza kwabanye babo mandulo." Kwathi sekusile uSiqhwa waphinda waya kubo, wabasa egcekeni, wabatshengisa njengokwakutshiwo ngumkakhe, wathi: "Laba babengabahambi njengani. Bangena labo emasimini ami njengani; kwathi mhla ngibabonayo, ngabadlikiza. Kuzakuthi zingakapheli insuku ezilitshumi, ngenze lokho lakini futhi. Khathesi hambani libuyele emgodini wenu."

Wasehamba labo ebashaya ibanga lonke ukuya lapho. Ngakho balala lelolanga lonke, ngoMgqibelo, besesizini njengakuqala. Kuthe sekuhlwile, uThandabuza loSiqhwa indoda yakhe belele, baphinda bakhulumisana ngalezozibotshwa. USiqhwaga wamangala ngokwehluleka kwakhe ukuzinqoba ngokuzitshaya, langokuzeluleka. Wasesithi umkakhe: "Ngiyesaba futhi ukuthi bahlezi bethembile ukuthi kuzafika omunye ukuzabakhupha kumbe balecebo lokuvula umnyango. Mhlawumbe balamakhije abethembile ukuphepha ngawo. UPhelithemba wathi: " Utsho njalo, mkami? Ngizabahlola kusasa." Kwathi ngoMgqibelo, ebusuku, phakathi kwamabili, abahambi baqala ukuthandaza kwaze kwaba semadabukakusa. Sekumpondozankomo uMKristu emangala kancinyane

wakhulumu ngamazwi avuthayo wathi: "Hawu! Mina siwula; nighlezi nje; ngilele kulumgodi oyintolongo enukayo, endaweni yokuba ngabe ngihamba ngikhululekile. Ngilekhiye esifubeni sami, ethiwa nguSithembiso. Engiyaziyo ukuthi ingavula konke okusenqabeni yokuThandabuza." Wasesithi uBekithemba: "Kuhle lokho, mfowethu. Ikhuphe esifubeni sakho uzame." UMkristu waseyikhupha esifubeni sakhe, waqala ukuzama umnyango womgodi oyintolongo; wathi ephendula ikhiye, insimbi yawo yabuyela emuva, umnyango wavuleka lula, baphuma bobabili, uMkristu loBekithemba. Base besiya emnyango ongaphandle oya egumeni lenqaba: bawuvula lalowomnyango ngekhiye yabo. Base besiya emuva kwalokho esangweni elikhulu lensimbi ngoba kwakumele livulwe lalo; kulo kwakulukhuni kodwa ikhiye yakhe yavula lakulo. Basebeqhubekela phambili, isango lavuleka bethi bazakweqa baphangise; kodwa lesosivalo ekuvulekeni kwaso sabanga umsindo owazewavusa uPhelithemba, waphangisa wavuka esithi kabababambe, kodwa wakhulelwa yimisipha ngoba wakhulelwa yisithuthwane wehluleka ukubabamba. Basebehamba-ke baze bangena endleleni yeNkosi; basila ngoba basebengaphandle kokupathwa nguPhelithemba.

Bathi sebeqile entubeni, baqala ukukhumbula abazakwenza kuleyontuba ukuze kuvimbele abalandelayo ukuthi bangaweli ezandleni zikaPhelithemba; bavumelana ukumisa insika kuleyondawo, babhala kuyo amazwi athi: Ngale intuba kuyiwa enqabeni yokuthandabuza egcinwe yisiqhaga uPhelithemba, odelela iNkosi yeLizwe leZulwini, efuna ukubhubhisa abahambi abangcwele; ngakho abalandelayo babona okubhaliweyo, baphepha ingozi, sebekwenzile lokhu bahlabela ingoma ethi:

"Saphambuka endleleni, sasesifica ukuthi  
kwakunjani ukunyathela ilizwe elingavunyelwayo.  
Akuthi abalandelayo bananjele,  
Hlezi ukungananjeleli kubenze njengoba lathi senza,  
Hlezi ngokuphambuka babe yizibotshwa zakhe,  
Onqaba yakh' nguThandabuza, lobiz' lakh' nguPhelithemba."

## 16. INTABA EZIMNANDI

Bahamba-ke baze bafika ezintabeni okuthiwa ziNtaba eziMnandi. Zazingezenkosi yaleyontatshana ebekhuluma ngayo kuqala. Bakhwela ezintabeni babona amasimu, lezilimo lezivande lemithombo yamanzi abanatha bageza badla izithelo ezivela ezivandeni ngesihle. Kodwa phezu kwalezo zintaba kwakulabelusi ababeluse izimvu zabo bemi ngasendleleni. Izihambi zaya kubo zafika zema ngendondolwana zazo (njengokwenza kwezihambi ezikhatheloye nxa zimi zikhuluma lomuntu endleleni) zabuza-ke zathi ngezikabani lezizintaba ezimnandi lalezizimvu ezidla kuzo.

Abelusi: "Lezizintaba ziyiLizwe likaEmanuwele, uyazibona usemzini wakhe. Lezimvu zingezakhe, futhi wazibekela ukuphila kwakhe."

UMkristu: "Yiyo yini lindlela eya eMzini weZulwini?"

Abelusi: "Yiyo; limi kuhle endleleni."

UMkristu: "Kungumango ongakanani ukuya khona?"

Abelusi: "Mude kubo bonke; kodwa kuphela kulabo abazakhuthala bayefika khona."

UMkristu: "Ilungile, kumbe ilengozi lindlela?"

Abelusi: "Ilungile kwabaqondileyo; kodwa kwabeqayo bazakhubeka kuyo."

UMkristu: "Khonapha kuhona okokuphumuza abahambi abadiniweyo labaphelamandla endleleni yini?"

Abelusi "INKosi yalezizintaba isilaye yathi: Lingakkohlwa ukungenisa abahambayo, lokubaphatha kuhle. Ngakho okuhle kwendawo kuphambi kwenu."

Ngabona futhi ephutsheni lami ukuthi kwathi abelusi bebona ukuthi bangabahambi, bababuza imibuzo; labo baphendula njengakwezinye indawo; njengokuthi, "Livela ngaphi?" lokuthi, "Lingene njani endleleni?", "Njalo liyibekezelele njani indlela?" Ngoba balutshwana abasuka besiza lapha ababefinyelela kulezizintaba. Kodwa abelusi sebezwe ukuphendula kwabo, bakholwa yilokho, babakhangela ngothando olukhulu, bathi: "Siyalamukela kuhle eziNtabeni zobuMnandi". Mina ngithi, amabizo alabobelusi, babengoLwazi, loMhlakaniphi, loLinda, loBuqotho. Bababamba ngezandla babesha emathenteni abo, babapha okwakukhona okuvuthiweyo; bathi futhi: "Sithanda ukuthi like lihlale lapha kancinyane, sazane lani, lengezelelwе ukuthokoza okuhle kwaleziziNtaba eziMnandi."

Bavuma ukuhlala. Basebesiyalala ngalobobusuku, ngoba kwase kuhlwile.

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi kusasa abelusi bavusa uMkristu loBekithemba ukuthi bahambahambe labo ezintabeni. Baphuma-ke labo,

bahambahamba isikhathshana bebuka ilizwe elihle nhlangothi zonke. Basebesithi abelusi omunye komunye: "Kasitshengise lababahambi okunye okumangalisayo." Bathi sebevumelene, babesha phezu kwentatshana okuthiwa kuseKuduheni eyayinde kakhulu kuhlangothi olukhatshana, bathi kabakhangele phansi. Bakhangela phansi uMkristu loThembe, babona abantu abathile ezansi, bephahlazekile, ababewe entatshaneni. Wabesethi uMkristu: "Kutshoni lokhu?" Abelusi bamphendula bathi: "Kawuzwanga ngalabo abaduhiswa belalele uHumeniyo loFileto, ngoba bona babesithi ukuvuka kwabafileyo sekwedlulile?" Baphendula bathi: "Yebo, sezwa." Bakhulumu futhi abelusi bathi: "Labo elibabonayo bephahlazekile ezansi kwentaba le, yibo. Kuze kube khathesi abangcwatshwanga njengoba libona, kwenzelwa ukuxwayisa abanye ukuthi bangakhweli engqongweni, lokuthi bangasondeli eliweni lalintaba."

Ngasengibona futhi ukuthi babesha phezu kwenye intaba okuthiwa kuseKuxwayeni. Bathi kabakhangele khatshana kakhulu; bakhangela babona kungathi ngabantu abathile abahambahamba phakathi kwamathuna ayekhona lapho. Njalo bananzelela ukuthi labobantu babezimpumpupthe, ngokuba kwsinye isikhathi babekhubeka emathuneni, besehluleka lokuphuma khona. Wasesithi uMkristu: "Kutshoni lokhu?" Basebephendula abelusi bathi: "Alibonanga eduze lalintatshana isango lokungena edlelwani, ngakwesokhohlo kwalindlela? Kusukela kulelosango kuqala indlela eqonda kuNqaba yokuThandabuza egcinwa nguSiqhwaga uPhelithemba; labayabantu-ke (ekhomba emathuneni), babehamba uhambo njengani khathesi, baze bafinylela kulelosango; kodwa ngenxa yokuthi indlela eyayilungile yayilamatsho bakhetha ukuphambuka lapho, bangena edlelwani; lapho babanjwa nguSiqhwaga uPhelithemba, bafakwa eNqabeni yokuThandabuza. Kwathi sebegcinwe isikhathi eside emgodini oyintolongo, ekucineni wabakhipha amehlo wabasa phakathi kwalamathuna. Lapho wabatshiya behambahamba khona, kuze kube lamuhla, ukuze kugcwaliseke ilizwi lohlakaniphileyo elithi: "Umuntu oduhayo endleleni yokuqonda, uzahlala enhlanganweni yabafileyo. UMkristu loBekithemba besizwa lamazwi, bakhangelana bekhala izinyembezi, kodwa kababatshelanga lutho abelusi."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi abelusi babasa kwenye indawo engaphansi, lapho okwakukhona isivalo eceleni kwentaba. Basivula isivalo bathi kabakhangele phakathi; bakhangela phakathi, ngakho babona ukuthi kumnyama, kugcwele intuthu. Kungathi bezwa ukuduma komlilo, lokububula kwabantu abasebuhlungwini. Basebesizwa iphunga lesibabule. Wasesithi uMkristu: "Kutshoni lokhu?" Abelusi babatshela bathi: "Le

yindlela ephambukela esihogweni; indlela abazenzisi abahamba ngayo, ngitsho abathengisa ilungelo labo lokuzalwa, njengoEsawu, labathengisa iNkosi yabo loJuda, labathuka izindaba ezinhle zevangeli loAleksandro, labaqamba amanga befhla loAnaniya loSafira umkakhe."

UBekithemba: "Ngiyabona ukuthi laba babetshengisa ukuthi bangabahambi njengathi. Kakunjalo?"

Abelusi "Yebo! Babephakathi kwakho okwesikhathi eside."

UBekithemba "Ake ngizwe ukuthi bahamha kangakanani ngohambo lwabo; ngoba phela kulokhu balahlwa ngosizi olunjeyana?"

Abelusi: Abanye basebedlulile kulezizintaba. Abanye bengakafinyeleli lapha." Basebethi abahambi omunye komunye: "Kufuneka ukuthi sikhale kuSomandla asinike amandla."

Abelusi: "Yebo! kufanele futhi ukuthi lisebenze ngawo nxa lilawo."

Ngalesisikhathi abahambi bathanda ukuqhubeleka phambili, labelusi labo futhi babethanda ukuthi bahambe, babaphelekezelu yonke indlela baze bafika ekupheleni kwezintaba; basebethi abelusi omunye komunye: "Asibatshengise abahambi lapha, isango lomuzi wasezulwini, nxa bekwazi ukukhangela ngesiboniboni sokukhangela." Abahambi bakuvuma kuhle lokho; abelusi basebebasa phezu kwentatshana ende ethiwa iCwebile. Basebebanika isiboniboni sabo ukuthi bakhangele ngaso; basebezama ukukhangela, kodwa bathi nxa bekhumbula okokucina abakutshengiswa ngabelusi, bathuthumela. Ngalokho babengaboni kuhle ngesiboniboni; kube kanti babona angathi kufanana lesango; njalo lokunye njalo kobukhosibaleyondawo. Basebehamba-ke behlabelela besithi:

"Ngokunjalo ngabelusi, imfihlo ziyebulwa,

Ezifihliweyo kwabanye abantu.

Woza kubelusi-ke, uba uzabona

Izinto eziphalileyo, izinto ezifihliweyo njalo lezimangalisayo."

Sebezasuka, omunye wabelusi wabanika incwadi etshengisa indlela. Omunye wathi kabaxwaye uMkhohlisi. Owesithathu wathi kabananjelele ukuthi bangalali elizweni elithakathiweyo. Owesine wathi kabahambe kuhle, uNkulunkulu abe labo.

Ngasengiphaphama ephutsheni lami.

## 17. KuMhlaba oVilaphisayo

Kodwa ngaphinde ngalala ubuthongo, ngaphupha ngibona labobahambi bobabili besehla ezintabeni, behamba ngomgwaqo oya eMzini weZulwini; kodwa eduze lalumgwaqo, kukhona ilizwe leKuziqhenyeni. Kwakukhona futhi indledlana ebhodabhodayo evela elizweni lelo, engena kulumgwaqo ababehamba kuwo abahambi. Kuleyondawo bahlangana lejaha elikhutheleyo, elalivela kulelolizwe; obizo lakhe lalinguKungazi. UMkristu waselibuza ukuthi livela ngaphi, liya ngaphi.

UKungazi: "Nkosi, ngazalelwaa kulelilizwe elilaphaya eduze lathi ngakwesokhohlo; Ngiya eMzini weZulwini."

UMkristu: "Kodwa uthi uzangena ngani esangweni ngoba mhlawumbe uzathola ubunzima obuthile lapho?"

UKungazi: "Njengokwenziwa ngabanye abantu abalungileyo."

UMkristu: "Kodwa uzacshengisani esangweni, okungenza ukuthi uvulelwae?"

UKungazi: "Ngiyayazi intando yeNkosi yami. Ngiphile impilo elungileyo. Ngiyambhadala wonke umuntu okwakhe. Ngiyakhuleka, ngizile ukudla, ngibhadale okwetshumi, njalo ngiphe izipho; sengitshiye ilizwe lakithi, ngisiya kuleliya"

UMkristu: "Kodwa, awungenanga ngesangwana elisekuqaleni kwalindlela. Ungene ngendlela ebhodabhodayo. Ngakho ngiyesaba mina; laphezu kwakho konke ozitsho ngakho, kuzakuthi mhla kufika usuku lokuthonisiswa, ubekwe icala lokuthi ulisela, ungumphangi, endaweni yokungena ekhaya."

UKungazi; "Makhosi, lingabezizwe sibili; angilazi. Yanelani, lilandele ukukhonza kwelizwe lakini; lami ngizalandela ukukhonza kwakithi. Ngithemba ukuthi konke kuzakuba kuhle. Isango lelo elilitshoyo, umhlaba wonke uyazi ukuthi likhatshana kakhulu lelizwe lakithi. Kangikhumbuli ukuthi ukhona loyedwa wakithi oyaziyo indlela eya khona; kodwa bona kabalandaba, loba beyazi loba bengayazi; njengoba ubona silawo umkhondo omuhle ovelela elizweni lakithi ungenela kulindlela."

Wathi uMkristu nxo ebona ukuthi 1owomuntu uhlakaniphe ngokuziqhenya, wasondela kuBekithemba, wathi kuye ngokunyenyeza: "Isiwula silethemba elingcono kulaye." Wathi futhi: "Uba oyisiwula ehamba endleleni; ukuhlakanipha kwakhe kuyaphela; atsho kubo bonke ukuthi uysisithutha. Sisezakhulumani laye, asidlulele phambili, simtshiye akhumbule ngakuzwileyo. Emva kwalokho sibone kumbe ngesilinganiso esithize singamsiza ngokulungileyo."

Wasesithi uBekithemba:

"Akuthi uKungazi okwesikhatsana akhumbule  
 Ngokukhulunyiweyo, njalo kangakwali  
 Ukweluleka okuhle ukukugona, hlez iahlale  
 Enjalo lokhu engazi ngalokho okuyinzuzu enkulu,  
 UNkulunkulu uthi labo abangelakuqedisisa,  
 Loba ebenzile, bona kayikubasindisa."

Wathi njalo UBekithemba: "Ngithi mina akufanele ukuthi simtshele konke kanye kanye. Asimdlule, nxa uthanda, sikhulume laye eselokulalela kuhle." Basebeqhubeka, uKungazi wabalandela. Bathe sebehambé ibangana, bangena endledlaneni emnyama kakhulu, lapho abahlangana lendoda eyayibotshwe ngamadimoni ayisikhombisa ngentambo eziyisikhombisa. Lawomadimoni ayembuyisela emuva, kulesosivalo ababesibone eceleni kwentaba. UMkristu olungileyo waqala ukuthuthumela; lomngane wakhe uBekithemba wathuthumela. Kwathi lapho amadimoni emdonsa lowomuntu, uMkristu wakhangela ukuthi uyamazi yini; wanakana ukuthi kungaba nguMfulatheli, owayehlala emzini weKuhlubukeni. Kodwa ubuso bakhe kabubonanga kuhle ngoba ikhanda lakhe walifihla njengesela elibanjiweyo. Kodwa uthe esedlule, watshibilika uBekithemba wamkhangela, wabona iphepha emhlane wakhe elibhalwe ukuthi: "Umfundi ongathembekanga; lomhlubuki olahliwego."

Wasesithi uMkristu kumngane wakhe: "Sengikhumbula engakutshewa ngento eyehlela umuntu olungileyo kulezizindawo. Ibizo laleyondoda kwakunguThemba-Elincane, kodwa ingumuntu olungileyo; yayihlala emzini okuthiwa kuseBuqothweni. Into nansi: Ekuqaleni kwalindledlana kulendlela eyehla ivela eSangweni leNdlelebanzi. Leyondlela ibizwa ngokuthi yiNdlela yaBafileyo; ngenxa yokubulawa kwabanengi ngabaphangi okwenzakala kuleyondawo; UThemba-Elincane lo ehamba uhumbo njengathi, esekhathele wahlala phansi lapho, walala ubuthongo. Kwehla ngalesosikhathi kuleyondledlana, kuvela eSangweni leNdlelebanzi amasela amakhulu amathathu; oDangalinhliziylo Kathembi loMacala (izelamani ezintathu). Kwathi lamadoda ebona uThemba-Elincane lapha ale khona, aya egijima ngamandla; kodwa lowomuntu olungileyo wayesanda kuvuka ebuthongweni, esasukuma, esithi useqhubeka ngohambo lwakhe. Asesiya kuye wonke kanye kanye emsongela, athi keme. UThemba-Elincane wasehlobisa umzimba engelamandla okulwa kumbe ukubaleka. Wasesithi uDangalinhliziylo: "Khupha isikhwama sakho semali!" Kodwa

ngokungaphangisi kwakhe ukuyikhipha (ngoba engathandi ukulahlekelwa yimali yakhe), uKathembi wamsukela wafaka isandla sakhe esikhwameni sakhe, wakhupha lapho umxhaka wesiliva. Wasememeza esithi: "Amasela! Amasela!" Ngalokho, uMacala wasemtshaya ekhanda, ngenduku enkulu ayeyiphethe. Ngalokhokumtshaya, wamwisa phansi, wathi daca, wopha ngokungathi uzakufa. Sonke lesosikhathi amasela ema phambi kwakhe emkhangele, kodwa kwathi besizwa kungathi bakhona abezayo ngendlela, besaba ukuthi kungaba nguMusomkhulu wemzini weKuthembokukhulu, abaleka amtshiya lowomuntu omuhle ukuthi azibonele. Emuva kwasikhathshana uThemba-Elincane waqaqabuka wavuka elobuthongo wahamba endleleni yakhe. Yiyo leyo-ke indaba.

UBekithemba: "Kodwa amasela amphanga konke ayelakho yini?"

UMkristu: "Hatshi, awacinganga lapho ayefake khona amatshana akhe aligugu; asila wona. Kodwa indoda leyo elungileyo yahlupheka kakhulu ngalokhokuphangwa kwayo ngoba amasela athatha inengi lemali ayefanele ukuyisebenzisa. Into angayitholanga, (njengoba ngitshilo) ngamatshana aligugu; futhi kwakulemadlana engaphandle eyasalayo, kodwa yayingelakumfikisa ekucineni kohambo lwakhe. Yebo, (nxa ngingatshelwanga kubi) bathi wahamba lowomuntu ecela ebantwini ukuze aphile (ngoba wayengelakho ukuthengisa amatshana akhe), kodwa wacela njalo wenza ayengakwenza, wahamba (njengoba sisitsho) kanengi walamba kummango wakhe oseleyo."

UBekithemba: "Kodwa isimangaliso yikuthi awayitholanga incwadi yakhe yokungena esangweni loMuzi weZulwini."

UMkristu: "Yisimangaliso sibili kodwa kawayitholanga. Lokho kwenziwa nguMlondolozi wakhe ukuthi isile leyoncwadi, ngoba yena wayengelamandla okuzilondoloza; ngoba emangaliswe yikumehlela kwabo, wayengelamandla, kumbe inhlakanipho yokufihla ulutho; ngakho kwakuyikulondoloza koPhezukonke ukuthi kabakubonanga lokho okuhle."

UBekithemba: "Kodwa kwakufanele ukuthi kube yintokozo kuye ngoba amasela engawatholanga amatshana akhe aligugu."

UMkristu: "Kwakufanele kube lududuzo olukhulu kuye ngabe wawasebenzisa njengoba wayefanele. Kodwa labo abangitshela lindaba bathi kawasebenzisanga kuyo yonke indlela langenxa yokudabuka ngemali yakhe ababeyithethe. Isibili wawakhohlwa ibanga elikhulu lwengxenye yohambo lwakhe; loba kunjalo kwakuthi loba nini nxa ewakhumbula aqale ukududuzeka, abesekhumbula ngokulahlekelwa kwakhe, leyominakano ibisiginya konke."

UBekithemba: "Hawu! Umuntu oyangekileyo; wahlupheka kakhulu."

UMkristu: "Uthi yikuhlupheka? Yebo wahlupheka kakhulu. Kwakungeke kube njalo lakithi yini, aluba sasiphethwe njengoba wayephethwe laye, ekuntshontshelweni lekulinyazweni; lalokho endaweni engaziwayo, okufanana laye? Kuyamangalisa ukuthi kafanga ngenhliziyo yosizi! Ngatshelwa ukuthi indlela yonke eseleyo, wahamba ekhala, ebubula, etshela bonke abamficayo kumbe abaficayo endleleni, lapho aphangwa khona, lokuthi waphangwa njani; lokuthi ngobani abakwenzayo; lokuthi walahlekelwa yini; lokuthi walinyazwa njani; lokuthi waphose wafa."

UBekithemba: "Ngimangaliswa yikuthi kazange athengise amatshana akhe aligugu, athole imali ngawo; ukuze azuze okwakungamsiza ekuhambeni kwakhe."

UMkristu: "Ukhuluma njengomuntu oyisiwula kuze kube lamuhla. Yayizawathengiseli? Yayizawathengisa kubani? Kulo lonke lelolizwe eyantshontshelwa kulo, amatshana aligugu ayo ayengasetshenziswa. Futhi yayingalufuni usizo olunjalo. Ngaphandle kwalokho, yayikwazi ukuthi yayingeke ingene emzini wezulu ingelawo amatshana ayo aligugu. Futhi kungcono ukuhlangana lamasela azinkulungwane ezilitshumi lokubulawa yiwo kulokuxotshwa embusweni wezulu."

UBekithemba: "Kwenze njani ukuthi ube lenhliziyo elukhuni mfowethu? UEsawu wathengisa ilifa lobuzibulo bakhe ukuze athole umganyana wokubomvu. Kanti lelolifa lobuzibulo bakhe lalililitshana lakhe eliligugu; uba yena wakwenza lokho, kungenzeka njani ukuthi uThemba-Elincane angakwenzi lokho?"

UMkristu: "UEsawu wathengisa ilifa lobuzibulo bakhe sibili. Benza njalo abanengi; bazikhiphela ngaphandle kwesibusiso esilungileyo, njengokwenziwa ngulowo omubi; kodwa kufanele wenze umahluko phakathi kukaEsawu loThemba-Elincane, laphakathi kwezimpahla zabo. Ilungelo lobuzibulo bukaEsawu lalingumfuziselo; amatshana aligugu kaThemba-Elincane ayengenjalo; isisu sikaEsawu sasingunkulunkulu wakhe, kodwa esikaThemba-Elincane sasingenjalo. Ukufuna kukaEsawu kwakusenkanukweni yenyama yakhe, okukaThemba-Elincane kwakungenjalo. Njalo uEsawu waba yimpumputhe ngenxa yokulamba kwakhe. Ngoba wathi: "Sengizakufa; lelilungelo lobuzibulo lizanginceda ngani?" Kodwa uThemba-Elincane, lanxa kwakuyisabelo sakhe-nje ukuthi abe lokholo oluncinyane, kwathi ngokholo lwakhe oluncane wagcinwa kulobubutshapha; wenziwa wabona ukuqakatheka kwamatshana akhe aligugu, kulokuwathengisa; njengoEsawu ethengisa ubuzibulo bakhe. Asizange sifunde loba ngaphi ukuthi uEsawu wake waba lokholo ngitsho loluncane. Isibili akumangalisi ukuthi umuntu obuswa yinyama yodwa

athengise ngobuzibulo bakhe, langomphefumulo wakhe, langakho konke kuSatane. Labo abanjalo bafanana lembongolo ethi nxa ithukuthele, ingaphendulwa: nxa beqhutshwa yinkanuko, bafuna ukuyizuza leyonto, loba kutheni. Kodwa uThemba-Elincane wayelenhlizyo engafanani lezabo. Ingqondo yakhe yayisezintweni zeZulu: Wayephila ngezinto eziphilisa umphefumulo lezivela phezulu; ngakho wayengakwenzelani olokuziphatha okunje ukuthi athengise amatshana akhe aligugu (ngabe kwakukhona owayengawathenga), ukugcwala isingqondo yakhe ngezinto eziyize. Umuntu angakhupha imali yakhe ukuthi agcwali seisisu sakhe ngotshani yini? Kumbe ungalincenga ijuba ukuthi lidle inyama njengewabayo yini? Lanxa abangelakukholwa bangathengisa ngakho konke abalakho, baze bacine ngokuthengisa ngabo uqobo, ukuze banelise inkanuko zabo zenyama. Kodwa abalokholo, ukholo olusindisayo, loba luluncane, bangeke bakwenze lokho. Uphosise ngalokho wena mfowethu."

UBekithembu: 'Ngiyakwemukela; kube kanti ukungikhumbuza kwakho okubuhlungu kuphose kwangizondisa.'

UMkristu: "Kangenzanga lutho ngaphandle kokuthi ngikufananise lenyoni ezikhutheleyo, ezizagijima yonke indawo ezindleleni ezivuthiweyo ezingaqedisiyo; kodwa asikwedlule lokho, sinakane ngendaba esikhulumu ngayo, sizabuye sizwane."

UBekithembu: "Kodwa lokho, Mkristu, lababafo abathathu, ngileqiniso ukuthi lixuku lamagwala; ucabanga ukuthi babengabaleka njalo ngokuzwa umsindo owenziwa ngumuntu ozayo endleleni? Kungani uThemba-Elincane engabanga lesibindi? Mina ngikhumbula ukuthi ngabe wagadla kanye, wavuma kungasancedi."

UMkristu: "Abanengi sebetshilo ukuthi ngamagwala sibili, kodwa ngesikhathi sokulingwa, balutshwana abakubone kunjalo. Lo uThemba-Elincane, wayengelasibindi yena. Ngibona mfowethu, ukuthi aluba bekunguwe, ubuzakwehluleka. Kodwa khathesi ukhulumu kakhulu, ngoba bekhatshana lathi; aluba bebengabonakala kuwe njengoba bakwenza kuye, bangakucabangisa okunye. Kodwa ake ucabange lindaba yokuthi labobafo bangamasela asebenzela inkosi yomgodi ongelamkhawulo. Yona ilakho ukuza ngokwayo; ukubasiza nxa kudingeka; ilizwi layo linjengokubhonga kwesilwane. Lami sengake ngahlangana labo njengoThemba-Elincane; ngakufica kuyinto eyesabekayo, bafika labobafo abathathu baphelela phezu kwami. Ngathi ngiqala ukuzivikela njengoMkristu, bamemeza, yasifika inkosi yabo. Ngangizakuthi, njengokutsho kwenkulomo, nginikele impilo yami ngenxa kadenariyu; kodwa njengokuthanda kukaNkulunkulu ngangembeswe ngezikali zokuzivikela, yebo lanxa ngangivunule kanje,

ngathola kunzima ukuma njengendoda. Kakho umuntu ongatsho esikuzwayo ngaleyompi, ngaphandle kwalowo obesempini yena ngokwakhe."

UBekithemba: "Yebo, kodwa uyabona ukuthi lawomasela abaleka lapho ecabanga ukuthi uMusomkhulu uyeza."

UMkristu: "Ngeqiniso kanengi abaleka lenkosi yawo, sekuqhamuke uMusomkhulu; akumangalisi, ngoba yena uliqhawe elikhulu leNkosi. Kufanele ukuthi wehlukanise iqhawe elikhulu leNkosi loThemba-Elincane. Abantu bonke beNkosi kabayisiwo amaqhawe amakhulu. Njalo bangekwenze nxa bezanya, ukuthi balwe ngobuciko obunje bemp. Kulungile yini ukucabanga ukuthi umntwana omnncane angambulula uGoliyathi njengoDavide? Kumbe ukuthi inyoni encane ilamandla enkomomo? Abanye balamandla; abanye babuthakathaka. Abanye balokholo olukhulu; abanye baloluncinyane. Lumuntu wayengomunye wababuthakathaka ngakho-ke wehluleka."

UBekithemba: "Bengiyakuthanda ukuthi ngabe bahlangana loMusomkhulu."

UMkristu: "Aluba bekunguye, bekungeke kube lula. Ngoba kufanele ngikutshele ukuthi lanxa uMusomkhulu elamandla okulwa ngezikhalu, njengoba wakwenza, njalo angakwenza kuphela nxa ebavimbezela ngomhedla, kungaba kuhle kubo, kodwa kanti nxa bemfinyelela, ngitsho uDangalinhlizyo kathembni lomunye kuzakuba nzima, kodwa bazamxotsha; njalo nxa umuntu esewelete phansi, uyakwazi, angenze njani? Loba ngubani okhangela kuhle ubuso bukaMusomkhulu, uzabona lezozibavu lamanxeba; lokho okuzafakaza lula lokho okukhulunyuwa yimi. Yebo ngenye imini ngezwa ukuthi wayelokuthi (njalo esilwa): "Sesiphelelwelalithemba lempilo". Lawamadoda amakhulu lezihlobo zavo amtshaya loDavida; wabubula walila wabhonga. Yebo uHemane loHezekiya labo, lanxa babengamaqhawe ngesikhathi sabo, bacindezelwa ukuthi babanyikinye, lapho behlaselwa yilawomasela; kube kanti lanxa kwakunjalo amajazi abo atshaywa kakhulu yibo. Ngesinye isikhathi uPetro wahamba ukuzama ayengakwenza; lanxa abanye besithi ngaye uyinkosi yabapostoli, amdumela waze wesaba intombazana encane. Kunjalo inkosi yawo ihlala iseduze ukuthi izwe; kayikhathshana ukuthi izwe, loba nini kusiba kubi kakhulu kuwo, yona nxa kusenzeka, iyeza ukuwasiza. Kuthiwa ngayo: "Umhedla walowo omtshayayo awuyikuma, umkhonto, umtshoko, lebatshi lensimbi. Uthi insimbi butshani, lethusi liyisihlahla esibolileyo: umtshoko ungembalekise; amatshe esavutha anjengezibi kuye. Imitshoko injengezibi, uyakuhleka ukunyikinyeka komkhonto." Umuntu angenze njani kulokho?"

Kuliqiniso ukuthi uba umuntu ebelebhiza likaJobe, abe lokuhlakanipha lesibindi sokuligada angenza izinto ezimangalisayo; "ngoba intamo yalo igqokiswe ukuduma; kalesabi njengentethe; udumo lwamakhala alo luyesabeka; liyaqhwaya esigodini, lithokoza emandleni alo, njalo liphuma lihlangabaze abahlomileyo. Liyakuklolodela ukwesaba, njalo alethuki; alihlehleli emuva emhedleni. Umgodla wemitsoko uyakhehlezela kulo, umkhonto okhazimulayo, lehawu. Ngokwesabeka kwalo langolaka lwalo liginya umhlabathi. Kalikukholwa ukukhala kwecilongo. Phakathi kwamacilongo, lithi: Aha! Aha! Liphembela impi likhatshana; umdumo wabalawuli bebutho lokumemeza. Kodwa kwabahamba ngenyawo njengathi, kasingakufisi ukuhlangana lesitha; kasingazigabisi angathi singedlula abanye abehlulweyo; kasingacabangi ukuthi ubudoda bethu bedlula obabanye; ngoba kwabanjalo kuba kubi kakhulu nxa bezanywa. Uyambona uPetro, esengikhulume ngaye mandulo; wayelokuziqhenya, yebo wayelakho, njengengqondo yakhe eyize yamenza wathi uzakwenza ngcono ukumela iNkosi yakhe, abedlule bonke abantu; kodwa ngubani owawa wanyathelelwaphansi yilezizigebengu njengaye?"

"Uba-ke sisizwa ukuthi kukhona ukutshontsha okanjalo okwensiwa endleleni yenkosи, kufuneka ukuthi senze izinto ezimbili; okokuqala, kufuneka sihambe sihlomile, siphathe isihlangu sethu; ngoba kwakungenxa yokusweleka kwalokho, ukuthi lowo owayemquthele ngokulangazelela uApoliyon, kazange amehlule. Ngoba sibili nxa singekho, yena kasesabi thina lakanye. Ngakho ohlakaniphileyo wathi: "Kulakho konke hlomani isihlangu sokholo, elizakuba lamandla okucitsha ngaso yonke imitshoko etshisayo yomubi."

"Kulungile ukuthi sicele eNkosini amabutho okusiphelekezel, yebo, uzahamba lathi yena ngokwakhe. Lokhu kwamjabulisa uDavide esesigodini sethunzi lokufa. UMozisi wakhetha ukufela lapho ayemi khona, kulokususa unyawo lwakhe engelaye uNkulunkulu wakhe. Mfowethu nxa iNkosi ihamba lathi, singazesabelani izinkulungwane ezilitshumi ezingalwa lathi? Kodwa ngaphandle kweNkosi "abasizi abaziqhenyayo bazakuwa ngaphansi kwabafileyo."

"Mina ngokwami ngike ngaba sekuhluphekeni mandulo; lanxa, ngokulunga kwalowo olunge ngokupheleleyo; njengoba ubona, ngiyaphila; kube kanti kangilakho ukuzigabisa ngobudoda bami. Ngingajabula nxa ngingabuyi nighlangane lezitha ezinje, lanxa ngisesaba ukuthi asikaphumi ezingozini. Lanxa kunjalo, ngoba isilwane lebhore kungakangidli, ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzasikhulula kumFilisiti ongasokanga olandelayo. Khona wahlabelela uMkristu wathi:

Themba-Elincane, olusizana! Uphakathi kwamasela yini?  
 Waphangwa yini? Khumbula lokhu; lowo okholwayo,  
 Andise ukholo, ngalokho uzakuba ngumqnqobi  
 Phezu kwenkulungwane ezilitshumi, asibali abathathu.

Bahamba-ke, uKungazi wasebalandela. Bahamba baze bafika lapho ababona khona enye indlela ingena endleleni yabo, ithe nta njengendlela abafanele bahambe ngayo. Lapha-ke kabazanga ukuthi bathathe yiphi kwezimbili; ngoba zombili zakhanya ziqondile phambi kwabo. Basebesima lapha ukuthi banakane. Bathi besacabanga babona umuntu olomzimba omnyama, kodwa embethe ingubo emhlophe. Weza kubo wababuza wathi: "Limeleni lapha?" Bathi: "Siya eMzini weZulwini, kodwa asiyazi indlela kulezi ezimbili esingahamba ngayo." Wathi: "Ngilandelani, kulapho engiya khona." Bamlandela endleleni esandukuhlangana leyabo; wababhodisa baze baphenduka bafulathela lowomuzi ababegonde kuwo; kube kanti bamlandela. Kwathi masinyane, dukuduku wabafaka bobabili phakathi kwamambule, abahilelwu kuwo bobabili baze behluleka ukuthi bazakwenze njani. Ngalesosikhathi ingubo emhlophe yawa emhlana walumuntu omnyama. Basebebona ukuthi bangaphi. Balala lapho, bekhala isikhathi eside, bengelakuzikhupha.

Wasesethi uMkristu kumngane wakhe: "Angithi abelusi basitshela ukuthi sixwaye oLalisangolimi njengelizwi lohlakaniphileyo, sesikuficile lamuhla: "Olalisa umakhelwane wakhe ngolimi wenza umjibila enyaweni zakhe." UBekithembra: "Basinika njalo incwadi yokusilayela indlela, ukuze siqonde kuhle; kodwa sakohohlwa ukuyifunda, kasizixwayanga izindlela zombhubhisi. UDavide wayehlakaniphile kulathi, ngoba wathi: "Ngokwenza kwabantu, ngiyachasiselwa yilizwi lakho, ngixwaya izindlela zobhubhisayo." Balala bezikhalela embuleni; basebebona umuntu okhazimulayo esiza kubo ephethe isiswephu sentanjana. Wathi lapho efika endaweni ababekuyo wababuza ukuthi bavela ngaphi, lokuthi benzani lapho. Bathi bangabahambi abalusizana, abaya eZiyoni, kodwa badukiswa ngumuntu omnyama owayembethe ingubo emhlophe, owayethe kabamlandele, ngoba laye wayesiya khona. Wasesethi ophethe isiswephu: "NguLalisangolimi lowo, yingilosи kaSatane eziphendule yaba yingilosи yokukhanya." Wasedabula imbule wabakhupha. Wasesithi kubo: Ngilandelani ngilitshengise indlela. Wasebabuyisela endleleni abase beyitshiyile ngenxa kaLalisangolimi. Wababuza wathi: "Belilele ngaphi izolo?" Bathi: "Besilele (kuBelusi) ezintabeni zobumnandi." Wabuza ukuthi abalutholanga yini

ugwalo lokubatshengisa indlela kubelusi, bavuma. Wathi: "Pho, nxa selididekile, lilukhuphile yini lolu gwalo lalubala?" Bathi: Asizange silukhuphe." Wababuza wathi: "Liyekeleni?" Bathi bakhohliwe. Wabuza futhi wathi: "Abelusi kabalitshelanga yini ukuthi lixwaye uLalisangolimi?" Baphendula bathi: "Yebo! kodwa besingatsho ukuthi umuntu okhuluma kuhle kangaka angaba nguye lowo."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi wathi kubo kabalale phansi. Kwathi lapho sebele, wabatshaya kabuhlungu esithi ubafundisa indlela enhle abafanele ukuhamba ngayo. Wathi nxa ebashaya: "Bonke engibathandayo ngiyabasola, ngibatshaye, ngakho khuthazelani liphenduke." Uthe nxa eqeda ukwenza lokho, wathi kabahambe endleleni, bananzelele ezinye izeluleko zabelusi. Basebembonga ngomusa wakhe omkhulu, bahamba kuhle ngendlela eqondileyo; bahlabela besithi:

"Wozani lina elihamba ngalindlela;  
Libone okuzakwehlela abahambi abedukayo!  
Babanjwe embuleni elithandelayo,  
Ngoba bakhohlwe, badelela ukweluleka okuhle.  
Buqotho bakhutshwa, kodwa liyabona,  
Batshaywa ngesiswephu behkutshwa.  
Lokhu kakube yikuxwayiswa kwenu."

Emva kwesikhhatshana, babona umuntu ehamha kancane endleleni eyedwa, ebahlangabeza. Wasesithi uMkristu kumngane wakhe: "Nanguya umuntu ofulathela iZiyone, uyasihlangabeza."

UBekithemba: "Ngiyambona; kasizinanzelele, hlezi laye abenguLalisangolimi." Waya lokhu esondela, ekucineni wafika kubo; ibizo lakhe lalinguNgakholwa. Wababuza lapho ababesiya khona.

UMkristu: "Siyá entabení yeZiyoni."

UNgakholwa wasehleka kakhulu.

UMkristu: "Hawu! Uhlekani?"

UNgakholwa: "Nghilekisa yikubona iziwula zabantu eliyizo; ngokuzenzela uhambo olunzima kangaka, kube kanti kalisoze lithole lutho ngaphandle kokuhamba lokuzizwisa ubuhlungu."

UMkristu: "Hawu! Uthini ndoda, ukhumbula ukuthi kasiyikwamukelwa yini?"

UNgakholwa: "Likhuluma ngokwamukelwa? Kulelilizwe lonke, indawo efanana laleyo eliphupha ngayo, ayikho."

UMkristu: "Ikhona kodwa elizweni elizayo."

UNgakholwa: "Ngesikhathi ngisekhaya kwelakithi, ngezwa njengoba uqinisa. Sengikuzwile ngasuka ukuthi ngibone; njalo bengilokhu ngidinga lumuzi okwale iminyaka engamatshumi amabili, kodwa kangibonanga lutho lwano okwedlula usuku engaqaliswa ngalo ukudinga."

UMkristu: "Sizwile njalo sakholwa ukuthi ikhona indawo enjalo engatholwa."

UNgakholwa: "Ngangingakholwanga yini ngisekhaya, ukuthi kangizanga khatshana kangaka ukuzadinga lumuzi; kodwa ngingatholi lutho (kube kanti ngabe ngiwutholile, nxa bekulendawo enjalo, ngoba sengihambe ngedlula lina lidingsa), sengibuyela emuva, ngiyeddinga ukuzivuselela ngezinto engangizilahlile, ngithemba lokho engibona khathesi ukuthi kakukho.

Wathi uMkristu kumngane wakhe uBekithemba: "Kuliqiniso lokhu okukhulunywe yilindoda yini?"

UBekithemba: "Nanzelela; ungomunye wabalalisangolimi. Khumbula okwasehlela ngokulalela abantu abanje. Uthini! Ayikho intaba yeZiyone? Phezu kweziNtaba zobuMnandi, asilbonanga yini isango lomuzi wezulu? Futhi, asihambi ngokukholwa yini? Asiqhubeke, hlezi sitholwe ngulowo ophatha isiswephu futhi. Ngabe nguwe ongifundise lesosifundo, engizakuphindhaphinda ezindlebeni zakho ngithi: "Ndodana yami, ungalaleli isifundiso esidukisayo emazwini okwazi." Ngithi, mfowethu ungamlaleli, asikholwe ukuze kusindiswe umphefumlo."

UMkristu: "Mfowethu, angiwubuzanga lumbuzo ngoba benthandabuza ngeqiniso loholo lwethu; kodwa ukukuhlola, lokuthola kuwe izithelo zokuthembeka kwenhliziyo yakho. Ngokwale indoda, ngiyazi ukuthi iphumputhekiswe ngunkulunkulu walelilizwe. Asihambe thina sobabili, sisazi ukuthi silokholo lweqiniso, ngoba akulamanga eqinisweni."

UBekithemba: "Ngijayabula ngethemba lobukhosu bukaNkulunkulu."

Basuka bayitshiya leyondoda; layo yahamba indlela yayo ibahleka.

Ngabona-ke ephutsheni lami ukuthi bahamba baze bafika elizweni elithile, lapho umoya wakhona wawuvama ukufikisa ubuthongo emuntwini, nxa efika khona eyisihambi. Lalapha uBekithemba waqala ukuzwa amehlo esinda, waqala ukowozela. Wasesithi kuMkristu: "Sengiqala ukowozela okokuthi sengisehluleka ukuvula amehlo ami. Asilale lapha sithathe isithongwana." Waphendula uMkristu wathi: "Hatshi, bo! Hlezi singalala, singavuki futhi."

UBekithemba: "Hawu, mfowethu! ubuthongo bumandidi kosebenzayo; singathokoza nxa sithola isithongwana."

UMkristu: "Kawukhumbuli ukuthi omunye wabelusi wathi: linanzelele

ilizwe elithakathiweyo? Watsho ngalokho ukuthi sixwaye ubuthongo. Ngakho kasingalali njengabanye labo, kodwa kasilinde, siqonde."

UBekithemba: Ngiyavuma ukuthi ngilecalा. Ngabe bengingedwa lapha, bengizakuba sengozini yokufa ngokulala ubuthongo. Ngiyabona ukuthi kuliqiniso okutshiwo ngohlakaniphileyo ukuthi: "Ababili bangcono kuloyedwa." Size sifike lapha, ukuba lawe kube ngumusa kimi. Uzathola umvuzo omuhle ngomtshikatshika wakho."

Wasesithi uMkristu: "Ukuze singawozeli, kasibe lengxoxo enhle."

Waphendula UBekithemba wathi: "Ngenhliziyo yonke yami."

UMkristu: "Sizaqala ngaphi?"

UBekithemba: "Asiqale lapho uNkulunkulu aqala lathi khona. Kodwa qalisa wena."

UMkristu: "Ngizakuhlabele lingoma:

Nxa abangcwele bewozela, kabaze lapha,  
Ukuzwa lababahambi ababili bexoxa:  
Yebo, kaba bafunde kubo loba kunjani  
Ngalindela bagcin' amehl' abo' awozel' ekhangale  
Ubudlelwano babangcwele, nxa busenziwa kuhle  
Bubagcina behangele, lanxa sikhona isihogo.

UMkristu waseqala esithi: "Ngizakubuza umbuzo: wacabangani ukuze uhambe loluhambo?"

UBekithemba: "Utsho ukuthi ngaqala njani ukuthi ngenze lokho okulungele ukusiza umphefumlo wami?"

UMkristu: "Yebo, ngitsho lokho."

UBekithemba: "Ngahlala isikhathi eside ekuthokozeni ngalezozinto ezibonakala njalo zithengiswa emdlalweni wethu; izinto lezo engikhola khathesi ukuthi ngabe (ngaqhube ka ngikuzo) zangitshonisa ekulahlweni lekubhujisweni."

UMkristu: "Zaziyizinto bani?"

UBekithemba: "Wonke amagugu lenotho yalelilizwe; njalo ngathokoza emsindweni, ekudakweni, ekunatheni, ekufungeni, ekujambeni amanga, ekungcoleni, ekwephulen iSabatha, langokunye okunengi okubulala umphefumulo. Kodwa ngathola ekucineni ngokuzwa langokunakana ngezinto ezaPhezulu, isibili lezo engazizwa ngawe langomfowethu othandekaeyo uThembekile, owabulawa ngenxa yokholo lwakhe lempilo yakhe elungileyo eMdlalweni weZe, ukuthi isiphetho salezizinto yikufa. Langenxa yalezizinto, ulaka lukaNkulunkulu lwehlela phezu kwabantwana

bokungalaleli."

UMkristu: "Wahle waba lovalo ngalezozinto enhliziyweni yakho yini?"

UBekithemba: "Hatshi, ngangingathandi ukuhle ngivume ububi besono lesiqalekiso esilandela ukwenziwa kwaso. Kodwa ngazama lapho ingqondo yami iqaliswa ukunyikinywa yilizwi, ukuvala amehlo ami ukuze ngingaboni ukukhanya kwalo."

UMkristu: "Kodwa wenziwa yini ukuthi wenze lokho ekuqaleni kokusebenza kukaMoya obusisekileyo kaNkulunkulu kuwe?"

UBekithemba: "Nanzi izinto ezenza lokho; ngangingazi ukuthi ngumsebenzi kaNkulunkulu ophezu kwami. Angizange ngicabange ukuthi uNkulunkulu angasiphendula isoni, ngokuvusa kuqala uvalo Iwezono zaso. Okwesibili, isono sasimnandi kimi; ngangingafuni ukusitshiya. Okwesithathu, ngangingazi ukuthi ngingenze njani ukuze ngehlukane labangane bami; ngoba ukuba khona kwabo lemisebenzi yabo, ngangikuthanda. Okwesine, isikhathi engangicabanga ngobunzima bezono zami ngaso, sasingihlupha kakhulu, sisesabisa enhliziyweni yami, kangangokuthi ngangingafuni lokukhumbula ngaso enhliziyweni yami.

UMkristu: "Ngakho kubonakala angathi kwesinye isikhathi wawusehlukana lohlupho lwakho."

UBekithemba: "Yebo, sibili, kodwa kwakuphinde kubuye futhi emcabangweni wami, kube kubi kudlule okokuqala."

UMkristu: "Kuyini okwakubuye kwakucabangisa ngezono zakho?"

UBekithemba: "Yizinto ezinengi, ezifanana lalezi: -

- 1) Nxa ngike ngahlangana lomuntu olungileyo ezitaladeni; kumbe,
- 2) Nxa ngizwe okunye kufundwa eBhayibhilini; kumbe,
- 3) Nxa ngisizwa ikhanda lami lisiba buhlungu; kumbe,
- 4) Nxa kuthiwa abanye omakhelwana bami bayagula; kumbe,
- 5) Nxa ngisizwa insimbi etshayelwa abafileyo; kumbe,
- 6) Nxa ngicabanga ngokufa kwami; kumbe,
- 7) Nxa ngisizwa ngokufa okuzumayo kwabanye;
- 8) Kodwa ikakhulu, nxa ngizikhumbula mina ukuthi kufanele masinyane ngize ekwahlulelwani."

UMkristu: "Njalo, kwakuke kube lula langesinye isikhathi ukuthi ususe icala lesono nxa sekukufikele ngenye yalezizindlela?"

UBekithemba: "Hatshi; hatshi mina, ngoba nxa sezibambe isazela sami, langokuthi nxa ngikhumbula ngokubuyela esonweni, (lanxa ingqondo yami iphikisana lazo), luvuke lonke uvalo lwami lungihluphe ngokuphindwe kabil."

UMkristu: "Waze wenza njani?"

UBekithemba: "Ngacabanga ukuthi ngizame ukulungisa impilo yami, hlezi, ngakhumbula ukuthi, ngileqiniso lokuthi ngizalahlwa."

UMkristu: "Wake wazama ukwenza ngecono yini?"

UBekithemba: "Yebo, ngazibalekela, kungesizono zami kuphela, kodwa lexuku elonayo, ngasengingenya ekumkhonzeni uNkulunkulu, okufanana lokuthandaza, lekufundeni iBhayibhili, lekukhaleni ngezono, langokukhuluma iqiniso kubomakhelwane bami, lokunye okunjalo. Ngakwenza lokhu, lokunye okunengi engingekulandise lapha.

UMkristu: "Wasucabanga ukuthi usindisiwe yini?"

UBekithemba: "Yebo, okwesikhhatshana esithile; kodwa izinhlupheko zami zatshetsha zabuya phezu kwami, loba sengiphendukile."

UMkristu: "Kwenze ka njani lokho, ngoba ngizwile ukuthi wawusuphendukile."

UBekithemba: "Kwenziwa yizinto ezithile, ikakhulu ezifana lalezi: "Konke ukulunga kwethu kunjengamanikiniki angcolileyo". "Ngemisebenzi yomthetho kakuyikuthethelewa muntu". "Selikwenzile konke, lithi: Kasisizi lutho". Lezinye ezinengi ezifana lalez. Kusukela lapho ngaqala ukucabanga kakhulu ngalindlela: nxa konke ukulunga kwami kunjengamanikiniki angcolileyo; nxa ngemisebenzi yomthetho kungelamuntu ongathethelela; lanxa uba sesikwenzile konke, singabangasizi lutho; uba kunjalo, kuyibuthutha ukukhumbula ngokuya eZulwini ngomthetho. Ngabuya ngacabanga ngalindlela: uba umuntu elecal a esitolo kodwa aliyekele, emva kwalokho abhadalele konke azakuthatha, kube kanti isikwelede sakhe simi encwadini singesulwanga, ngalokho umnini-sitolo angammangalela, amfake ejele, aze abhadale icala elidala."

UMkristu: "Yebo, wawuqondisa kanjani kuwe lowomfanekiso yini?"

UBekithemba: "Ngacabanga ukuthi: ngezono zami ngenza icala elikhulu encwadini kaNkulunkulu; lokuziphatha kuhle kwami, akulibhadali icala lami. Loba kukhona lohkukuphenduka kwami, kodwa ngingakhululwa njani kulokhokulahlwa esengizingenise engozini yakho ngezono zami zamandulo."

UMkristu: "Wayingenisa kuhle lindaba; kodwa ake uqhububeke."

UBekithemba: "Enye into eyangihluphayo selokhu ngaqalisa ukuzilungisa yikuthi: uba ngikhangel a kuhle imisebenzi yami ngilokhe ngibona isono sisekhona, isono esitsha sizihi langanisa lokuhle kakhulu engikwenzayo. Kuze kuthi khathesi ngiphetha ngokuthi, lanxa bengithanda ukuziqakathekisa lemisebenzi yakuqala, sengenze isono esaneleyo ngosuku olulodwa, ukungisa esihogweni, lanxa impilo yami eyakuqala ibingela cala."

UMkristu: "Wasusenza njani?"

UBekithemba: "Ngenze njani? Angizange ngikwazi engingakwenza ngaze ngamtshela uThembekile; ngoba sasejayelene kakhulu. Wathi yena kimi: "Ngaphandle kokuthi ngithole ukulunga komuntu ongazange one; okwami ukulunga, lokulunga kwelizwe lonke kungengisindise."

UMkristu: "Wacabanga ukuthi ukhulumu iqiniso yini?"

UBekithemba: "Ngabe wayesitsho kimi ngalesosikhathi ngisaneliswe yikuzilungilungisa kwami, ngabe ngathi kuye, uyisiwula ngenxa yokukhulumu kwakhe; kodwa khathesi, njengoba ngibona ubuthakathaka bami, lesono esinamatela ezenzweni zami: ngenxa yalokho ngenziwe ngavumelana laye."

UMkristu: "Kodwa ekuqaleni, wawucabanga ukuthi angatholwa umuntu onjalo, okungatshiwo ngaye ukuthi kazange enze sono?"

UBekithemba: "Kumele ngivume ukuthi ekuqaleni lamazwi angimangalisa. Kodwa emva kokukhulumu lokuzihlanganisa laye, ngayizwa lindaba ngokugcweleyo."

UMkristu: "Njalo-ke wambuza ukuthi lowomuntu ngubani? Wabuza futhi ukuthi uzakhululwa njani ecaleni?"

UBekithemba: "Yebo, wangitshela ukuthi lumuntu uyiNkosi uJesu Kristu ohlezi ngakwesokunene soPhezukonke. Wathi kimi: Kumele ulungisiswe nguye; ngitsho lokuthemba kulokho akwenzela khona ngezinsuku esenyameni, wahlupheka ephanyekwe esiphambanweni. Futhi-ke ngabuza ukuthi kwensiwa yini ukuthi ububuqotho balumuntu bube lokulungisisa omunye phambi kukaNkulunkulu. Wasengitshela ukuthi uJesu unguNkulunkulu olamandla; lalokho akwenzayo, wafa ukufa njalo engazenzeli yena kodwa esenzela mina. Okuthi ukwenza kwakhe lokufanelia kwakhe kufanele ngikuphiwe nxa ngikholwa kuye.

UMkristu: "Wasusenzani?"

UBekithemba: "Ngesaba ukukholwa, ngoba ngangicabanga ukuthi kathandi ukungisindisa."

UMkristu: "Wasesithini uThembekile kuwe?"

UThembekile: "Wathi kangie kuJesu ngizibonele. Ngathi mina lokho yikuziphakamisa. Wathi yena, hatshi, ngoba ngibizwe ukuthi ngize. Wasenginika uwgalu olulotshwe nguJesu ukungikhuthaza ukuthi ngize kuye ngokukhululeka. Wathi ngalologwalo: Konke okuncinyanyana okukulo kumi kuqinile okwedlula izulu lomhlaba. Ngambuza ukuthi ngizakwenzani nxa sengifikile. Wangitshela ukuthi ngincenge ngiguqe ngamadololo ngayo yonke inhliziylo lomphefumlo wami, ukuze uYise angambulele iNdodana yakhe. Ngambuza ukuthi ngizafika ngenze njani ekukhulekeni kwami kuye. Wathi, hamba wena, uzamthola ehlezi esihlalweni somusa, lapho ahlezi

khona iminyaka yonke, ukuze anike uthethelelo kwabeza kuye. Ngamtshela ukuthi angazi ukuthi ngizafika ngithini kuye. Wangitshela ukuthi ngizafika ngithi: "Nkulunkulu, yiba lomusa kimi mina soni", ungenze ukuthi ngimazi uJesu Kristu, ngikholwe kuye; ngoba ngiyabona ukuthi ngingolahliwego sibili nxa ukulunga kwakhe kungazange kube khona kimi, loba nxa ngingakhola kuye. Nkosi, ngizwile ukuthi wena unguNkulunkulu olomusa; umisile ukuthi iNdodana yakho uJesu Kristu abe nguMsindisi womhlaba; ngizwile futhi ukuthi wena, Nkosi, uyavuma ukuyinikela iNdodana yakho kusoni esilusizana njengami, (ngoba ngiyisoni sibili). Ngakho, Nkosi, akuthi ngalesisikhathi wandise umusa wakho ekusindisweni kompheyfumlo wami, ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu, Amen."

UMkristu: "Wenza njengalokho owakutshelwayo yini?"

UBekithemba: "Yebo, ngaphinda, ngabuya ngaphinda."

UMkrisu: "UYise wayambula iNdodana yakhe kuwe yini?"

UBekithemba: "Hatshi, kakwezanga lokho ngesikhathi sokuqala, langesesibili, langesesithathu, langesesine, langesesihlanu, ngitsho langesesithupha."

UMkristu: "Wasusenze njani?"

UBekithemba: "Uthi ngenza njani? Kangazanga ukuthi ngizakwenza njani."

UMkristu: "Awuzange ucabange ukuthi kungcono ukuyekela ukuthandaza?"

UBekithemba: "Yebo, ngacabanga kakhulu ngalokho."

UMkristu: "Kwensiwa yini ukuthi ungayekeli ukuthandaza?"

UBekithemba: "Ngakhola ukuthi lokho engangikutsheliwe kwakuliqiniso, ukuthi, ngaphandle kokulunga kwalo uKristu wonke umhlaba ungengisindise. Ngasengisithi ekucabangeni kwami: "Nxa ngiyekela, ngizakufa; kungaba ngcono ngifele esihlalweni somusa. Kwathi ngalesosikhathi kwafika engqondweni yami lawomazwi athi: "lokuba siphuza, silindele, ngoba isibili sizabuya, njalo kasiyikuphuza". Ngathandaza, kangiyekelanga, uYise waze wangitshengisa iNdodana yakhe."

UMkristu: "Yembulwa njani kuwe?"

UBekithemba: "Kangizange ngiyibone ngamehlo ami enyama, kodwa ngayibona ngamehlo engqondo yami. Lokho-ke kwenzenka kanje: ngelinye ilanga ngangidabukile kakhulu, ngidabuke okwedlula kwezinye izikhathi zonke zokuphila kwami. Lokho kwensiwa yikubona ubukhulu bobubi bezono zami. Ngasengilindele ngalesosikhathi, isihogo kuphela lokulahlwa okungapheliyo kompheyfumlo wami. Ngathi ngikhumbula, ngahle ngabona iNkosi uJesu ingikhangele iseziulwini isithi: "Kholwa eNkosini uJesu, uzakusindiswa."

Kodwa ngaphendula ngathi: "Nkosi, mina ngiyisoni, isoni esikhulu kakhulu." Waphendula wathi: "Umusa wami ukwanele wena." Ngasengisithi: "Kodwa Nkosi, ukukholwa kuyini?" Ngasengibona ngaleyonkulomo ethi: "Lowo ozayo kimi kayikulamba, lalowo okholwa kimi kayikoma." Ngabona ukuthi ukukholwa nguye lokuza kuye kuyinto eyodwa. Ngoba lowo ozileyo, ufunu usindiso olukhona ngaye uJesu Kristu, ulufuna ngenhlizyo yakhe langokuthanda kwakhe, akholwe sibili kuye uJesu. Amehlo ami agcwala izinyembezi; ngasengibuza njalo ngathi: "Kodwa Nkosi, kuliqiniso, ukuthi singasindiswa samukelwe nguwe isoni esifanana lami yini?" Ngasengimuzwa esithi: "Lowo ozayo kimi, angisayikumlahla." Ngathi mina: "Kodwa Nkosi ngingenze njani ukuze ngikwazi ukuza kuwe; lokuthi ukholo lwami lubekwe kuwe ngokuqondileyo?" Wasesithi: "UKristu Jesu weza emhlabeni ukusindisa izoni; uyikucina komthetho, kube yikulunga kubo bonke abakholwayo; wafela izono zabantu; wavuka futhi ukuze bakhululwe ecaleni bona. Wasithanda, wasigeza ezonweni zethu egazini lakhe; ungummeli phakathi kukaNkulunkulu lathi. Uphila njalo, ephilela ukusinxusela" Ngakho konke akukhulumayo, ngaqedisisa ukuthi kufanele ngidinge ukulunga ebuntwini bakhe, ngiyilindele inhlawulelo yezeno zami egazini lakhe. Ukuthi lokho akwenza ngokulalela umthetho kaYise, langokuthwala ukujezisa kwawo, wayengazenzeli yena, kodwa wenzela lowo ozakwamukela ukusindisa kwakhe, njalo abonge. Inhlizyo yami yasigcwala injabulo. Agcwala izinyembezi amehlo ami. Yaphuphuma ngothando inhlizyo yami; ebizweni, ebantwini lendleleni zikaJesu Kristu." UMkristu: "Isibili kwakuyikuzembula kukaJesu Kristu lokho emphefumlweni wakho. Kodwa ake ungitshеле ngokukhethekileyo ukuthi lokho kwavusani phakathi kwakho."

UBekithemba: "Kwangenza ngibone ukuthi wonke umhlabo, loba kukhona ukulunga kuwo, usekulahlweni. Kwangenza ngibone ukuthi uNkulunkulu uYise, loba elungile angalungisisa isoni esizayo. Kwangenza ngibe lenhloni kakhulu ngobubi bami langempilo yami yakuqala, kwangisanganisa ngokubona ukungazi kwami; ngoba ngaphambi kwalokho, akuzange kufike enhliziyeni yami ukucabanga okwakungibonisa ubuhle bukaJesu Kristu. Kwangenza ukuthi ngithande impilo engcwele, lokuthi ngifune ukusebenzela udumo lobukhosibebizo leNkosi uJesu. Yebo, ngaze ngacabanga ukuthi ngabe emzimbeni wami kulegazi elinengi, bengingalichitha lonke ngenxa yeNkosi uJesu.

## 18. UKungazi

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi uBekithemba wakhangela emuva, wabona uKungazi ebalandela, ababemtshiye emuva. Wathi kuMkristu: "Nantiya leliyana ijaha ebelilibele emuva!"

UMKristu: "Yebo, ngiyabona kathandi ukuhamba lathi."

UBekithemba: "Kodwa ngithi ubengayikoniwa lutho nxa ebehambe lathi."

UMkristu: "Uqinisile, kodwa ngingaqinisa ngithi katsho njalo yena."

UBekithemba: "Yebo; kodwa asimlindele." Bamlindela-ke.

Wathi uMkristu kuye: "Woza, nsizwa; ulibaleleni kangaka emuva?"

UKungazi: "Ngithanda ukuhamba ngedwa kakhulu; kulokuthi ngihambe labantu engingabathandiyo."

Wathi uMkristu kuBekithemba, esenyeyeza: "Kangitshongo yini, ukuthi kathandi ukuhlangana lathi? Kodwa wathi: "Woza asiqine sixoxe, siqhube isikhathi kulindawo eyinhlane." Wasesithi, ekhangela kuKungazi: "Woza lapha; kunjani kuwe? Sekumi njani phakathi kukaNkulunkulu lenhliziyo yakho?"

UKungazi: "Ngithemba ukuthi kumi kuhle; ngoba ngihlezi ngigcwele laphakathi imicabango emihle."

UMkristu: "Yimicabango emihle, enjani?"

UKungazi: "Ngicabanga ngoNkulunkulu langezulu."

UMkristu: "LoSatane uyakucabanga lokho, kanye lemiphefumulo elahliweyo."

UKungazi: "Kodwa ngicabanga ngoNkulunkulu njalo ngiyamloyisa."

UMkristu: "Bayakucabanga lokho abanengi abangeke bafike lapho. Umphefumlo wevila uyafisa kodwa awulalutho."

UKungazi: "Kodwa ngicabanga ngakho, ngitshiye zonke izinto ngenxa yakho."

UMkristu: "Lokho khona, kangikukholwa; ngoba ukutshiya zonke izinto kunzima. Yebo, kunzima ngaphezu kwalokho abakucabangayo abanengi. Kodwa wazi njani ukuthi utshiye zonke izinto ngenxa kaNkulunkulu lezulu?"

UKungazi: "Ngitshelwa inhliziyo yami."

UMkristu: Umuntu ohlakaniphileyo uthi: "Lowo owethemba inhliziyo yakhe, ujisithutha"

UKungazi: "Lokho kukhulunywa ngenhliziyo embi; kodwa eyami ilungile.

UMkristu: "Kodwa lokho ungakutshengisa njani?"

UKungazi: "Iyangiduduza ngamatembaba ezulu."

UMkristu: "Kungaba ngenxa yokukhohlisa kwayo. Ngoba inhliziyo yomuntu ingamduduza ngamatthebba ezinto, angelasizatho sokuzithemba."

UKungazi: "Kodwa mina iyavumelana inhliziyo yami lokuziphatha kwami; ngakho ithemba lami liqinile."

UMkristu: "Ngubani okutshele ukuthi inhliziyo yakho lempilo yakho kuyavumelana kokubili?"

UKungazi: "Ingitshela lokho inhliziyo yami."

UMkristu: "Lokho kufanana lamasela amabili nxa ebotshiwe, kuthi nxa kubuzwa kwelinye ukuthi liyilo yini isela, lithi nxa lilandula: Buza kumfowethu lo, ukuthi ngilisela yini. Uthi inhliziyo yakho ikutshela lokho? Ngaphandle kokuthi kube yilizwi likaNkulunkulu elifakaza ngalokho, abusizi lutho obunye ubufakazi"

UKungazi: "Kodwa ayisiyo inhliziyo elungleleyo, elemicabango elungleleyo yini? Ayisiyo impilo enhle evumelana lomlayo kaNkulunkulu yini?"

UMkristu: "Yebo, yinhliziyo elungleleyo elemicabango emihle; njalo kuyimpilo enhle evumelana lemilayo kaNkulunkulu; kodwa kuyinto enhle sibili ukuba lalezizinto, njalo kungenye into ukuthi ukhumbule njalo."

UKungazi: "Ngitshela ukuthi kuyini okubala ngokuthi yimicabango emihle, lempilo evumelana lemithetho kaNkulunkulu?"

UMkristu: "Kukhona imicabango elungleleyo ezinhlobonhlobo; eminye iqondene lathi, eminye loNkulunkulu, eminye loKristu, njalo eminye lezinye izinto."

UKungazi: "Imicabango elungleleyo eqondene lathi, yiyiphi?

UMkristu: "Ngevumelana leliZwi likaNkulunkulu."

UKungazi: "Imicabango yethu ivumelana leliZwi likaNkulunkulu nini?"

UMkristu: "Nxa sizibeka icala thina ngokwethu njengeliZwi likaNkulunkulu lisibeka; ukuthi ngizichasise kulokhu: iliZwi likaNkulunkulu, lithi ngomuntu, esimeni semvelo: "kakho olungleleyo, kakho owenza okuhle".

Lithi njalo: "konke ukucabanga kwezhnliziyo yomuntu, kubi njalo njalo". Njalo lithi: "ukucabanga kwenhnliziyo yomuntu kubi kusukela kwasebutsheni bakhe". Ngakho-ke nxa sicabanga kanjalo ngathi ngokwethu silemicabango enjalo; ngalokho imicabango yethu mihle ngoba ivumelana leliZwi likaNkulunkulu."

UKungazi: "Kangisoze ngikhholwe ukuthi inhliziyo yami imbi kangaka."

UMkristu: "Ngakho awuzange ube lamcabango olungleleyo oqonde kuwe uqobo empilweni yakho. Kodwa kangiqhubek; njengoba iliZwi likaNkulunkulu ligweba inhliziyo zethu, ngokunjalo ligweba izindlela zethu.

Njalo nxa imicabango yenhliziyo zethu lendlela zethu zivumelana lokugweba kweliZwi likaNkulunkulu kukho kokubili, ngakho kulungile,

ngoba kuyavumelana lakho."

UKungazi: "Khuluma kuhle okutshoyo."

UMkristu: "Angithi iliZwi likaNkulunkulu lithi izindlela zomuntu zimazombezombe kazilunganga njalo ziphambene? Lithi ngemvelo abantu baphambukile ezindleleni ezilungileyo; lokho kabakwazanga. Kuthi-ke nxa umuntu enakana ngezindlela zakhe,

ngithi nxa ekhumbula ngalindlela ngokupheleleyo langokuthobeka kwenhlizyo, ngakho uba lemicabango elungileyo ngezindlela zakhe, ngoba imicabango yakhe khathesi ivumelana lokugweba kweliZwi likaNkulunkulu."

UNgaziyo: "Yimicabango bani elungileyo ngoNkulunkulu?"

UMkristu: "Ngitsho (njengoba ngitshilo ngathi) nxa imicabango yethu ngoNkulunkulu ivumelana lokukhuluma kweliZwi lakhe. Ilizwi elikutsho kuye kulapho sikhumbula ngobukhona bakhe lempawu zakhe njengofundisa kweliZwi, engingeze ngakhuluma kakhulu ngazo khathesi; kodwa ukukhuluma ngaye, maqondana lathi besesicabanga kuhle ngoNkulunkulu nxa sicabanga ukuthi ukusazi kwakhe kwedlula lokho esizazi ngakho thina, lokuthi ubona isono kithi, lapho esingasiboni khona kithi; nxa sikhumbula ukuthi uyazi imicabango engaphakathi kwenhlizyo zethu lokujula konke kwayo kuhlezi kusobala emehlwani akhe njalo nxa sicabanga ngakho konke ukulunga kwethu ukuthi kuyanuka emakhaleni akhe, ngalokho angeke ahiale ukusibona phambi kwakhe, siziqhenya ngemisebenzi yethu elungileyo."

UKungazi: "Ucabanga ukuthi ngiyisithutha esingaka, esicabanga ukuthi uNkulunkulu kaboni okwedlula mina; langokuthi ngisondela kuNkulunkuiu ngemisebenzi yami elungileyo?"

UMkristu: "Uthini, nxa ucabanga ngalokho wena?"

UKungazi: "Mina ngicabanga ukuthi ngifanele ukukholwa kuJesu Kristu ukuze ngithethelelw amacala ami."

UMkristu: "Kwensiwa yini ukuthi ukhumbule ukuthi kufanele ukholwe kuKristu, wena ungarboni ukumswela kwakho? Njalo ungarboni izono zakho owazalwa lazo, lozenzayo: kodwa uyaziqhenya kangangokuthi awusaboni ukuthi ukulunga kukaJesu kuyafuneka ukuze ulungisiswe phambi kukaNkulunkulu. Utsho njani-ke ukuthi ukholwa kuJesu?"

UNgaziyo: "Ngiyakholwa mina, lakulokho okutshoyo wena."

UMkristu: "Ukholwa njani?"

UKungazi: "Ngiyakholwa ukuthi uKristu wafela izoni, lokuthi icala lami lizathethelelw phambi kukaNkulunkulu, ngikhitshwe esiqalekisweni ngokwemukela kwakhe ngomusa ukuhamba kwami ngomthetho wakhe;

kumbe ngithi: uKristu wenza imisebenzi yami yokukhuleka kuNkulunkulu ukuthi yamukeleke kuye uYise ngenxa yalokho akwenzayo; ngaleyondlela ngizakukhululwa ecaleni lami."

UMkristu: "Kangiyiphendule linkulumo yovumo lokholo lwakho:

- 1) Ukhola ukhola lokuzicabangela; lolokholo kasiluboni elizwini lonke likaNkulunkulu.
- 2) Ukhola ngokholo lwamanga; ngoba kuthatha ukulungisiswa okuvela ekulungeni kukaKristu, kukwenze okwakho.
- 3) Lolukholo kalumenzi uKristu abe ngumlungisisi wakho; kodwa owemisebenzi yakho; njalo okobuntu bakho ngenxa yemisebenzi yakho; lokho kungamanga.
- 4) Ngakho lolukholo luyakhohlisa; luzakuthi lukutshiye ngaphansi kolaka ngosuku lukaNkulunkulu uSomandla. Ngoba ukhola olweqiniso olulungisisayo lubeka umphemfumulo (kwenza ukuthi umphemfumulo ngokuzwa ngokulahleka kwawo ngomthetho) ukuthi ugijimele ukucatsha ekulungeni kukaKristu; lokhokulunga kwakhe kayisiwo umsebenzi womusa owenza ukulungisiswa kokulalela kwakho kwamukeleke kuNkulunkulu; kodwa ukulalela kwakhe umthetho ekwenzeni lekusihluphekeleni kulokho okwakufuneka ezandleni zethu. Lokhokulunga, ngithi, ukukholwa kweqiniso kuyakwamukela, umphemfumulo usembeswa yikho, njalo ngakho ubonakale phambi kukaNkulunkulu ukhululwe ecaleni lokulahlwa."

UKungazi: Uthini? Ucabanga ukuthi singathemba lokho uKristu asenzele khona uqobo lwakhe yedwa; ngaphandle kwethu? Lumcabango uzakhulula amatomu enkanuko yethu, usivumele siphile njengokuthanda kwethu, ngoba kubonakala ukuthi sizakhululwa emacaleni ethu, loba siphila njani, nxa sikhola kuKristu."

UMkristu: "Uyabona ibizo lakho kuthiwa unguKungazi; ufanana lebizo lakho wena. Ngitsho lempendulo yakho ibonisa engikutshoyo. Awukwazi ukuthi ukulunga okusikhulula ecaleni kuyini; kawukwazi futhi ukuvikela umphemfumulo olakeni olunzima lukaNkulunkulu ngokholo lwakho. Yebo, wena awuzazi izindaba zalolokholo olusindisayo ngokulunga kukaKristu; okuyikuthobela lokunqobela inhliziyo kuNkulunkulu ngoKristu; ukuthanda ibizo, iliZwi lakhe, izindlela labantu bakhe, kungafanani lalokho okucabangayo ngokungazi kwakho."

UBekithemba: "Mbuze ukuthi sewake wembulelwu uKristu kuvela ezulwini?"

UKungazi: "Uthini! Uhlezi nje, uyindoda yezambulelo wena? Ngiyabona

mina ukuthi lokho okukhulunya yini kungumsebenzi wengqondo ephambeneyo."

UBekithemba: "Hawu mfowethu! UKristu ufhiliwe kuNkulunkulu; abantu kabamponi ngaphandle kokuthi embulwe kubo nguYise."

UKungazi: "Lokho phela nina, yikukholwa kwenu kodwa aysisiko okwami. Kodwa kangithandabuzi ukuthi kunjengokwenu, loba ngingelazo lezo zonke indaba zenu."

UMkristu "Ake ngifake ilizwi. Ungakhulumi lula ngalindaba. Ngoba lokhu ngizakuqinisa ngesibindi (njengoba enzile umngane wami): ukuthi akulamuntu ongamazi uJesu Kristu, engamembulelwanga nguNkulunkulu uYise. Yebo, langokholo umphefumulo obambelela kuKristu, (uba luqinisekile) kufanele lusetshenzwe ngobukhulu bamandla akhe, okuthi ukusebenza kwalolokholo ngibona ukuthi wena, Kungazi olusizana, awukwazi. Vuka-ke, ulubone usizi lwakho, ubusugijimela eNkosini uJesu, kuzakuthi ngokulunga kwakhe, okuyikulunga kukaNkulunkulu; (ngoba yena uqobo unguNkulunkulu), uzakhululwa ekulahlweni."

UKungazi: "Liyaphangisa ukuhamba; ngingephikisane lani, hambani phambili. Kengisale mina isikhathshana."

Basebesithi:

"Wena, Kungazi, uzahlala uyisithutha yini,  
Udelela ukweluleka okuhle okuphindwe katshumi?  
Kodwa nxa ulokhu ukwala, uzakwazi-ke,  
Masinyazana, ububi bokwenza njalo.  
Khumbula, ndoda, ulesikhathi, thoba, ungesabi;  
Ukweluleka okuhle, kuthethwe kuhle, kuyasindisa; ngakho zwana.  
Kodwa nxa ukudelela, wena uzakuba  
Ngolahlekelweyo, Kungazi, ngiqinisile.

Wasekhuluma lesihlobo sakhe uMkristu wathi: "Woza-ke, Bekithemba omuhle; ngiyabona ukuthi wena lami kufanele sibuye sihambe sodwa."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi batshitsha baqhubekela phambili; njalo uKungazi ebalandela etotoba emuva. Wasesithi uMkristu kumngane wakhe: "Uyangihawula lumuntu olusizana. Sibili akusoze kube kuhle kuye ekucineni."

UBekithemba: "Kuyesabeka banengi abafanana laye emzini wethu, insapho ezigcweleyo, yebo izitalada ezigcweleyo (njalo labangabahambi). Njalo nxa bebanengi endaweni zakithi, kufanele ukuthi banengi kangakanani lapho azalelwa khona?"

UMkristu: "Isibili iliZwi lithi, "uphumputhekisile amehlo abo, hlezi babone..." Khathesi-ke sesisodwa, uthini ngabantu abanje? Kawucabangi ukuthi ngezinye izikhathi balovalo ngezono? Lokuthi ngenxa yaloluvalo baqala ukwesaba ukuthi isimo sabo sisengozini?"

UBekithemba: "Hatshi, lumbuzo uphendule wena, ngoba wena umdala kulami."

UMkristu: "Mina ngithi: ngezinye izikhathi, (njengokukhumbula kwami) bangaba lalo; kodwa bengazi ngokwemvelo: kababoni ukuthi loluvalo lufuna ukubangenisa ekuphendukeni; ngakho balinga ukulucindezelza ngokuhlala bezikhohlisa ngokulunga kwezabo inhliziyo."

UBekithemba: "Ngithi lami ngikholwa yilokho ukuthi ukwesaba kuyasiza kakhulu kubantu abahamba uhambo."

UMkristu: "Kunjalo ngeqiniso, ngoba litsho iliZwi lithi: 'Ukumesaba uJehova kuyikuqala kokuhlakanipha."

UBekithemba: "Ukwesaba okulungileyo, ungakuchaza njani?"

UMkristu: "Ukwesaba okulungileyo ngeqiniso, singakwazi ngezinto ezintathu: -

- 1) Ngokuvela kwakho, ngoba kuvela ovalweni olusindisayo lwezonzo.
- 2) Ngokuqhuma umphefumulo uze ubalekele eNkosini uJesu uthole ukusindisawa.
- 3) Ngokuveza kwakho emphefumlweni ukumhlonipha uNkulunkulu leliZwi lakhe, lezindlela zakhe; ukukugcina ngobuthakathaka, kuze kungabikho emphefumlweni okwaphula ukuthula lokudabukisa uMoya lokwenza ukuthi izitha zihleke."

UBekithemba: "Ukhulumu kuhle. Ngiyakholwa ukuthi ukhulume iqiniso. Khathesi sesiseduze yini ukweddula elizweni elithakathiweyo?"

UMkristu: "Uthini? Usukhathele yilinkulumo yethu yini?"

UBekithemba: "Hatshi, ngeqiniso. Kodwa ngibusa ngoba ngifuna ukwazi lapha esesikhona khathesi."

UMkristu: "Ummango esisazawuhamba kawudluli amamayili amabili. Kodwa kasibuyele enkulumeni yethu: abangaziyo-ke kabazi kababoni ukuthi uvalo lwesono luyabesabisa ukuze bangene ekuphendukeni; ngalokho bazama ukulucindezelza."

UBekithemba: "Bazama njani ukulucindezelza?"

UMkristu: 1) Bacabanga ukuthi lokhokwesaba kwenziwa nguSatane (kanti kwenziwa nguNkulunkulu). Besebezama ukukuxotsha ezinhliziyweni zabo njengento embi.

2) Kanjalo bacabanga ukuthi lokhokwesaba kuzakona ukukholwa kwabo, (kanti nje kabalakho ukukholwa); ngalokho babesebesenza lukhuni

inhliziyo zabo.

3) Bathi bona abafanelanga ukwesaba, ngakho balethemba ngezinto abangazange bazithole.

4) Bacabanga ukuthi lokho kwesaba kufuna ukususa ubungcwele abacabanga ukuthi balabo: ngalokho balwa lakho ngamandla abo wonke." UBekithemba: "Lokho mina ngiyakwazi; ngoba ngaphambi kokuthi ngizazi lokho engiyikho, kwakunjalo kimi."

UMkristu: "Hawu, ake simyekele umngane wethu uKungazi, sikhulume ngomunye umbuzo ozasincreda."

UBekithemba: "Ngiyavuma ngenhliziyo yami yonke. Kodwa uzaphinda uqalise."

UMkristu: "Kulungile-ke. Eminyakeni ephose ibe litshumi edlulileyo, wawumazi umuntu endaweni yakini okwakuthiwa nguSikhathana, owayeyindoda ephambili ekukhonzeni?"

UBekithemba: "Ngiyamazi yini? Yebo, wayehlala emzini wakoSwelumusa, umzi ongaba ngamamayila amabili usiya emzini wakoBuqotho. Indlu yakhe yayihlangene leyendoda ababesithi nguMfulatheli."

UMkristu: "Yebo-ke, wayehlala ngaphansi kophahla lunye laye. Lindoda, kukhona isikhathi eyavuseleka kakhulu ngaso. Ngiyakholwa ukuthi ngalesosikhathi, yayizibona izono zayo; lomvuzo owawuzifanele."

UBekithemba: "Ngivumelana lakho lami; (ngoba indlu yakhe ingekhatshana leyami), wayehlala esiza kimi, ekhala inyembezi. Qiniso ngangiyizwela lindoda, ngangingalahlanga ithemba ngaye; kodwa umuntu angabona, ukuthi kakusibo bonke abathi: "Nkosi, Nkosi" abazakusindiswa."

UMkristu: "Wangitshela kwesinye isikhathi ukuthi wayezimisele ukuhamba uhambo njengathi khathesi; kodwa masinyane wahle wejayelana lomunye uZisindise. Wasesiba ngowenzini kimi."

UBekithemba: "Sisakhulumha ngaye nje, asichwayisise ngesizatho sakhe sokuhle ahlehole nyovane, lokwabanye abanengi."

UMkristu: "Yebo. Lokho kuzasisiza kakhulu; kodwa kungcono uqalise.

UBekithemba: "Kulungile-ke. Ngeyami ingqondo, zine izinto ezibanga lokho: -

- 1) Eyokuqala nansi: Lanxa isazel sabantu abanje sivusiwe; kanti ingqondo zabo kaziguqukanga. Ngakho nxa amandla ecal aephela, lalokho okwabadungula ukuthi bakhonze ngokuthula, ngakho ngokwemvelo yabo, babuyela endleleni zabo futhi: njengoba sibona inj aegulayo ihlanza ekudlileyo; nxa lokhe umkhuhlane wayo usekhona, iyahlanza ikuhuphe konke; kayikwenzi lokhu ngengqondo ekhululekileyo (nxa singathi inj ailenqondo); kodwa ngoba kuhlupha isisu sayo, kodwa nxa

umkhuhlane wayo usuphelile, lesisu sayo sesingcono, isifiso sayo singehlukene lamahlanzo ayo, iyaphenduka iwakhothe wonke; ngakho ke kuliqiniso okulotshiweyo ukuthi: "Inja ibuyela kwawayo amahlanzo." Ngikutsho lokhu, ngenxa yokwesaba lovalo lwenhlungu sesihogo, nxa kusiya kusithi ukwesaba isihogo lovalo lokulahlwa kudedu, kuqanda, kuphola; kunjalo ukuloyisa kwabo izulu losindiso lakho kuyaphola. Kuthi nxa seluphelile loluvalo, kuphele lokufuna kwabo ukuya ezulwini, babesebebuya ezindleleni zabo futhi.

- 2) Into yesibili nansi: Balokwesaba okobugqili okubabusayo; sengikhulumu ngokwesaba abalakho ebantwini: "Ukwesaba abantu kungumjibila"; Ngakho lanxa bekhanya betshisekela izulu, nxa lokhu besizwa ngamalangabi esihogo; kube kanti nxa lokho kwesaba sekwedlule kancane, baqala ukunakana kibili. Kusitsho ukuthi kulungile ukuhlakanipha, hatshi ukugijimela (bengazi ukuthi bakwenzelani) engozini yokulahlekkelwa yikho konke, kumbe njengokuzingenisa kuhlupho olungavikekiyo lolungelamsebenzi. Ngalokho babuyelete elizweni futhi.
- 3) Into yesithathu nansi: Emehlweni abo ukukhuleka kuNkulunkulu lokulalela iliZwi lakhe kungumsebenzi odelelekayo. Ngakho nxa seluphelile uvalo lokwesaba isihogo lolaka, bayakutshiya, babuyelete elizweni.
- 4) Into yesine nansi: ukucaleka, lokunakana ngokwesabekayo kubuhlungu kubo; kabathandi ukubona usizi lwabo bengakafiki kulo; lanxa mhlawumbe ukubonakala kwakho kuqala, nxa bekuthandile lokho, kungabenza bagijimele lapho abalungileyo bagijimela khona bavikeleke. Kodwa njengokutsho kwami, njengoba bengafuni iminakano ngokucaleka langokwesabekayo, ngakho bathi sebesusile ukuvuswa kwabo ngokwesabekayo langolaka lukaNkulunkulu, benza inhliziyo zabo zibe lukhuni ngokuthokoza, babesebekhetha izindlela ezizakwenza inhliziyo zabo zibe lukhuni ngamandla.

UMkristu: "Ukhulume kuhle, mfowethu. Kubonakala ukuthi konke lokho kwensiwa ngoba kabaziphenduli izinhliziyo lezingqondo zabo. Ngakho bafanana lesikliwi esithi nxa siphambi komahluli sighthuqhe, angathi siyaphenduka kanti hatshi, into ekhona, yikwesaba ukubulawa. Asizizondi izono zaso. Nxa-ke sikhululwa, sibuya sibe yisikliwi esiphangayo, esibulala abantu. Kanti aluba besiphenduke ngokweqiniso ngabe kasikwenzi lokho." UBekithemba: "Mina khathesi sengikutshengise izizatho zokuhlehlenda nyovane; ake ungitshela lawe ngokwakho."

UMkristu: "Ngiyavuma.

- 1) Balahla yonke imicabango abangaba layo ngoNkulunkulu, ngokufa, langokugweba okuzayo.
- 2) Balahla kancane kancane imfanelo zabo zangasese, ezifanana lokuthandaza nxa bebodwa, lokuzithiba, lokulinda, ukudabuka ngesono lokunye okufanana lalokho.
- 3) Ngakho babalekela ukuhlanganyela lamaKristu aphilayo alothando.
- 4) Emuva kwalokho baphole kumfanelo eziisobala njengokulalela lokufunda iliZwi, lemhlanganweni yabesaba uNkulunkulu, lokunye okufanana lalokho.
- 5) Baqale ukubona izindawana ezingalunganga kwabanye abesaba uNkulunkulu, langalokho ngomoya kaSathane, ukuze kubonakale angathi ngabantu abakhonzayo (ngenxa yobuthakathaka obuthile ababubone kubo) bebanyeaya.
- 6) Babe sebequalisa ukuzihlanganisa labantu benyama abangaziphathiyo, abalemisebenzi engcolileyo.
- 7) Bazinikele kunkulumo zenyama ezingcolileyo; bathabe nxa bengabona izinto ezinjalo kulabo okuthiwa bathembekile ukuze bazenze ngesibindi ngokulandela bona.
- 8) Emva kwalokho baqalisa ukudlala ngezono ezincane obala.
- 9) Ngakho-ke bathi sebenziwe lukhuni, bazineze obala lokho abayikho. Bathi ngoba bezifake esizibeni sosizi, babhubhe ngokungapheliyo ekuzikhohliseni kwabo, nxa kungenzeki isimangaliso somusa kaNkulunkulu."

## 19. Ukuwela umfula

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi abahambi basebedlule elizweni elithakathiweyo, bangena elizweni leBeula. Umoya wakhona wawumnandi, upholile; indlela idabula phakathi kwalo; bajabula lapho okwesikhathshana. Yebo, babesizwa ukukhala kwezinyoni; babona insuku zonke izimbali ezimilayo emhlabeni; bezwa ilizwi lejuba elizweni. Kulelolizwe ilanga likhanya ebusuku lemini. Ngakho lalingaphandle komfula wesithunzi sokufa; njalo uSiqhwaga uPhelithemba engelifinyele. Kulindawo, babengayiboni iNqaba yokuThandabuza. Lapho basebewubona lumuzi ababesiya kuwo. Lapho futhi bahlangana labanye ababakhe kuwo, ngoba kulelolizwe abakhazimulayo babeambahamba ngoba lalisemingceleni yezulu. Kulelilizwi isivumelwano phakathi kukamakoti lomyeni savuselelwa. Yebo, lapha "Njengomyeni ethokozela umakoti, kunjalo uNkulunkulu wabo wathokoza ngabo". Kulelozwе babengasweli ukudla, lewayini; ngoba lapho bathola okunengi kwalokho abakuswelayo ekuhambeni kwabo konke. Basebesizwa amazwi amakhulu avela emzini esithi: "Yitshoni kundodakazi yeZiyone ukuthi: khangela usindiso lwakho luyenza, lomvuzo wakho ulawo." Lapho bonke abahlala khona bababiza ngokuthi "Ngabangcwele, abahlengiwego beNkosi, abakhethiweyo", lokunye okunjalo.

Abahambi bathokoza ekuhambeni kwabo kulelolizwe kulasezindaweni ezikhathshana loMbuso ababesiya kuwo; bathi besondela emzini bawubona kuhle kulakuqala. Wawakhiwe ngamaparele langamatshe aligugu; lezindlela zigandalwe ngegolide. Kwathi ngobukhosи bomuzi uqobo lwavo, lokuhlabu kwemisebe yelanga phezu kwavo, kwenza uMkristu agule, ewulangazelela. LoBekithemba laye wagula njengesihlobo sakhe. Ngalokho, balala eceleni okwesikhathi, bekhala ngenxa yokuwulangazelela kwabo, besithi: "Nxa libona engimthandayo, limtshela ukuthi ngiyagula ngothando."

Bathi ukuthi baqine kancane, bengasaguli kangako, baqhubelela phambili endleleni yabo, basondela emzini waphezulu, bahamba lapho okulamasimu lezilimo; amasango awo ayevulekele endleleni. Bathe-nje sebefike kulezozindawo babona induna yamasimu imi endleleni. Abathi kuyo abahambi: "Ngakabani lamasimu lalezizilimo ezinhle?" Yathi yona: "NgaweNkosi; izithokozisa ngawo; ithokozisa labahambi ngawo futhi." Induna leyo yasibangenisa emasimini, yathi abajabule ngokuhle konke. Yabatshengisa izindlela zeNkosi, lezindlwana zokuphumulela, ethokoza ngokuhlala kuzo. Balibala lapho, balala ubuthongo.

Kodwa ngabona ephutsheni lami, ukuthi baphupha ebuthongweni babo

ngalesosikhathi ngakho konke okwenzekayo kukho konke ukuhamba kwabo. Ngathi nginakana ngalokho, wathi umgcinisivande kimi: "Unakananelani ngalokhu? Kuyimvelo yezithelo zalesisivini ukuthi zehle kamnandi kangangokuthi zenza abaleleyo bakhulume."

Ngasengibona ukuthi bathi bevuka, bazimisela ukwenyukela kulowomuzi waphezulu; kodwa, njengoba sengitshilo, ukuhlaba kwelanga phezu kwalowomuzi owawuligolide wonke, kwaba lenkazimulo enkulu. Lokho kwenza ukuthi behluleke ukuwukhangela ngamehlo; bawukhangela ngento yokubona eyenzelwe lokho. Ngasengibona ukuthi bathi besahamba, bahlangana labantu ababili bembethe okukhazimulayo okungathi ngokwegolide; lobuso babo bukhanya njengelanga.

Labobantu babuza abahambi ukuthi bavela ngaphi; babatshela. Bababuza futhi ukuthi bebelele ngaphi, lokuthi bahlangene lobunzima bani, ngozi bani; lokuthokoza, lokwenama okunjani endleleni; babatshela konke. Basebesithi abahlangana labo: "Sekusele ubunzima obubili elizahlangana labo andubana lingene phakathi komuzi."

UMkristu lomngane wakhe basebecela labobantu ukuthi bahambe labo. Bavuma kodwa bathi: "Lizawuthola ngokholo lwenu."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi bahamba ndawonye baze bafika eduze lesango lezulu.

Ngabona futhi ukuthi phakathi kwabo lesango kwakulomfula, kodwa kungelabholohlo lokuwela; umfula wawutshona kakhulu; bathi abahambi lapho bewubona lumfula bamangala. Bathi abakhazimulayo ababehamba labo: "Lifanele ukuchapha nxa lifuna ukufika esangweni." Baqala abahambi ukubuza bathi: "Kayikho enye indlela yokuya esangweni yini?" Basebephendula: "Yebo, ikhona kodwa akukavunywa ukuthi kuhambe mutu kuleyondlela ngaphandle kwabantu ababili, uEnoke loElija abavunyelwa ukuhamba ngayo. Kuzakuba njalo kuze kuzwakale udweba lokucina. Basebeqala abahambi ukuphelelwa ngamandla ezinhлизиyени zabo, lokuhangela ngakwesokhohlo langakwesokunene, ikakhulu uMkristu. Basebebuza kwabakhazimulayo bathi: "Amanzi ayalingana kuzo zonke izindawo ngokutshona yini?" Bathi bona: "Hatshi." Kodwa babengelakho ukubasiza ngalutho, ngoba bathi: "Lizawewza loba etshona loba hatshi, njengokukholwa kwenu eNkosini yalamuzi."

Basebezhungisela ukuchapha, bathi ukuthi bangene, uMkristu waqala ukutshona; njalo ememeza umngane wakhe omuhle uBekithemba wathi: "Ngiyatshona enzikini; amagwebu angaphezu kwekhanda lami, amagagasi ahamba phezu kwami." Wasesithi uBekithemba: "Ungakhathazeki, mflowethu, ngyializwa iphansi, kuhle." Wasesithi uMkristu: "Hawu, mhlobo

wami, izinsizi zokufa zingizingelezile. Kangiyikulibona lelolizwe eligeleza uchago lenyosi."

UMkristu wasesehlelwa yibumnyama obukhulu lovalo; waze wehluleka ukubona phambili kwakhe. Lapho futhi waphambana ikhanda wehluleka ukukhulumu kuhle ngazo zonke lezozinto ezimnandi ezithokozisayo ababehlangene lazo endleleni yokuhamba kwabo. Kanti amazwi wonke awatshoyo, ahlokozwa yikuthi ulovalo enhliziyweni esesaba ukuthi hlezzi afele kulumfula, angabe esangena esangweni. Lapha futhi kwabonakala ukuthi wahlupheka kakhulu ekhumbula izono, kusukela eqala ukuba ngumhambi, lakho konke akwenzayo ngesikhathi sangaphambili. Kwabonakala futhi ukuthi wayehlutshwa yimimoya emibi, amadimonni, ngoba kokuphela wayekuzwakalisa ngamazwi.

Lapho uBekithemba wakhathazeka, wakhanya edubekile ukuthi uzakwenze njani; ngokuphakamisa ikhanda lesihlobo sakhe, ukuthi ikhanda lesihlobo sakhe ligcinwe ngaphezulu kwamanzi. Yebo, ngezinye izikhathi wayetshona uMkristu athi nya, aze abuye avele futhi esephos'ukufa. UBekithemba wayezama njalo ukumduduza esithi: "Mfowethu, ngiyalibona isango; ngiyababona labantu abamelele ukusamukela." Kodwa uMkristu abesephendula athi: Nguwe, nguwe abakulindeleyo; unguBekithemba kusukela ekukwazini kwami." Laye wathi kuMkristu: "Lawe mfowethu." Kodwa wathi yena: "Mfowethu aluba bengilungile, iNkosi ibizavuka ingisize; kodwa ngenxa yezono zami, inglethe kulo umjibila, yangitshiya kuwo." Wasephendula uBekithemba wathi: "Mfowethu, usuyikhohliwe indawo eliZwini ethi, nxa kukhulunywa ngababi: 'Kakulazibopho ekufeni kwabo, amandla abo alukhuni; kabahlutshwa njengabanye abantu; kabalasizi njengabanye abantu.' Lokhu kuhlupheka lalezizinsizi odlula kuzo kulamanzi azibonakalisi ukuthi uNkulunkulu ukudelile. Zenzelwe ukukuvimvinya ukuthi uzakhumbula yini ngomusa wakhe wakuqala, uthembele kuye osizini lwakho."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi uMkristu wacabanga ngalesosikhathi. UBekithemba wengezelu kuye lamazwi futhi wathi: "Mana isibindi, mfowethu, uJesu Kristu uyakuphilisa." UMkristu wasesithi ngelizwi elikhulu: "Hawu! ngiyambona futhi. Ungitshela ukuthi: "Nxa udabula emanzini, ngizakuba lawe; imifula ingakucwilisi." Basebezimisa isibindi bobabili; isitha sabo, emuva kwalokho salala sathula njengelitshe, baze bachaphela ngaphetsheya. UMkristu wasefika emhlabathini afika ema phezu kwavo ngezinyawo. Emuva kwalokho, bezwa ukuthi amanzi awasatshoni phansi. Basebechapha.

Kodwa sebengaphetsheya, osebeni lomfula, baphinda babona

abakhazimulayo ababili ababebalindele. Kwathi sebephume emfuleni, babingelelwa ngabakhazimulayo besithi: "Siyimimoya yokukhonza. Sithunyelwe ukukhonza labo abazakudla ilifa lokusindiswa." Basebehamba bonke besiya esangweni.

Kodwa qaphelani ukuthi lowomuzi wawuphezu kwentaba ende enkulu. Kodwa abahambi bakhwela kuleyontaba kalula, basizwa yilabobantu bebabambe ngezandla. Futhi babetshiye ingubo zabo zokufa emuva emfuleni; ngoba lanxa babengene lazo, baphuma bengaselazo emfuleni. E! Bakhwela lapho ngokuphangisa, loba isisekelo owakhwiwe phezu kwaso lumuzi sasiphakeme kulamayezi. Bahamba ezindaweni zomkhathi bekhuluma kamnandi, beduduze kile ngoba babechaphe umfula bephephile, langokuthi bephelekezelwa ngabakhazimulayo.

Ingxoxo ababelayo labakhazimulayo yayimayelana lobukbosi bomuzi; ababatshela ukuthi ubukhos i lobuhle bawo kabukhulumeki; bathi: "Nansi intaba iZiyone; iJerusalema lasezulwini; ibandla elingebalwe lezithunywa zezulu, lemimoya yabaqotho epheleliwiwayo." Bathi futhi: "Selisiya ensimini enhle kaNkulunkulu, lapho elizabona khona isihlahla sokuphila, lidle izithelo zaso ezingabuniyo. Selifike khona lizanikwa izingubo ezimhlophe, lizahamba likhulume leNkosi ngitsho amalanga onke ephakade. Lapho kalisayikuzibona lezozinto njengoba lalizibona ezindaweni eziphansi zomhlaba: okufana lokudabuka ukugula inhlupheko lokufa; ngoba izinto zakuqala sezedlule; selisiya kuAbrahama, loIsaka, loJakobe, lakubaprofethi; abantu uNkulunkulu abakhipha ebubini obuzayo, lalabo khathesi abaphumulayo emibhedeni yabo, lalowo lalowo ehamba ebuhleni bakhe."

Babuza abahambi bathi: "Sizakwenzani kuleyondawo engcwele?" Kwaphendulwa kwathiwa: "Lapho lizakuthola umvuzo wokutshikatshika konke kwenu, libe lentokozo yosizi lonke lwenu, livune elikuhlanyeleyo, ngitsho lezithelo zemikhuleko yonke yenu, lenyembezi, lokuhluphekela kwenu iNkosi endleleni; kuleyondawo lizathwala imiqhele yegolide, lithokoze ngokuzwa lokubona njalo njalo oNgewe: ngoba lapho lizambona njengoba enjalo. Lalapho lizamkhonza njalo njalo, ngendumiso ngelizwi elikhulu lokubonga lelokuhlabelela, elafisa ukumkhonza emhlabeni, lanxa kwakulobulukhuni obukhulu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu. Lapho amehlo enu azathokoziswa yikubona, lendlebe zenu zisizwa ilizwi elithokozisayo likaSomandla. Lapho lizajabula lihlangane lezihlobo zenu ezalandulela zaya khona; lalapho lizakwamukela ngitsho lobani ozakulilandela ukungena endaweni engcwele; lapho njalo lizakwambatha udumo livunuliswe izivunulo ezifanele ukuhamba leNkosi yoDumo. Lapho isisiza ngokuzwakala kodweba emafini, kungathi iphezu kwamaphiko

omoya; lizakuza layo; lalapho isihlala phezu kwesiHlalo sokuGweba lizahlala layo; yebo lalapho ijezisa bonke abenza ukubi, kungaba zingilos i kumbe abantu lizakuba lelizwi kulokhukuGweba ngoba babeyizitha zakhe lezenu. Futhi nxa ibuyela emzini, lizabuyela layo, lihambe ngomsindo wodweba, lihlale kanye laye njalo njalo."

Bathi sebesondela esangweni, ibandla lempi yezulwini leza lahlangabezana labo. Elatshelwa ngabakhazimulayo ukuthi: 'Nampa abantu abathanda iNkosi yethu besesemhlabeni, bakutshiya konke ngenxa yebizo lakhe elingcwele. Inkosi isithumile yathi asibalethe; sibalethe lapha ngendlela yabo abayifisayo, ukuze bangene babone ubuso bomsindisi wabo ngenjabulo.' Ibandla lezulwini latsho ngomsindo omkhulu lathi: "Babusisiswe abamenyelwe emthimbeni weMvana." Kwasekuphuma ngalesosikhathi ukubahlangabeza, abanye babatshayi bamacilongo eNkosi, bembethe okumhlophe lokukhazimulayo, abathi ngamazwi amahle amakhulu, benza ukuthi lezulu liwenanele umsindo wabo. Lababatshayi becilongo babamukela kuhle oMkristu loBekithemba ngokumemeza okuzinkulungwane ezilitshumi bevela emhlabeni; lalokhu bakwenza ngokumemeza langelizwi lecilongo.

Sekwenzekile lokhu babaphahlha enhlangothini zonke; abanye bahamba phambili, abanye bahamba emuva labanye esandleni sokunene, abanye kwesokhohlo, (kwangathi babakhokhelela endaweni zaphezulu), betshaya amacilongo sonke isikhathi beqhubeka ngomsindo omnandi ngamaphimbo aphakemeyo kuze kuthi ukubonakala kwakho kulabo ababengakukhangela kwakungathi izulu uqobo selehle ukubahlangabeza. Bahamba ngokunjalo ndawonye, bathi besahamba, abatshayicilongo labo batsho ngelizwi lokujabula behlanganisa ukuhlabelela kwabo lokwenza ngobuso, langemizimba, behhalukisa kuMkristu lomngane wakhe ukuthi babamukela kuhle ebandleni labo, bahlangabezana labo ngokujabula okukhulu. Labo bahambi bobabili kambe kwasekungathi basezulwini kanti babengakafinyeleli kulo, beminzwe yikubonakala kwezithunywa zezulu, langokuzwa amaphimbo abo amnandi. Futhi babebona umuzi, usobala, bakhumbula ukuthi bezwa insimbi zikhala phakathi kwavo, ukubamukela kuwo. Kodwa kulakho konke lokho bakhumbula ngokutshisa kwenhliziyo langokuthokoza - ukuthi bazahlala khona kanye lebandla elinjalo, kuze kube phakade. Kambe lulimi bani, laluphi uluthi lokubhala olungachasisa injabulo yabo elodumo!

Ngalokho bafika esangweni, kwathi sebefike esangweni, babona kuletshwe phezu kwalo ngamabala egolide ukuthi: "Babusisiswe abagcina imilayo yakhe, bazakuba lelungelo esihlahleni sempilo, njalo bangene emzini

ngamasango."

Ngasengibona ephutsheni lami ukuthi abakhazimulayo bababizela esangweni. Bakwenza lokho, kwavela abanye phezu kthesango, okutsho uEnoke, loMosi, loElija abatshelwa kwathiwa: "Lababahambi, bavela emzini wekuBhubheni, ngokuyithanda kwabo iNkosi yomuzi wethu." Abahambi basebebanika izincwadi zabo ababezinikwe kuqala. Lezo-ke zasiwa eNkosini. Yathi emva kokuzifunda: "Angaphi lamadoda?" Bathi kuyo: "Emi ngaphandle kthesango."

Yathi iNkosi: "Akuvulwe esangweni ukuthi isizwe esiqotho esigcina iqiniso singene.

Ngasengibona ephutsheni lami labo ababili bengena esangweni; bathi bengena baguqulwa isimo, bagqokiswa izigqoko ezikhazimulayo zegolide.

Bahlangatshezwu langabanye belemiqangala lemiqhele; babanika imiqangala yokudumisa ngayo lemiqhele njengesibonelo sodumo.

Ngasengisizwa ephutsheni lami ukuthi izinsimbi zonke zomuzi zaphinda zakhala ngokuthokoza, lokuthi kwathiwa kubo: "Ngenani ekujabuleni kweNkosi yenu." Ngasengisizwa abantu labo ukuthi bahlabelela ngelizwi elikhulu bathi: "Ukubongwa, lodumo, lobukhosu, lamandla akube kuye ohlala esihlalweni sobukhosu, lakuyo iMvana kuze kube phakade laphakade."

Kwathi-ke amasango ese vulelwwe ukuthi amadoda angene, ngakhangela phakathi emva kwabo, khangela-ke umuzi wakhanya njengelanga, izitalada lazo zazendlelwwe ngegolide; njalo kuhamba kuzo abantu abanengi bethwele imiqhele emakhandu, bephethe amalala ezandleni zabo, lemiqangala yegolide ukudumisa ngayo. Kwakukhona phakathi kwabo abanye ababelempiko, bevumelana njalo njalo, bengakhawuli, besithi: "INGCWELE, INGCWELE, INGCWELE INKOSI."

Basebevala amasango. Okwathi ngikubona, ngaloyisa ukuba phakathi kwabo!

Kwathi-ke ngisakhangele lezizinto zonke, ngatshibilika ukuthi ngikhangele emuva, ngabona uKungazi esiza esondela ekhunjini lomfula; kodwa waphangisa ukukhuphuka engehlelwanga yibulukhuni obabehlele amadoda amabili, ngoba kulesosikhathi kwakukhona kuleyondawo umuntu othiwa nguThembize, umuntu wokuchaphisa abantu ngomkhumbi wakhe owamchaphisa ngesikepe sakhe. Laye, njengabanye engangibabonile, wakhwela entabenzi esondela esangweni. Kodwa akulamuntu owamhlangabezayo lokumkhuthaza nje. Wasesithi esefike esangweni, wakhangela okwakulotshwe phezulu, waseqala ukuqoqoda esithi

uzangeniswa masinyane. Kodwa wabuzwa yilabobantu abalunguza phezu kwesango, bathi: "Uvela ngaphi? Ufunani?" Waphendula wathi: "Ngadla nganatha phambi kweNkosi, njalo yatshumayela ezindleleni zakithi." Basebebuza incwadi yakhe yokungena ukuze bayise eNkosini. Wasephumphutha esifubeni sakhe, akathola lutho. Bathi bona: "Awulayo yini?" Wathula yena kaphendulanga. Basebebikela iNkosi. Kodwa yona yala ukwehla ukuzambona: kodwa yalaya ababili abakhazimulayo ababephelekezele uMkristu loBekithemba eMzini ukuthi baphume, bathathe uKungazi, bambophe izandla lezinyawo, bamlahle.

Basebemphakamisa bamthwala emkhathini bamusa emnyango engawubona eceleni kwentaba bamfaka kuwo. Ngasengibona ukuthi kwakukhona indlela eya esehogweni isuka emasangweni ezulu, lasemzini wekuBhubheni. Ngasengiphaphama; khangela kwakuliphuphonje.

#### IPHELILE LINDABA YETHU - ELESIPHETHO

Ngakho mfundi, sengilitshilo iphupho lami kuwe;  
 Bona kumbe ungalichasisa kimi,  
 Kumbe lakuwe, lakumakhelwane; kodwa nanzeela  
 Ukuchasisa kubi; ngoba ngalokho, esikhundleni  
 Sokwenza kuhle, kodwa uzabe uzilimazole:  
 Ngokuchasisa izilandelamuva ezimbi.  
 Nanzeela njalo ukwedlulisa amalawulo,  
 Ngokubeka okungaphandle kwephupho lami;  
 Kumbe wenze isimo sami kumbe umfanekiso wami  
 Kukuhlekise, kumbe ingxabano.  
 Lokhu kuyekelele abafana kumbe izithutha kodwa wena  
 Isiji sendaba yami sibone.  
 Sondela kuzimbombozo ukhangele phakathi kweveyili lami  
 Guqula imizekeliso yami njalo ungehluleki,  
 Lapho nxa uzidinga, izinto ezinje ukuzithola  
 Ezinganceda ingqondo eqotho.  
 Lokho okuyimfucuza yami okuthola lapho,  
 Bana lesibindi ukukulahla; kube kanti gcina igolide.  
 Kuzathini nxa igolide lami ligogelwe yilitshe?  
 Kakho olahla inhlamu ngenxa yobuthumbu.  
 Kodwa nxa ungakulahla konke njenge-ze  
 Kangazi, kodwa kuzangenza ngiphinde ngiphuphe.

